# *IMIBUZO NEZIMPENDULO*

Asikhothamise amakhanda ethu. Nkosi Jesu, siKubonga kakhulu kulokhu ukusa ngethuba lokuba size eBukhoneni baKho, nalesisikhathi senhlanganyelo, nokuhlala lapha ezindaweni zasezulwini kuKristu uJesu. Manje, Nkosi, sikhulekela ukuthi Uzoqhubeka ukuba ube nathi njengoba sikhuluma ngaWe. Kwangathi izinhliziyo zethu zingagcwala injabulo njengoba sibuka phezu kweZwi laKho nezithembiso saKho kithi. Busisa umelusi wethu, esibambisene nabo, bonke abazalwane nodadewethu abeza lapha ukuhlangana nathi futhi baqoqelane lapha kulendawana encane esiyikhombele ukuba yindawo yomhlangano waKho. Futhi siyakhuleka ukuthi Uzosibusisa kukho konke esikwenzayo usuku lonke. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Ningahlala phansi. (Ngiyitholile incwadi yakho, Mfowethu . . .?. . .)

2 Lokhu nje kuthi akube ngukungikhulula okuncane kancanyana nje. Benginezinkonzo emuva lapha, izingxoxiswano; bengizoba nezingxoxiswano noma kumbe—noma—noma ukuthatha nokuphendula imibuzo. Impela cishe yonke into efika kulokhu ukusa bekuyimibono, ngidingeke ukuthi kengi . . . Ngitshele uBilly, uma uMfowethu Neville ebengematasatasa kakhulu, bengizodumela lenqwatshana yemibuzo bese ngigijimela phandle lapha, kuthi ukukhulula ingqondo yami kancane. Ku . . . kuthi ukungehlisa, kuthi . . . Leyo—leyomibono i . . . Kodwa abantu usiziwe; leyo yinto enkulu. Into enkulu, basiziwe; leyo yi—leyo yingxenye enhle. Futhi ngakho, khona-ke ngizoyicosha ngaphambidlana kwesikhathi kulentambama, ukuze ngithole ukuqala ngalentambama kwezami ezizipesheli, izingxoxiswano.

3 Manje, siyajabula kulokhu ukusa ukubona abangani bethu ne . . . Manje, lokhu . . . Ningasoli uBilly ngalokhu. Ngakho manje-ke . . . Ufanele azise abantu uma bengizoqhubeka nokuphendula lemibuzo. Ngicabange ukuthi bekunganginika i, mhlawumbe i—ihora noma okuthize ukuphendula imibuzo. Abanye babami . . . Ngithanda . . . angithandi ukusuka; ngifuna ukwesula isileyiti sami sicace. Niyabo? Bese-ke kuba yilemibuzo nokunye nokunye, ngi—ngithanda nje ukuthi, ngi—ngi—nginakho lokhu sekwenziwe. Ngingena kakhulu e . . . engqondweni yami; kungenza ngigulisweyimizwa. Futhi angifuni ukuguliswa yimizwa nganoma yini; ngi—ngiya eKhaya eNkazimulweni ngolunye lwalezizinsuku.

4 Umngani wami omdala wathi kimi ezinsukwini ezithi azibe mbili ezedlule, wathi, "Sengikhathele kakhulu ukuhlala esutkesini."

Ngathi, "Mfowethu othandekayo, ngifuna ukukubuza okuthize. Ngifuna ukukutshela okuthize. Ngikhumbule ekhaya. Sekuyiminyaka engamashumi amabili ngikhumbule ekhaya, futhi anginakhaya engingaya kulo." Niyabo? Lelo yiqiniso. Leyo kuyinto esabekayo ukuyisho. Ngingahlala phansi bese ngikhalela ukuya ekhaya ndawondawo. Anginakhaya engingaya kulo. Noma ikuphi lapho engiya khona, angikwazi ukuhlala lapho izinsuku ezimbalwa; sengilungele ukuya kwenye indawo. Nje ngi. . . bengingaleyondlela; nga—ngazalwa ngaleyondlela. Umkami ungibiza nge "Mimoya evunguzayo engaPhumuli." Nje ngi—nje ngilapha nalaphaya. Naleso yisixako esesabekayo ukuba kuso, kodwa ngiqagele ngadingeka ngibe ngaleyondlela ngenkonzo yami. Kodwa abaningi benu bayakwazisa uku. . . Awu, siyakwazisa ukwenzela uNkulunkulu noma yini, kodwa ningalokothi. . .

5 Manje, siyisigejane nje sabafo basekhaya kulokhu ukusa. Niyabo? Kodwa ngi—ngikhumbule ekhaya. Ngifuna ukuya ekhaya, futhi angazi ukuthi ngizoyaphi. Wena uthi, "Uthini ngokuya eArizona, umndeni wakho ulapho na?" Ngikahle izinsuku ezimbili noma ezintathu, futhi ngifanele ngiye kwenye indawo. Futhi ngiya lapho, bese-ke ngiba kahle lapho izinsuku ezimbili noma ezintathu, futhi ngifanele ngiye kwenye indawo. Ngakho nje akukho khaya engingaya kulo, futhi ngikhumbule ekhaya.

6 Awu, kukhona iKhaya. Ngiyo—ngiyoya kulelo ngesinye isikhathi, kodwa ngifanele ngisize nina kuqala. Niyabo? Yilokho engikukhonela lapha, ngukunisiza. Futhi kuze kufike lesosikhathi, ngize ngingabe ngisakwazi ukunisiza, khona-ke ngi—ngifuna ukuya eKhaya. Ngifuna ukuya ngempela eKhaya ngaleyonkathi. Kodwa kuneNdawo ndawondawo engizoyithanda kakhulu kakhulu, angiyikufuna ukubuya.

7 Ngiyosuka eJeffersonville; ngiyohamba amaviki ambalwa; ngifuna ukubuya futhi. Ngiya eArizona; ngicabanga ukuthi lokho kuyamangalisa; ngifuna ukubuya futhi. Ngiya kwenye indawo; ngifuna ukubuya futhi. Futhi ngiya lapha, ngiye laphaya, futhi ngi. . . bese-ke ngicabanga ukuthi ngifuna ukuza lapha. Ngifika lapha; ngilapha nje izinsuku ezimbalwa, bese nginibona nonke; ngifuna ukuya kwenye indawo. Niyabo, nginabantwana bami behlakazeke nomhlaba wonke, futhi ngi—ngi. . . labo engibazale kuKristu. Futhi ngi. . . Manje-ke anginakhaya. Ngifuna ukubahlanganisa bonke ndawonye ngolunye lwalezizinsuku, niyabo, uBaba ethanda, khona-ke siyo—siyoba nekhaya lapho esingayikudingeka ukuba sisabuye sizule. Niyabo? Sikhathazwa ukuzulazula futhi kungekho-ndawo yokuhlala.

8 Futhi ngingeluleka noma ubani, ungabi umanxiwangamilimbuya (niyabo?), ngaphandle uma kuluhlobo oluthize lwenkonzo ekubiza ngaleyondlela, ngoba. . . Ngi—

bengizonikela nganoma yini nje, kulokhu ukusa, ukuba benginendawo lapha emhlabeni ebengingaya kuyo bese ngithi, “Leli yikhaya!” Benginga—benginga . . . Ukuba benginalo, bengingan ikela ngamadola ayisigidi. Ukuba benginendawo ebengingathi, “Mfana, ngiyayithanda nje lena kahle kakhulu; angifuni ukuphinda ngiyishiye,” benginga—bengin ganikela nganoma yini. Kodwa a—angikwazi ukuyithola.

9 Ngiyinto enjengoba wayenjalo uAbrahama; ngibheke uMuzi. Niyabo? Angikwazi ukuwuthola, kodwa ngiyazi ukuthi ukhona. Kodwa ngempela angikwazi nje ukwejwayela noma yiyiphi indawo ethize kulomhlaba. Nje akubukeki ku . . . Abantu abakahle, izindawo ezikahle, futhi uhamba lapha, kumanzi kakhulu; uphumele laphaya, kome kakhulu; wenyukele lapha, kubanda kakhulu; wehlele lapho, ku, shisa kakhulu. Niyabo? Futhi u . . . Akukho-ndawo; akusilo nje iKhaya. Angifuni ukuthatha isikhathi sami ngikhalela ehlombe lakho, kodwa ngi . . .

Awu, siyabonga eNkosini. Amen! Bongani ngezinto zonke. Ngikanje, ngoba ngikanje. UNkulunkulu wangenza ngaba yilokho engiyikho. Futhi ngeke ngaba yilutho kodwa lokho Angenza khona, isikhomololo, nalezonhlobo zezinto. Zingitshela ukuthi ngifanele nje ngibe ngaleyondlela ukuze ngibe lusizo ukuthi Wangithuma lapha ukuba ngibe khona. Futhi ngifuna ukuba yilolohlobo lomuntu. Uma kuyileyondlela engifanele ngibe yiyo, yilokho engifuna ukuba yikho. Noma yiyiphi intando yoMbuso kaNkulunkulu, noma intando kaNkulunkulu, yilokho engifuna ukuba yikho.

10 Manje, asikhuleke futhi. Nkosi Jesu, lemibuzo ibekwe phambi kwethu lapha, Baba. Angikwazi ukuyiphendula, Nkosi. A—angiyenele lemibuzo, kodwa ngiyazi ukuthi Wena ungowenele konke, ngoba kusenhliziyweni yabantu. Ngisebenzise, Nkosi, ukukhulula izingcindezelo zabo, Ungekwenze, Baba na? Ngikucela eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Manje, sizoqala ngo . . . Ngiqagele abakuteyipi lokhu, ngakho nje yi . . . Kulungile, ngiyethemba.

11 Manje, into eyodwa engi . . . Isizathu ngikhathazeka ngemibuzo, njalo kukhona into eyodwa ebukekayo . . . into ehlakaniphile, njalo, ehlala njalo ingikhathaza: lokho ngukuphendula umbuzo ngomshado nesahlukaniso. O he, ukukhala kwezingcingo, izincwadi, nomunye umfowethu wazisonga ngoblankethe wayesehlala egosini lami kusukela ngeleshumi nambili nqo kwaze kwaba semini ngokusa okulandelayo. Abefundisi beshaya ndawo zonke, beshade kabili noma kathathu nabo bonke. Izinkonzo . . . Ngifuna ukunibuza into eyodwa. Ngiseneziningana zazo eziphakathi lapha, ngiyazi. Angikazibheki, kodwa ziningana zazo ezisephakathi lapha.

12 Khumbulani lokhu nje! Kinina bantu enishadile, nenehlukanisile, futhi naphinde nashada, ngethembiseni into eyodwa. Niyabo? Nibeke ukuthemba kwenu kimi. (Ngi—ngiqagele lokhu akuteyishwa. Angi...) Ni—ni—nino...Ningikholwa njengomprofethi wenu othunywe evela kuNkulunkulu, inceku yenu, ngakho thathani izwi lami ngalokhu, nizolithatha na? Qhubekani nihlala njengoba ninjalo. Ningazami noma yini enye enjengakho, kodwa hlalani, qhubekani nje, hlalani ngokujabula nje. Nine... Nisindisiwe. Uma ningamaKristu, qhubekani niphilela uKristu; Wayenesizathu sokunisindisa.

13 Manje, uma ngibuya, iNkosi ithanda, ngizonichazela lokho eBhayibhelini. Niyabo? Futhi ningaphatheki kabi. Amaningi indoda ingitshelile, yathi, "Awu, ngiyamthanda umkami, kodwa ngi...ngizodingeka ukuba ngimshiye nje; a—angifuni ukugeja uhlwitho." Ungakwenzi lokho! Hlala njengoba unjalo nje uze uzwe kimi futhi (uyabo?) ngaloludaba. Bese-ke uma ngi...Ngeke ngakuchaza emizuzwini eyishumi noma eyishumi nanhlanu; kuzothatha isikhathi ukukuchaza, ngoba kufanele kube umBhalo. Kufanele kube ngu ISHO KANJE INKOSI. Uma kungesuye, akulungile.

14 Ngiyayazi lemibuzo uJesu ayisho lapha, "Uma indoda ilahla umkayo bese iganwa ngomunye kungengakuphinga iyaphinga, oganwa nguye olahliweyo, uhlala ngokuphinga": Lezizinto, Wayenesizathu sokusho lokho. WayenguNkulunkulu; lelo yiZwi laKhe.

15 Manje, asibuyele ekuqaleni bese sithola ukuthi konke kuchaza ukuthini, niyabo, bese sikukhuphula-ke. Kodwa size senze lokho, qhubekani nje njengoba ninjalo manje, njengoba nje benihlala nenzenjalo, uma ningamaKristu. Uma ningabashadikazi abangamaKristu, futhi nishadile, futhi ninabantwana, nezinto ezinjalo, ezinye izibopho ezinibophayo, ungamshiyi umkakho noma umyeni wakho manje. Ungakwenzi lokho. Uyabo? Linda uze uzwe mina futhi ngodaba. Uzongethembisa lokho na? Phakamisa isandla sakho! Manje, ungethembile ukuba ungikholwe. Manje, nina—niyangikholwa kuze kube manje; manje, ngikholweni nje kuqhubeke kancinyane odabeni.

Manje—manje, ake sibone, ngineminye emihle kabi lapha kulokhu ukusa, eminye...

**325. Ngabe bonke abangena kuMlobokazi bazofanele bakhe phakathi emamayeleni angamakhulu ayishumi nanhlanu etabernakele yini** (ngikholwa ukuthi ngibe nawo lowo futhi ngeSonto eledlule. Ngizodingeka nje ukuba ngiyicoshe futhi ngiyisebenzise ngengingakwenza.)**—amamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu etabernakele, njengoba kuzwakala kanjalo eteyipini yesibili ethi "iKhaya lesikhathi esiZayo loMlobokazi"? Bengihlale njalo**

**ngicabanga ukuthi uMlobokazi uyophuma kuzo zonke izingxenye zomhlaba ngesikhathi sohlwitho. Nginephutha na?**

16 Qhabo, mngani wami othandekayo, awunalo iphutha, uqinisile. Manje, uma ngasho noma yini phansi kweteyipu ebingakuholela ekutheni ukholwe ukuthi . . .

Manje, angi . . . Yonke lena misha kimi manje, angikaze ngibheke ku—kulena. Niyabo? Lena iyinqwatshana entsha engayithola ngelinye iSonto, ngase ngiyibuyisela kulemvilophu, ngase ngiyibeka emuva phakathi lapha.

17 Manje, kule . . . Qhabo, uMlobokazi akadingi ukuba abe kunoma yiyiphi indawo ethize. Abaningi babo bayoba sothulini lomhlaba. Bayobe besemhlabeni jikelele; bayobe beyiqeqeba lamakhaza e—iqhwa enyakatho, no—nothuli lwemeno yezifundazwe ezinokushisa okukhulu, na—nasezweni lonke jikelele. Kodwa lapho iCilongo likaNkulunkulu liyokhala khona, abafileyo kuKristu bayovuka, baphaphame, bese bephuma othulini lomhlaba, akunandaba ukuthi bakuphi. Futhi manje, kulokhu, ukuvuka kuyoba semhlabeni wonke. Niyabo? Ndawo zonke zonke izidalwa ebholeni lomhlaba esikuKristu ziyophuma naYe uma Efika (niyabo?), akunandaba ukuthi ukuphi.

18 Cabangani nje ngenkundla iarena ngezinsuku zabafelukholo basekuqaleni, ukuthi ngenkathi lawomaKristu ephoswa emphandwini wezingonyama, nalezozingonyama zabulala amaKristu futhi zidla imizimba yawo. Niyabo? Nokho ayehlakazekile, imizimba yawo wawusekumoseni kwengonyama ebusweni bonke bomhlaba. Akunandaba ukuthi kukuphi, ungeke . . . Niyabo, wenziwe ngento engabonwa eyenziwe yaphatheka, noNkulunkulu uyo—uyobuyisa leyo—leyonto. Niyabo?

19 Manje, njengokuthi uthathe i—ingqamuzana lokuphila. Ulicaze lisuka ekubeni yingqamuzana lokuphila, bese lingenake e—ingqamuzana lokuphila engqamuzaneni lokuphila, bese lingena kwisakhimzimba iathomu, nesakhimzimba imolekhuli, futhi kwehle njalo kanjalo; futhi ekugcineni kuphelela kokungabonwa. Kusuka kokwemvelo, into ongabeka isandla sakho kuyo, kuya kwizakhimzimba amagesi; kusuke kwizakhimzimba amagesi kuyongena kwisakhimzimba iesidi—iesidi kungene kwizakhimzimba amagesi, nezakhimzimba amagesi, kubuyele emuva kanjalo, kuze kuthi ekugcineni konke kuphethele entweni encane eyodwa, nalowo ngumoya. Nalomoya obuhlala kulezizakhimzimba amagesi . . . Kungahle kungabi yizakhimzimba amagesi afanayo, kodwa izimo zalokho oyikho ziyoba yilokho eziyikho futhi. Niyabo? Umoya ukulawulile lokho.

20 Futhi manje, ngamany'mazwi, uma uba yinsizwa noma intombi, nokufana nokuthi, uNkulunkulu uthwebula isithombe sakho . . . Manje, akunandaba ukuthi usumdala futhi usumbimbi kanjani, ukuthi sewonakele ubuhle kanjani, noma ngabe kuyoba yini, lokho kuyozungeleza ngqo kwehle njalo. Nalowomzimba ungabhujiswa, wonakale ubuhle, ushiswe, udliwe nya yizingonyama, noma ngabe kuyini, kodwa wenziwa ngezakhimzimba amagesi, imisuka yezinto eyishumi nesithupha yomhlaba. Leyo kwakuyikhalsiyamu isakhamathambo, nepotashi isivundisamhlabathi, nepetroliyamu uketshezi olusamafutha kapetroli, ukukhanya komhlaba nezulu, kanjalonjalo, konke kuyahambisana ukwenza umzimba. Manje, akunandaba, lokho yi . . . Wonke umhlaba ugcwaliswe ngalokho.

21 Kodwa manje, lesisithombe siyinto enkulu. Bese kuthi-ke ekuvukeni, lezozakhimzimba amagesi, nezakhimzimba ama esidi, nezinto kubuya ngqo kungene endaweni bese kukhulisa lesisithombe futhi. Manje, lesisithombe asithwetshulwanga ngenkathi useneshumi nesithupha, noma ishumi nesishiyagalombili, noma iminyaka engamashumi amabili ubudala lapho umuhle ukwedlula konke. Sathwetshulwa nini na? Ngaphambi kokusekelwa kwezwe, safakwa efayeleni enkulu kaNkulunkulu. Kwase kuthi-ke, into kuphela esayenzayo sazifaka lapha senzela wena ukuba uzikhethele. Niyabo? Bese-ke uba yinceku kaNkulunkulu. Yena ekwaziphambili, kuMenza uMhlengi, njengoba sedlule kukho.

22 Bese kuthi-ke lesosithombe ngokoqobo . . . Lesi yisithunzi sesithombe sangempela. Ingxenye yokuphila yesithunzi sesithombe sangempela yilapho ophila khona manje. Futhi noma yini, uma kukhona isithunzi sesithombe sangempela, kuzofanele kube nesithombe sangempela ngaphambi kokuba kubekhona isithunzi sesithombe sangempela. Ngakho-ke, uma lesi kuyisithunzi sesithombe sangempela, kuzofanele kubekhona isithombe sangempela ndawondawo. Nalena akusiyo into yangempela; lesi isibikezelo kuphela sento yangempela ezayo. Manje nikutholile na?

23 Ngakho, angikhathali ukuthi bebengenzani ngawe; bangeke bawubhubhisa lowomdwebo wenganhlanye lobuso, lesosithombe endaweni yokukhombisa izithombe phezulu lapho kaNkulunkulu. Ngeke kwasibhubhisa, siseZulwini. Ubungasishisa nya, usiphe izingonyama, usenze noma ngayiphi indlela ofuna ukusenza yona; siyophuma futhi ngokuqiniseke impela nje njengoba okubili nokubili kukune. Ngokuqiniseke impela nje njengoba uNkulunkulu akukhuluma, siyophuma. Ngakho, akunandaba ukuthi ukuphi . . .

24 Manje, uma ngi . . . ngicabanga ukuthi uma nizodlala iteyipu . . . (Angazi ukuthi ubani owubhalile; akukho-gama elisayiniwe, isiqephu esincane nje sephepha esinoyinki ol'hlaza s'bhakabhaka, kubhalwe kwagqama enothibhukwini encane.

Kubukeka sengathi idatshulwe kwencane—i—inothibhuku encane.) Kodwa khumbulani, kulokhu, ku—kulombuzo manje, eteyipini, uma nizoqaphela, ngisho lokhu, into ethi ayibe kulokhu (kungahle kungabi yizwi ngezwi manje, uma uhlola leteyipu nenye): Ngathi, “Isibonelo nje, silapha kulokhu ukusa. LoMuzi esilangazelele ukuwubona uyoba ngamamayela sikwele angamakhulu ayishumi nanhlanu.” Ngathi, “Lokho kungafinyelela kusuka eMaine kuya eFlorida, bese kusuka e-Eastern Seaboard kuya emamayeleni angamakhulu ayisishiyagalombili entshonalanga yoMfula iMississippi, amamayela sikwele angamakhulu ayishumi nanhlanu.” Ngathi, “Cabangani ngakho, khona lapha kulokhu ukusa, kunabantu abahlezi khona lapha aba—empeleni abavela kulelobanga elingako, emamayeleni sikwele angamakhulu ayishumi nanhlanu, behlezi phakathi lapha.” Manje, angazi ukuthi iThempeli liyobekwaphi emhlabeni, kodwa nginomqondo wokuthi iThempeli liyobekwa ngqo cishe lapho iPalastine ekhona manje. Leso mhlawumbe kuyoba yisiqongo sentaba khona lapho. Uyosabalala. Kusobala, ulwandle alusayikubabikho-ke. Niyabo, lelizwe lingamamayela ayizinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu ukulizungeza, kodwa amamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu akukukhulu kangako kulokho. Kodwa loMuzi omkhulu uyobekwa kulentaba engamamayela sikwele angamakhulu ayishumi nanhlanu.

25 Manje, isizathu ngikholwe yilokho yingenxa yeziprofetho nezinto mayelana neNtaba iZiyoni eJerusalema naleyomizi. Futhi yilapho uAbrahama umprofethi ayebheke khona lowoMuzi, futhi wawunguMakhi noMenzi wawo kwakunguNkulunkulu. Wayebheke lowoMuzi kulelozwe. Ngikholwa ukuthi uyoba lapho lelozwe elikhona.

26 Lelozwe, kul’khuni ukuthi ulithole emephini. Liyichashazi elincanyana. Futhi buka izwe leyoRashiya, neUnited States, iNingizimu Melika, nazo zonke lezozindawo lapho . . . Kungani uNkulunkulu wayeshisekele kangaka ngaleyondawo (niyabo?), ngaleyo ndawo eyodwa na? Lowo ngumbuzo. Angikwazi ukukufakazisa, kodwa nje kubukeka ngaleyondlela kimi. Kodwa noma ngabe ukuphi, siqonde kuleyondlela, ngakho ayibongwe iNkosi ngalokho.

27 Manje, uma ninokucabanga ukuthi ngi—ukuthi ngathi uyoba se . . . ekuzungezeni amamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu etabernakele, lokho kwakungukucabanga okuyiphutha (niyabo?), ngoba kungeke. Lelitabernakele line . . . Lena yindawo encane nje ezobhujiswa. Ne—nezwe liyoshiswa lingqongqe, nalokhu kuyoqedwa konke. NaleIndiana, neUnited States, nayo yonke into iyovele incibilike nje futhi nje yande ngaleya ingabi lutho kodwa ubindiza lwentabamlilo. Niyabo? Sonke isono, sonke isifo, onke amagciwane, konke yonke enye

into iyobhujiswa. "Ngase ngibona amaZulu amaSha noMhlaba omuSha, ngokuba awokuqala . . . "

28 Cabangani! UNkulunkulu waba yiminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha ekwakheni lelizwe, elihlanganisa ndawonye, elibumba. Walenza kanjani na? IBhayibheli lathi, "Walenza ngezinto ezingabonwayo"; okungukuthi, Wadala umhlaba. Manje qaphelani; lokhu kuhle. Yena impela uMdali owadala umhlaba ngenhloso (uSathane wawona), Uyehla ukuba ahlenge okwakushiywe lapha. Futhi uye kwenye indawo futhi usemsebenzini waKhe namanje esadala.

29 Manje, kuMthathe iminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha ukwenza u—umhlaba, futhi Uzothatha izinsuku ezimbili ukudala uMuzi oya emhlabeni. U . . . "EKhaya likaBaba waMi kunezindlu eziningi: ukuba bekungenjalo, beNgiyonitshela. Ngiya ukunilungiselela indawo (wakha umuzi ngegolide elicwengekileyo, imigwaqo yegolide)." Indawo enhle kanje pho.

Wayengalitholaphi na? Ngabe zikhona yini izimpahla kweminye imihlaba, noma izinyanga, nezinkanyezi, nezinto na? Akadingi ukuba nazo, UnguMdali. Uye ukuyolungisa uMuzi. Amen! Lokho kungenele du, akunenele nina na? Lokho kuhle. Ngokuba uma Akha lona, futhi ngiyawujabulela lona, kuzoba njani uma Esakha lona omusha na? O he, into emangalisa kangaka pho. Futhi ngakho ngiyajabula ukuthi siqonde kulowoMuzi. Kulungile.

**326. Mfowethu Branham, ngiyayithanda iNkosi, kodwa okonyaka odlule bengi—bengibhekene nenkinga. Kubonakala sengathi ngezinye izikhathi cishe impela bengisangene ingqondo. Kuyini na? Ngicela ungikhulekele nomyeni wami.**

30 Awu, uma kungekho . . . Uma lomuntu ubesengxoxiswaneni yangasese, njengani bantu ebenikuzo phakathi lapho kulokhu ukusa, bekuzokuhosha lokho ukuthi kuyini, noma ngabe kuyini. Niyabo? INkosi ibizokwembula ukuthi kuyini. Kodwa manje, ngokuthi angikwazi ukuthi ungubani, futhi awuhlezi lapha; kushilo nje, "Udade kuKristu."

31 Manje, manje, uma ku . . . uma kukhona into eniyenzile engalungile, ekukhathazile, khona-ke ihlole ngeBhayibheli bese ubona ukuthi ufanele wenzenjani. Kodwa uma ungenzanga lutho futhi ungalahlwa lutho, mhlampe yimizwa yakho. Uyabo? Kungahle kube nezinto eziningi ezenzekile: mhlawumbe izinkathazo emuva empilweni yakho. Mhlawumbe ngowe—owesifazane lapha angahle ukuba usesekunqamukeni ukuya esikhathini. Kulapho yonke into ingalungile kuye, futhi akukho okungalungile kuye, nokho yonke into ayilungile kuye. Futhi nje akazicabangeli, ukuzwa ngempela lokho;

kunjengokwangempela nje. Noma yimuphi umuntu oguliswa yimizwa ungaleyondlela. Futhi ungaphikisi nhlobo.

32 Nani bayeni komkenu, uma bekulesosikhathi sokuphila, uma wake. . . uma owesifazane wake waba yisithandwa sakho, myeke abe kanjalo ngaleyonkathi, ngoba uyakudinga. Uludinga ngempela usizo lwakho; udinga umuntu azomsiza, futhi amqonde. Akhulume naye, umqukule ngezingalo zakho njengo—njengo—njengokuthi wayeyisithandwa sakho, futhi ufanele abe yiso. Futhi—futhi umqonde, ngoba wedlula esikhathini lapho konke ukwakhiwa kwakhe kushintsha khona, futhi ufanele ube kahle kuye ngalesosikhathi.

33 Ngicabanga ukuthi yingakho uMnu. Rockefeller enza iphutha elingukufa. Wayethandwa yisizwe, wayeyoba mhlawumbe ngumongameli wakithi olandelayo. Kodwa ngenkathi umkakhe enqamuka ukuya esikhathini, futhi wangena ekunqamukeni ukuya esikhathini, wayesemshiya wayeseshada unobhala wakhe, niyabona ukuthi kwenzekani na? Lokho kukhombisa ukuthi asekhona amanye amaMelikana angempela acabanga kahle namanje.

Manje, ngiyamthanda uMnu. Goldwater, noma—noma uMnu. [UMfowethu Branham ushaya iminwe yakhe—Umhl.] Rockefeller. Uyi. . . Ngiyamthanda noMnu. Goldwater futhi; ngithanda wonke umuntu. Kodwa a—angifunanga uku. . . Abanye benu—abanye bamaRiphabliki angabafowethu behlezi phandle lapho bengizwa ngisho lokho, ngi . . .

34 Qaphelani, kodwa angisuye usopolitiki, ngi—ngifuna ukuba ngumKristu. Niyabo? Nalena akusiyo indawo yezepolitiki. Niyabo? Yonke into isiphelile empeleni, leyondlela, kodwa lokhu lokho esikhuluma ngakho kuPhakade. Umuntu osekela uMbuso wentando yeningi noma umRiphabliki. . . O, kuyimfucumfucu nje; akusoze kwahlengwa. Sekuphelile, ngakho ungaphikisani ngalokho. Into yokwenziwa ngukuphilela loMbuso. "Ngokuba lapha asinawo umuzi omiyo, kepha siyawufuna Ozayo." Amen! Kunjalo. Yebo, mnumzane!

35 Ngakho ezepolitiki ngolunye uhlangothi lothango, futhi mina ngingakolunye. Ngathi, "Nga—ngavota kanye; lokho kwakungokukaKristu; nginesiqiniseko sokuwina." Kunjalo. Niyabo? Ninevoti ezayo. Niyabo? UNkulunkulu wavotela nina, nodeveli wavota wamelana nani. Manje, ukuthi uliphosa ngaphi ivoti lakho yilapho ophumela ngakhona.

36 Ngakho manje, ngikholwa ukuthi lomuntu nje. . . Ngizocabanga ukuthi ngukuguliswa yimizwa nje. Uma kungekho okukulahlayo, qhubeka ngqo futhi uthi nje, "Suka kimi, Sathane!" Uqhubeke nje ngqo. Qala ukwenza futhi uphilele uNkulunkulu.

**327.** Manje. **Sike sibe khona yini noma yisiphi isimo lapho khona kuvumeleka ukushada emva kwesahlukaniso,**

**ngokwe** (Manje, ngizobona uma lona kungu. . .ngicabanga ukuthi kunemibuzo emibili noma emithathu kulona.)—**ngokwemiBhalo na? Uma nginga—uma ngingahlali ngishadile emv-. . .ezikhathini ezingaphambili, ku. . . ngabe zikhona yini izizathu zesahlukaniso esikuvumela ukuba ngisho ukuba uphinde ushade na? Ngizo—ngizo** (b-u-i-. . .) **uku. . .ukuthenga iteyipu** (Ya!) **ukuthola lempendulo. Ngiyabonga kakhulu. Ngizoyibheka ngeSonto.**

37 Awu manje, ngisho lokhu, niyabo. Ninga—ninga. . . Ngi—ngi. . .Ake ngikushiye kanjalo nje lokho (niyabo?) size sifike endaweni lapho manje. . .lapho sizo. . .konke lokhu kuzoqondiswa. Futhi manje, khumbulani nje, lokho ngukuthanda kukaNkulunkulu, ngokushesha nje uma sengibuya futhi. Isikhathi esilandelayo engifika ngaso, iNkosi ithanda, ngizoshumayela ngaleyondaba. Niyabo? Futhi manje. . . Bese kuthi-ke, sizokuteyipa noma kanjani. Futhi uma—uma kulimaza, kuyalimaza; uma kuchachisa, kuyachachisa. Kodwa nje yibani nesibindi. Niyabo?

**328. Mfowethu Branham othandekayo, kungenzeka yini ukuba umuntu abe nombhaphathizo kaMoya oNgcwele futhi angabi nezibonakaliso zilandela, o—okungenani zingabibikho kuze kube. . .esinye isikhathi esizayo nezikhathi eziqokwe nguMoya na?**

38 Manje, lokho kungezwakala njengombuzo oxubene, kodwa lowo ngomuhle, muhle kakhulu. Niyabo? Manje, nakhu kunginika ithuba elincane, engithola ukuthi lisebenza ngowami—umndeni wami lapha manje (niyabo?), ngiqonde nina, umndeni wami, nomndeni phandle ezweni lapho esi. . . lapho amateyipu ethu eya khona.

39 Manje, ingxenye enkulu yebandla lami yenziwe ngabantu bePentecostal, futhi ngoba iPentecostal ingumlayezo wakamuva esinawo ezikhundleni zamahlelo. Futhi kimi, ngivumelana ngempela nawo ngaphezu kwanoma yiliphi ibandla lehlelo. Ngilenga ngakumaPentecostal, ngoba liyi. . . umlayezo wakamuva. Nabo bonke abaphenduke kimi engibaletha kuKristu, ngizama ukubaqondisa kwelinye ibandla lePentecostal. Kodwa ngiwagxekile ngandlela zonke engaziyo ukuthi kanjani, ukuthi ayenephutha emBhalweni ngokuba yihlelo futhi engathandi ukuhamba ekuKhanyeni ngenkathi ukuKhanya kwethulwa kuwo. Kodwa nokho, ukuba bengingathatha ukuzikhethela kwami namhlanje ukuthatha noma yiliphi ibandla ezweni, bengiyothatha iPentecostal uma sekuza ehlelweni. Kodwa uma sekuza kubantu ngamunye, njengabesilisa nabesifazane, kunamaKristu angokoqobo kuwo wonke lawomahlelo: iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, amaLuthela, kanjalonjalo. Kodwa ngikhuluma ngezinqubo lababantu abakuzo, hhayi neze umuntu ngamunye, kodwa

inqubo lababantu obanjwe kuzo ehlelweni labo. Bayakuqonda ngokucacile lokho manje (niyabo?), ukuthi ngi—ngicabanga ukuthi abantu . . . Uma beyiRoma eliKatolika, uFakazi kaJehova, iJuda lebandla loMthetho, noma ngabe ayini, lokho akusho lutho kimi; kodwa bangabantu ngamunye kulabo uKristu abafela ukubasindisa.

40 Futhi manje, ngi . . . Futhi ngivumelana nezinqubo zabo abakuzo . . . Ngikholwa ukuthi kunamaningi nje amaKristu phandle lapho kwiBaptisti, njengoba ekhona kumaMethodisti, noma iPresbyterian, kumbe noma yimaphi amanye. AngamaKristu, amakholwa angempela. Futhi phandle ngqo eBandleni eliRoma Katolika kunabantu bangokoqobo phakathi lapho abangabesilisa nabesifazane bangempela abayithandayo iNkosi. Futhi abalijoyini lelobandla ukuba babe nephutha, bajoyina lelo ukuba babekahle. Kodwa yinqubo phakathi lapho eqondisa ingqondo yabo ngendlela engesiyo. Futhi uma kwenzeka kufika esikhathini engingenza khona ihlelo, nginikhohlisile futhi nganingenisa enqubweni; makube kude nami. Futhi kwangathi uNkulunkulu angangigcina engqondweni yami ekahle ukuba nginiqondise kuJesu Kristu, iZwi. Hlalani naLelo. Niyabo?

41 Kodwa manje, lomuntu lapha ubuza umbuzo ngokunokwenzeka kokuba nombhaphathizo kaMoya oNgcwele ngaphandle kwezibonakaliso zibalandela. Manje, bekungaba . . . Uma uzelwe ngokusha, u . . . Uma uzalwa kuqala njengesidalwa esingumuntu nesidalwa esingumuntu ophelele . . . Manje, ngiphendula lona nge—nge—ngendlela enobungane ngempela yokukwenza. Kodwa uma uzalwa uyisidalwa esingumuntu ophelele, empeleni uyokwenza izinto ebezingenziwa yisidalwa esingumuntu ophelele. Kunjalo na?

42 Uma uzalwa ungumuntu, ukhondolo lwemvelo lwesidalwa esingumuntu luyokulandela. Awuyikuhlala esihlahleni, bese uzama ukundiza ngamaphiko akho njengenyoni, noma—noma—noma into enjengaleyo. Lokho aku—lokho kungebe yisidalwa esingumuntu ophelele, izenzo ezijwayelekile zesidalwa esingumuntu. Isenzo esiphelele sesidalwa esingumuntu singaba ngukusebenza, sibe ne . . . sishade, sibe nomndeni, futhi senze lezizinto. Lokho ngokwemvelo, norman . . . izidalwa ezingabantu abaphelele, ngoba uzalwa kanjalo. Bese-ke uma uzalwa ungumKristu, uzalwa nguMoya kaNkulunkulu, ngokwemvelo uthatha izingxenye zikaKristu. Niyabo?

43 Manje, uma sithathe lapha kulokhu ukusa kulelibandla lapho nina bantu nihlala lapha futhi nilalele usuku nosuku kanjalonjalo ekufundiseni, nizothola ukuthi nizokwehluka komunye, ngoba ne—nehlukile. Ne—nenziwe ngokwehlukile; ukuthanda kwenu—kwenu ukudla kwehlukile; ni—nidla okwehlukile; kodwa nonke nidla ukudla. Kodwa manje, nje e . . . Ngesidalwa esisodwa ngasinye njengesinye nje, wehlukile

komunye. AmaKristu enza into efanayo. Ungeke wathi, "Manje konke. . . " Bonke bakhuluma ngezilimi na, bonke bayaprofetha na, bonke. . .? Niyabo?

44 Nifanele nizibhekisise lezizinto, ngoba umKristu uthatha i— izinjwayelo zomKristu; futhi baphila njengomKristu. UJesu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Qaphelani: "NgeGama laMi bayakukhipha amademoni; bayophatha izinyoka noma. . . baphuze okubulalayo; futhi bayokhuluma ngezilimi ezintsha." Futhi—futhi lezozinto empeleni nje zilandela amaKristu.

45 Manje, umuntu unento enhle kabi lapha: " . . . noma ngabe siyalinda yini kuze kube yisikhathi esizayo noma izimo ezikhonjwe nguMoya oNgcwele na?" Ngiyakuthanda lokho. Niyabo? Manje niyawuthola umqondo na? Ngenkathi kuqokwa nguMoya oNgcwele! UNkulunkulu uqoka izinto.

Futhi lapho, ngicabanga ukuthi uma abantu abangamaPentecostal bebengazama (olalela leteyipu), nizongiqonda uma nizofika lapha ukuthi yingani ngehluka kini nicindezela lowomqondo wokuthi bafanele bonke bakhulume ngezilimi. Nge—ngeke ngakubona lokho kulungile, ngoba kungaba. . . Ngiyawuthanda uphaya wamasheri, kodwa akukho sidingo—futhi ngiyisidalwa esingumuntu—kodwa akukho sidingo kimi sokuzama ukunitshela, "Uma ungawudli uphaya wamasheri, awusiso isidalwa esingumuntu." Uyabo? Kodwa ukudla uphaya wamasheri kungenye nje yezinjwayelo zesidalwa esingumuntu. Niyabo? Ungahle ungavumelani nami phezu kwalokho, kodwa—kodwa ku—kuyiqiniso. Manje, omunye uyodla lokhu, nomunye uyokwenza enye into.

46 Manje, uMoya oNgcwele uqoka lezizikhundla, kodwa uma uzama ukuziphoqelela wena kukho. . . Uma ngithe ubufanele udle uphaya wamasheri, ukuba-ke uphaya wamasheri ukuhlanzisile na? Futhi nokho, ubuyohlanza futhi uzame ukudla uphaya wamasheri futhi uhlanze, futhi. . .?. . . Niyabo? U—u— uyazilimaza, futhi yileyondlela ozama ukuyenza uma uzama ukuziphoqelela ekwenzeni into ethize ephambene noMoya. Unempilo yakho ayabele into ethize. Niyakuqonda lokho na? Niyabo?

47 Futhi wena, uma ugcwaliswe ngoMoya, nasi esisodwa sezibonakaliso ezedlula zonke engizaziyo: uthandana kakhulu noKristu futhi ukholwa yilo lonke iZwi Alishoyo ukuthi liyiQiniso. Niyabo? Lobo ngubufakazi bokuthi unoMoya oNgcwele. Nempilo yakho igcwele ukujabula, futhi—futhi o he, yonke into yehlukile (niyabo?) kunalokho okwakuvame ukuba yikho. Lowo nguMoya oNgcwele.

48 Manje, leziziphiwo zikuMoya oNgcwele. Manje, uma lenhlangano yebandla kulokhu ukusa, lena. . . ibandla elithokomele nje elihle eligcwele i. . . (Izindlu ezichichimayo,

kusobala, igcwalisiwe.) Kodwa e. . . Nje i. . . (Kungesikho ukumemezela ukuthi besizophendula lemibuzo, kodwa lababantu basanda kungena nje.) Qaphelani, uma wonke umuntu phakathi lapha ubenokuzwana okuphelele noMoya oNgcwele, nonke ubugcwaliswe ngoMoya oNgcwele futhi ninokuzwana noMoya oNgcwele, lezizibonakaliso bezingavele nje ziphindaphindeke phakathi kwenu ngaso sonke isikhathi (niyabo?); bekuyolokhu kuhamba ngokwanjalonjalo. Kodwa lapho kukhona ukudideka, lapho okukhona khona umehluko, nalapho esimisa khona, uMoya oNgcwele awukwazi ukuzinyakazela. Niyabo? Awukwazi ukusebenza ngabantu. Niyabo?

49 Futhi lapho, uma ngithe, "Manje wena, ngamunye wenu, wakhuluma ngezilimi na?"

"Ya."

"Awu, unaWo." "Wakhuluma ngezilimi na?"

"Qhabo."

50 "AwunaWo." Manje, ngizenza umehluleli. UNkulunkulu unguMahluleli walezizinto.

51 Kodwa bhekisisani, uJesu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela." Niyabo? Amaqembu akholwayo, yonke imvelo kaMoya oNgcwele igeleza kubo, futhi bonke bagcwele uthando, nokujabula, futhi—futhi nje isixha esikhulu sa—sa—sa—sabantu abagcwele ukumesaba uNkulunkulu. Niyabo, lowo nguMoya oNgcwele. Futhi phakathi—phakathi lapho, bakhuluma ngezilimi ngephuzu lokuthi izilimi zivuka (ngani), noma zidingeka ngalokho, bakhuluma ngezilimi. Futhi uma kunesiprofetho, siyakhuluma. Futhi o, kuphelele impela nje ngaso sonke isikhathi.

52 Buza labobantu abayishumi nanhlanu noma abangamashumi amabili abahambe bangena lapho kwingxoxiswano kulokhu ukusa ukuthi belikhona yini izwi elilodwa noma ngayiphi indlela, eligejile noma ngayiphi indlela, nezihambi eziphelele. Ini. . . UMoya oNgcwele umba phansi nje ngqo phakathi lapho, futhi uthola lezozinto, futhi uzikhipha ngqo, bese ubatshela khona. Niyabo, uyabo? Akukhomaphutha kukho. Batshele nje impela ukuthi *lokhu* kwakuyini, nokuthi *lokhu* kwakuyini, nokuthi *lokho* kuyini, nokuthi *lokhu* okumelwe kwenziwe, nezinto ezinjalo, nokuthi benzeni, nokuthi bafanele benzeni. Niyabo? Lokho nje yi. . . Kumiswe kahle ngokwenqubo. Manje, bafanele banyakaze kulokho.

53 Ngobunye ubusuku ngangikhuluma nezithandani, futhi ngangi—ngisekhaya lapho esasinomhlangano khona, noma nje—sasihlezi sizungeze itafula sixoxa. Futhi khona manjalo, uMoya oNgcwele wehlela phakathi kwethu, ngase ngithi komunye lapho, "Ngibone indoda *ethize,* futhi ba. . . ibididekile engqondweni yayo mayelana nezinto ezithize," ngase ngithi,

"njengasekudidekeni e—e—ukubona okufihlakeleyo." Ngathi, "Manje, kukhona lapha manje." Ngathi, "Ngiyazi ukuthi ucabangani." Ngase ngibuyela ngqo emuva ngase ngithatha indlela ejikelezayo ngase ngiphendula yonke imibuzo indoda eyayinayo engqondweni yayo kuyo, ukuthi i . . . Akekho owayazi ngisho nokuthi ngangikhuluma ngani ngaphandle kwayo. Niyabo? Kodwa yakuthola. Yayazi ukuthi kwakumayelana nani konke. Niyabo? Futhi lokho kwakuyini kuyo na? Kuyikhombisa, kuqinisa kuyo ukuthi uMoya oNgcwele wawembula kimi okwakusengqondweni yayo. Niyabo? Futhi ngangingadingekile ukuba ngikusho kubo bonke abanye. Indoda ingilalele khona manje. Manje, kunjalo. Manje, niyabona ukuthi lokho kukanjani na? Lokho ngukuqinisa.

54 Manje, uma ibandla lonke belingasebenza ngokuzwana kanjalo, khona-ke phakathi kwethu besingakhipha odeveli, siphatha izinyoka, siphuza okubulalayo, zonke izinhlobo zezinto ziqhubeka. Kodwa uma uzama ukuphoqelela lokho kubantu ngamunye, khona-ke uzithola wena uqobo . . . Leyo yiPentecostal futhi. Bese-ke uthola iBabiloni, ukudideka. Ungeke wakwehlulela lokho. Niyabo? Izinhliziyo zethu zigcwele ukujabula nokuthokoza, futhi o he, izinyoni ziyacula, i . . . Yonke into iyamangalisa, he, nje igcwele uMoya kaNkulunkulu, futhi sithandana kakhulu noJesu, sifuna ukukhuleka ubusuku bonke.

55 Manje, ngeke ngasiphoxa lesisixuku, noma ngisho mina uqobo kini. Kodwa ngiyamangala, uma bengingabuza kulokhu ukusa ukuthi yimuphi kulesisixuku, noma lababantu abebenoMoya oNgcwele, bekungaba mhlawumbe amapesente angamashumi ayisishiyagalolunye-nanhlanu enu niphakamisa izandla zenu ukuthi beninoMoya oNgcwele. Bese-ke ngijika bese ngininika ubufakazi obubonakalayo beBhayibheli, kanye nje, ubufakazi obubonakalayo beBhayibheli; futhi ngiyangabaza ukuthi besingaba khona yini esisodwa noma izandla ezimbili eziphakamayo. Niyabo, niyabo? Nje obenga . . . nje ngikubophele endaweni impela, kodwa uma wenza lokho (niyabo?), ulimaza futhi inhlangano yebandla lakho. Kodwa ufanele ubakhiphe kulobobungane bese ubufaka ebudodeni. Niyabo?

56 Njengomunye wabhala umbuzo ngolunye usuku, wayephezulu lapha, washo nge . . . washo okuthize ngoMfowethu Junior Jackson. Omunye wehlela lapho, base bethi, "Wehlela ko 'bhontshisi abafile,'" noma okunye noma okunye okunjalo. UMfowethu Jackson . . . Ngoba inhlangano yebandla likaMfowethu Jackson, babayeka bakhulume ngezilimi nje ebandleni. Nxa bezwa uMoya futhi befuna ukukhuluma ngezilimi, bayaqhubeka bakwenze. Awu, lelo yibandla likaMfowethu Jackson. Lokho kulunge ngokuphelele. Anginalutho olumelene nalokho, akukho-nto. UJunior Jackson ungomunye wabangani bami abedlula bonke, nendoda emesaba ngempela uNkulunkulu, egcwaliswe ngoMoya kaNkulunkulu,

futhi singabazalwane. Manje, akadingi ukudla uphaya wami wamasheri, nginga . . . Noma angidingi ukudla uphaya wakhe we-aphula (niyabo?), kodwa sobabili sidla uphaya. Sobabili sikholwa yiloMlayezo impela. Leyo yinqubo yebandla. Ngathi, "Ngifuna ibandla lami ukuba lizame ukuhlangana ndawonye." Ngathi . . . Ngenkathi siqala ukukhuluma lapha, uMoya oNgcwele ukhuluma ngezilimi kanjalonjalo, ngathi . . . Omunye wangibuza, wayesethi, "Manje, Mfowethu Branham, ngabe konke lokho kungokoqobo na?"

57 Ngathi, "Angisuye umahluleli." Ngathi, "Ngikutshela ukuthini, asikulethe endawaneni. Ake kuhambe isikhashana bese sikuletha endawaneni iZwi lize lethulwe kukho. Bese ukubhekisisa-ke. Uma KunguMoya oNgcwele, Ubambisana ngqo neZwi; uma kungabambisani, kungeke." Niyabo? Leyo yiyonandlela kuphela nje ongakubona ngayo; bese-ke ku—kuzehlulela khona. Niyabo? Awu, ku—kuyondiza kubheke phezulu uma kungesiwo uMoya oNgcwele, kuyondiza kubaleke. Niyabo? Kodwa uma kuNguMoya oNgcwele, Uyovele nje ulandele ngokuthobeka emgqeni ngqo, ngoba yilokho Oyikho; NguMoya oNgcwele uqonda ngomugqa ngqo ngenqubo yaWo uqobo.

58 Manje, kulokhu ukukhuluma ngezilimi kanjalonjalo, bengifisa sengathi ngabe nonke benikhulume ngezilimi. Ngifisa ngempela. Futhi izikhathi eziningi, amaKristu alungileyo . . .

59 Niyabo, uma nginitshela ukuthi lokho kwakusohlelweni . . . ngithole omunye . . . Hhayi uhlelo, ngiyaxolisa, ezingxoxiswaneni kulokhu ukusa. Umuntu (ngiqagele basekhona lapha endlini) ukuthi ba . . . Mayelana nokukhuluma ngezilimi . . . Umuntu ungumuntu wangokoqobo, umuntu wangempela, futhi baphile kahle. Futhi bangizwile ngibusho ubufakazi obubonakalayo bukaMoya oNgcwele ukuthi kwakungesikho ukukhuluma ngezilimi, futhi akusikho, kodwa ngameluleka lowomunu ukuba acele uNkulunkulu ukuba abadedele kube phakathi kokuthi bakhulume ngezilimi noma baprofethe, ngoba yimvelo.

60 Into yokuqala, ngaya kulowomuntu ngase ngithola indawo yabo abazalelwa kuyo, nokuthi yisiphi isibonakaliso abazalelwa phansi kwaso, futhi ngikwazi nokubatshela ukuthi ukuzalwa kwabo kwakunjani. Ukuthi yiyiphi indlela okuhlezi ngayo emvelweni yabo yemvelo ibabeka emgqeni othize. Manje-ke, uma bezalwa ngokusha futhi, bangapha kwenye imvelo. Bese kuthi-ke, uma uthola kulemvelo, lelo yingaphakathi, kunembeza ongaphakathi, unembeza ongaphakathi . . . Unembeza ongaphandle ukugudluzela kwenye indawo; lokho ngukuzalwa kwakho kwemvelo. Manje-ke, bayokwenza into ethize futhi ibangenisela ini na? Phansi kweyesine, bese ibabeka esimweni sokwahlukana. Abazi ukuthi bazokwenzani. Bayothi, "INkosi ifuna ngenze *lokhu*."

61 Ingaphakathi, "O, ngi—ngiyazi nje ku—ku—ku—kuhambisana ngomugqa nomBhalo." Futhi bayoqala ukukwenza, nento yokuqala niyazi, uSathane ngakuleli ingaphandle uyobakhombisa zonke izinhlobo zezici kukho. Bese-ke bethi, "Awu, ngiqagele ngi. . . " Niyabo, niyabo? Balalela uSathane. Niyabo? Nifanele nithathe leyonto ethile engaphakathi, yilokho okungaphakathi kuwe okungokomBhalo. Futhi ningamvumeli uSathane ame noma kuphi. Ku. . .Lowo ngumsebenzi wakhe ukuma lapho bese enigqula kanjalo. Kodwa ningamlaleli.

62 Kodwa, lowomuntu, ngabatshela. Bathi, "Awu manje, ukuba nje bengingaqiniseka ngokuba noMoya oNgcwele." Niyabo? Umuntu oyigcokama, umuntu othembeke ngempela enoMoya oNgcwele, kodwa bekungaba kuhle kuye ukuba athi, "Baba, ngiphe lokhu nje kube yinto engingama kuyo."

63 Manje, ukuba ngakufundisa kanjalo, abantu babeyokwelula isandla bese bekubamba lokho ngaphandle kokuba nalokho lowomuntu anakho. Niyabo? UMoya oNgcwele uyakhuluma ngezilimi, kodwa ufanele ube noMoya oNgcwele kuqala ngaphambi kokuba Ukhulume ngezilimi. Manje niyakuthola na? Ngakho, uma welula isandla bese ubamba isiphiwo sokukhuluma ngezilimi ngaphandle. . .

64 Manje khumbulani, leso kungaba yisiphiwo sangokoqobo; lowo bekungaba nguMoya oNgcwele ukhuluma kuwe ngezilimi ezingaziwa, ubungalahlwa futhi uye esihogweni. IBhayibheli lasho njalo. Niyakukholwa lokho na? Ningathanda ukuba nomBhalo kukho na? Nifuna umBhalo, phakamisa isandla sakho. "Noma ngikhuluma ngezilimi zabantu nezeziNgelosi. . . " Kunjalo na? Zombili, lolo olungahunyushwa nalolo olungenakuhunyushwa, izilimi zikaMoya oNgcwele zangokoqobo. "Anginto yalutho," niyabo, ngaphandle uma lolo olunye luhambisana nakho. Ungaba nakho *lokhu* (niyabo?), ngakho ungafinyeleli ku*lokho* ungenakho *lokhu*. Thola *lokhu* kuqala, kuzothi-ke *lokho* empeleni kukulandele.

65 Manje, imvula inela abalungile nabangalungile. Ilanga likhanya phezu kwababi nabalungileyo. Imvula inela ukuvuthwisa ukudla okusanhlamvu; ivuthwisa nokhula futhi, imvula efanayo. UMoya oNgcwele ungehlela eqenjini labantu, futhi bakhulume ngezilimi, futhi ukwenze kube yiqiniso ngempela, kunabalale kungene phakathi kwabantu, futhi kwenze kuprofethe, futhi kube yiqiniso ngempela. Kunjalo impela!

66 Ngezinye izikhathi ungaya ku—kumthakathikazi noma isangoma, futhi bangasho into eyiyo impela. Bukani umthakathikazi wase Endori. USawulu. . .Bekungaba yiqiniso ngempela; lokho impela kusalokhu kungesikho. Bangathakathikazi. Bekhuluma ngezilimi, ngike ngababona odeveli bekhuluma ngezilimi, futhi babhale ngezilimi

ezingaziwa. Lokho akusho lutho. Kodwa into yangempela yileloZwi futhi. Buyela kuleloZwi!

67 Ngakho, ungazenza lezizinto ngaphandle kweZwi. Kodwa uma uthola iZwi, futhi Liyakwenza, khona-ke kubhekisise kufezeka impela nje, into eyiyo impela. Niyabo? Khona-ke usemgqeni ngqo.

68 Yebo, uMoya oNgcwele usebenzisa lababantu njengoba kuqokwe ngubuHlakani baKhe uqobo bobuNkulunkulu. Kodwa into yokuqala . . .

69 Manje ini na? Ake nje ngininike umkhohlisi omncane lapha umzuzu nje. Ngithi, "Bangaki onoMoya oNgcwele na?" Nonke niphakamise isandla senu. Ngithi, "Kulungile, ngizobona ukuthi ninawo yini." IBhayibheli lasho ukuthi labo ababenoMoya oNgcwele babubula futhi bakhala imini nobusuku ngezinengiso ezenziwa emzini. Manje, zingaki isandla ebesingaphakama na? Bangaki kini abangenakuphumula ebusuku, begcwele kakhulu ukujabula, amandla kaNkulunkulu, futhi bedabuke kakhulu ngabantu olahlekile, ukuthi imini nobusuku ukhala izinyembezi futhi ukhalela izinengiso na? Ungeke . . . Niyabo? Ubani obengaba yilokho emzini na? Bangaki, osebandleni na? Yilokho iBhayibheli elathi ubufakazi bokuba noMoya oNgcwele babuyikho.

70 Watshela iNgelosi ebeka uphawu (uHezekeli 9, kunjalo), Wathi, "Thatha . . . Dabula emzini ubeke uphawu kulabo ababubula bekhalela izinengiso ezenziwa emzini. Abasele babo, iNgelosi ebhubhisayo mayibabhubhise." Akunandaba ukuthi amalunga amaningi kangakanani ababeyiwo nokuthi zingaki ezezinto ababezenzile, wathi, "Beka u . . . " Nendoda eyayinophondo lukayinki womlobi, yembethe ezimhlophe (okwakumele uMoya oNgcwele) yafika yase ibeka uphawu kubo bonke ababebubula bekhalela izinengiso ezenziwe emzini. Manje, wena uthi . . . Futhi bhekisisani ukuthi yathini phakathi lapho. "Ubulale uchithe, abantwana abancane, izalukazi, izingane, ubabulale bonke!" Abantwana abancane na? Yebo!

71 Ngenkathi uJoshuwa engena ezweni laseKhanani, yena, wathi, "Ningadedeli noyedwa wabo aphile. Uma kuyinganyana ebukekayo, ama-Amaleki amancane, noma uma-Amori, ibulaleni! Niyakhumbula, iyokhula ibe ngumAmaleki; iyokona ikamu." Futhi nxa lezozinto ezincane zibuya kanjalo futhi zingavumelani neZwi likaNkulunkulu, isuseni leyonto. Angikhathali ukuthi ingeyaliphi ihlelo.

72 Wena uthi, "Awu, balungile . . . " Angikhathali ukuthi bangabantu abalunge kanjani! Uma bephambene naleloZwi, ikhipheni into kini. IngumAmaleki omncane okhulayo. Ibukeka kahle, ibukeka imsulwa; ibukeka sengathi ilungile, kodwa ungazihlanganisi ngalutho nayo. Deda kuyo.

73 "Awu, Mfowethu Branham, nge—ngehlela lapha, ngoba . . . Awu, angi . . . " Khumbula nje, noma yimuphi umAmaleki, noma yini ephika iZwi, deda kuyo; ungazihlanganisi ngalutho nhlobo nayo! Bangaki abakholwayo ukuthi lelo yiQiniso na? Impela yilo. Niyabo? Deda kuyo!

74 Ababubula futhi bekhalela izinengiso ezenziwa emzini . . . Nikubonaphi lokho na? Nginganikhombisa izinkulungwane eziyishumi ezikhuluma ngezilimi kulowo ngempela othwele ngesono . . . ezingayikukhuleka ngisho nehora. Kodwa benazi yini ukuthi iBhayibheli lakusho lokho . . . beka uphawu kuphela labo ababubula bekhalela izinengiso emzini na? Bangaki abake bakufunda na? Impela! Lowo kwakunguMoya oNgcwele uphuma ukuba ubeke abantu uphawu, futhi wathi eNgilosini ebhubhisayo, "Phuma ubhubhise yonke into engenalo lolophawu oluwumaka kubo." Nophawu oluwumaka lukaNkulunkulu nguMoya oNgcwele, uPhawu lukaNkulunkulu.

75 Manje, baphi labobantu onalokho kukhathalela na? Ngiyanizwa nina bantu ogxuma phansi-naphezulu futhi nikhala ebandleni; nginganikhombisa abantu abamemezayo futhi bagijime yonke indlu; nginganikhombisa abantu abaprofethayo, futhi kufezeke; nginganikhombisa labo abakhuluma ngezilimi, futhi—futhi bagijime behla benyuka nezindlu, futhi besho izinto empeleni ehunyushiwe futhi ifezeke; kodwa uphi lowomuntu obubula ekhalela izinengiso esenziwe emzini na? Uphi lowomphefumulo othwele na? Ubungaphendula amakhasi amasha kulokho. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

76 Manje, ngizame konke okusemandleni ami uku—uku—ukunitshela nina bantu bese nginihola njengobabayi ezohola abantwana bakhe. Ningabantwana bami; nginizale kuKristu ngaleliVangeli engilishumayelayo. Niyabo? Futhi ngi—ngi—ngifuna nikhulise abantwanyana abakhule ngokugcwele, noma—noma abantwana. Futhi ngifuna ukunethula kuKristu ngalolosuku, njengoba uPawulu wathi, "Intombi emhlophe." Akukho-nto kuleloZwi kodwa lokho inhliziyo yakho eyokugcizelela ngo "amen" kukho.

77 Isono asina . . . Kusobala uyokwenza izinto ngephutha, kodwa uma omunye, yona impela into yokuqala ekulahlayo, "Baba, ngithethelele."

78 Ngizosho lokhu. Ngibuke umuntu nje imizuzu embalwa edlule. Kubuzwe kimi ngumfana omuhle ngoluny'usuku. Sasizingela izingwejeje. Ngalokho kusa ngathola eziyisihlanu; ngashiya enye yazo yaleyontambama. Uthola kuphela eziyisithupha esifundazweni saseKentucky; leso yisibalo esinqunyelwe. Ngakho lomuntu *othize* wathi, "Ngathola eziyisishiyagalolunye." Umfana ongumKristu, umntwanyana okahle.

Ngathi, "Wenze iphutha. Wenza iphutha!"

Wathi, "Awu . . . "

79 Ngathi, "Nganginezinhlanu ngalokho kusa, ngayonga eyodwa yaleyontambama. Futhi ngenkathi ngithola leyongwejeje eyodwa, ngabuka esihlahleni, futhi ngabala ezinhlanu noma eziyisithupha zihlezi khona lapho lapho engangikwazi ukuzibuka, ngahamba ngaphuma ngase ngizishiya." Ngathi, "Ngahamba ngenyuka ngidabula lapha kungekudala, futhi kwakukhona cishe eziyishumi nanhlanu noma amashumi amabili zihlezi lapho. Ngathatha nje ezinqunyelwe, ngase ngisuka ngihamba, ngase ngizishiya zonke ezinye lapho." Ngathi, "Uma ngifika kulelizwe, ngishumayele kini bafana nani bantu lapha izinto elungile, ngifanele ngisiphile lesosibonelo." UbuKristu abusikho lokho okushoyo, buyilokho okuphilayo, okwenzayo; yisibonelo. Ningusawoti womhlaba. Ngathi, "Manje-ke, umthetho uthi . . . uJesu wathi, 'Nika uKesari lezozinto ezingezikaKesari.' Wephula lowomthetho wejubane phandle lapho, wenzani na? Wenza okungalungile; wenza isono. Nika uKesari okukaKesari, noNkulunkulu okukaNkulunkulu."

80 Uthi, "Awu, umthetho unephutha." Angazi ukuthi uyiphutha kukuphi; kuyiphutha ukwephula umyalo kaJesu. Futhi uma unganiki uKesari okukaKesari, khona-ke wenza lokho uJesu akutshela ukuba ungakwenzi, futhi ukweqiwa komthetho yisono. Kunjalo na?

81 Sonke sinecala; siyakwenza. Kodwa uma uzibona wena unephutha, kuyeke! Abantu bayakubhekisisa; abantu angeke baye ebandleni, kodwa bayofunda wena, babone okwenzayo.

82 Ngakho, faka uKristu enhliziyweni yakho; lowo owangempela . . . uKristu noMoya oNgcwele yinto efanayo. UMoya oNgcwele, u*Kristu* kusho ukuthi "Ogcotshiwe." NoMoya oNgcwele uyiloloGcobo, futhi nguwe ogcotshiwe. Niyabo? Futhi nguKristu kuwe ekugcoba. Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na?

83 Khona-ke unento ekahle. Khona-ke Angakusebenzisa kunoma yini Afuna ukukusebenzisa kuyo, ngoba useMzimbeni futhi uthobela noma yisiphi salezo ziphiwo. Kodwa uyabo, ukuba nesinye salezoziphiwo ngaphandle koMzimba, ngeke kwakusiza ngalutho. "Noma ngikhuluma ngezilimi zabantu nezeziNgelosi, ngingenalo uthando, akungisizi ngalutho. Noma nginokukholwa futhi ngiqonde izimfihlakalo zonke zikaNkulunkulu, akungisizi ngalutho. Noma nginikela ngomzimba wami ukuba ushiswe njengomhlatshelo, ngabela abampofu konke enginakho, noma nginokukholwa kokugudluza intaba, angiyinto yalutho." Niyabo? Ungethembeli kulezozinto. UMoya oNgcwele unguBukhona; UnguNkulunkulu, uNkulunkulu kuwe, uMuntu, uNkulunkulu, lokho kukhanyise bonke ubuwena. Uyaguqulwa; uyisidalwa esisha. Noma yiyiphi into encane eyiphutha, Uzokutshela ukuthi lokho kuyiphutha, khona-ke yeka; ungakwenzi. "Baba, bengingaqondile ukwenza

lokho, Wena ngithethelele." Niyabo? Futhi lowo ngu—lowo nguMoya oNgcwele.

84 Angikhathali ukuthi wakhuluma kangakanani ngezilimi, wagijima kangakanani, wagxuma kangakanani, wakwenza kangakanani *lokhu*, *lokho,* noma *okunye*. Niyabo? Noma ngabe wenzeni, kungesho lutho ukuba uMoya oNgcwele ubungekho phakathi lapho ukukulahla ngecala ngezinto elungile nengalungile.

85 Manje, yingalesosizathu lomuntu lapha eqinisile. Akwenziwe nguMoya oNgcwele. Kodwa manje (niyabo?), manje, okubangela lokhu . . . Mangikusho ngothando, kufafazwe ngothando futhi—futhi kugcotshwe ngeZwi. Niyabo? Uma uMoya oNgcwele wangokoqobo ubukuwe, ubungeke ukubuze lokho. Ukwazi wena uqobo, kuyinto yomuntu ngamunye phakathi kwakho noNkulunkulu. Niyabo? Uyazi ukuthi kukhona into eyenzekile. Uyazi ukuthi kunoguquko, noma ngabe kukhona noma yini—noma yini enye into, wena qobo lwakho, uwuguquko. Uyabo? Nguwe owenze uguquko, ingaphakathi lakho, futhi uyazi ukuthi unalo. Noma ngabe wakhuluma ngezilimi, noma ngabe wagxuma, wamemeza, kumbe noma yini enye into, uyazi ukuthi uNkulunkulu uphila kuwe, ukuthi awuhambi ngomqondo ongowakho, ngumqondo kaKristu okuholayo naleloZwi, ngayo impela nje indlela Elihamba ngayo.

86 Manje! Kodwa enginga . . . Uma abantu bethi, "Awu manje-ke, Mfowethu Branham, awukholwa ukuthi sifanele sikhulume ngezilimi na?" Niyabo? Khona-ke nihlehlela emuva kulokhu engisanda kukusho. Impela, ngiyakholwa ukuthi nifanele nikhulume ngezilimi. Futhi abanye benu bantu . . . Niyabo? Kodwa nithola lezi, futhi . . . ngithola lezi, njengasemuva lapha lamamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu (niyabo?), ngokuba lapha etabernakele. Nje, uma ningakuqondi, khona-ke buzani mina. Niyabo? Buyani ningibhalele uma ningaqondi. Nje shonini engikusho lapha. Niyabo? Futhi ngi . . . Nani . . . njengoPawulu wathi, "Landelani mina njengoba ngilandela uKristu." Niyabo? Bese nibona-ke ukuthi nginephutha, bese-ke nideda kimi, niyabo, yilokho kuphela, ngoba ngiyoba—ngiyoba ngumuntu onephutha. Niyabo?

**329. Ngicela uchaze. Abantu bathi uMfowethu Branham ungaphezu kokuba ngumuntu, ukwazi ukudala, noJesu angabukeka efana nje noMfowethu Branham.**

87 Manje, angi . . . Umuntu usho lokhu. Noma ngabe ubani, angazi. Kodwa ngingumfowenu. Niyabo? UJesu unguMsindisi wenu. Ngingeke ngaba nguMsindisi wenu, ngokuba Usevele unisindisile. Manje, useduze kakhulu kokuba yiQiniso lapho, futhi nokho ukude kakhulu eQinisweni, umuntu owatshela lomuntu lokhu. Manje, nje kuyi . . . Kubukeka kimi njengesandla sowesifazane, isandla esibhalwe kahle kakhulu. Futhi

bengingathi leso bekuyisandla sowesifazane ubungeke na? Mfowethu Capps, ubungecabange ukuthi leso bekuyisandla sowesifazane na? Isandla esihle. Futhi angazi ukuthi ngubani. Niyabo?

88 Manje, "Mfowethu Branham, uJesu ubengaba njengawe, noma wena ube nguJesu, noma into efana naleyo na?" Omunye umqondo wegama, lelo yiQiniso impela; omunye umqondo wegama ngumphikikristu. Yilowo umehluko phakathi kokuyikho nokuyiphutha. Ukungenza uMuntu weNkosi uJesu Kristu, kungaba ngumphikikristu (niyabo?), ngokuba lowoMuntu weNkosi uJesu uhlezi ngakwesokunene soMkhulu kweliphezulu, futhi uyobuya futhi ngamandla amakhulu nenkazimulo. Kodwa okokuPhila kwaKhe okwakukuYe ephezu kwami, naphezu kwakho onaYe, kuyiQiniso impela; futhi wena uba nguKristu.

89 Niyawukhumbula umlayezo wami ngobuMesiya na? Niyabo? Ni. . . Igama *uMesiya* lichaza u. . . "Ogcotshiwe." Manje, unjalo, uma unoMoya oNgcwele, uba ngogcotshiwe. Niyabo? Khona-ke kukhona zonke izinhlobo zabagcotshiwe.

90 Manje bhekisisani, uma kungabagcotshiwe beBhayibheli. Abaningi babo bagcotshiwe. . . Niyabo? Yonke into isesibumbatheni esikhulu impela se. . . lonke uhlobo lwenxovanxova; ne—neye. . . uSathane nabobonke ubuqili bakhe uyangena futhi wakufanisa kwaze kwayofika echashazini nje, cishe echashazini. Yinye kuphela indlela ongaqiniseka ngayo ngokoqobo; hlola izwi ngezwi, izwi ngezwi! Yileyondlela kuphela ongenza ngayo.

91 Kodwa kimi njengo—ngomuntu, uWilliam Branham, kumbe—kumbe noma yimuphi omunye wesilisa noma owesifazane ukuba yiNkosi uJesu Kristu, uMsindisi wethu, lokho ngukweduka. Kodwa ukugcotshwa ngoMoya waKhe, okuletha uMuntu waKhe uqobo wokuPhila kwaKhe phakathi kuwe. . .

92 Kwakufanekiswe kahle kabi kuElija noElisha, ngenkathi uElisha ekhushulwa, uElija, umprofethi omdala, eya eKhaya. Futhi wayekhathele futhi ekhandlekile; futhi kwakukhona inqola yempi ihhukwe ngapesheya komfula lapho, futhi u. . . ukumkhuphulela eKhaya ngamahhashi omlilo. Futhi ngabe naqaphela yini-ke, ngenkathi uElija noElisha bewela umfula na? Isikole sabaprofethi sasiphezulu lapho sibabukela. NoElija wathatha ingubo yakhe futhi. . . noma washaya umfula. Futhi ngenkathi yenza, wehlukana, wayesewela. Wayesethi kumprofethi osemncane, "Ungilandelelani—ni na? Yini—yini—yini oyifisayo na?"

93 Wathi, "Ukuba okuphindwe kabili komoya wakho kwehlele kimi." Okuphindwe kabili kwalowomprofethi onamandla kwehlele kimi?

Wathi, "Ucele into elukhuni; kodwa uma ungibona sengihamba, khona-ke Uzokwehlela kuwe." Ngakho ningazibonela ukuthi wambhekisisa kanjani umprofethi.

94 Manje, ngalolosuku, lowomprofethi wayeyiZwi, ngokuba wayengukubonakaliswa kweZwi ezweni. Niyabo? Futhi wayazi ukuthi kwakufanele kube khona inkonzo enkulu kunenye efikayo, ngoba yayidinga into enkulu kunenye. Futhi ngenkathi uJesu elapha emhlabeni, WayenguElija. "Lezizinto eNgizenzayo nani niyakuzenza; ezinkulu kunalezizinto niyakuzenza, ngoba Mina ngiya kuBaba waMi." Manje, uzokwenza kanjani na? Mbhekisiseni! UnguBani na? IZwi! Niyabo? Mbhekisiseni!

95 Manje, uma kufika ekudalweni kwezinto, kuqinisile. UJesu akazange ngokuqonde ngqo adale noma yini bese eyiletha ekubeni ibekhona. Wathatha into kuqala. Wathatha amanzi, wenza iwayini. Wathatha isinkwa wayesenza ezinye izinkwa eziningi. Wathatha inhlanzi wayesenza ezinye izinhlanzi eziningi. Kodwa Wethembisa ukuthi izinto ezinkulu kunalokhu ziyokwenziwa. Niyabo? Niyabo? Manje, ngani na? Sekusosukwini olubi kakhulu kunoma kwakunjalo ngenkathi Eselapha. Niyabo? KusenguYe, kodwa esebenzisa itabernakele lakho. Niyabo?

96 Nalomuntu okuwe, okungukuzalwa kwakho . . . UnguJohn Doe; wazalwa ngenyanga *ethize,* futhi uzalwa phansi kwenkanyezi *ethize*; wazalwa phansi kwento *ethize*, nalokho kuhlangene nawe. Impela kuyakwenza!

97 Ngiyazi ngangivame uku . . . UBabayi wayevame ukuthi, "Ngeke ngawatshala lawomazambane ngalesisikhathi, ngoba inyanga ayilungile. Ungeke wawatshala lawomazambane, Billy."

98 Ngase ngithi, "Angiwatshali enyangeni, ngiwatshala lapha emhlabathini!"

Wathi, "Kulungile, s'phukuphuku, qhubeka! Uthola amaphuphusi ambalwa ekhanda lakho futhi uyofunda okuthize." Ngakwenza. Ngakwenza.

99 Ngiyakutshela: thatha ipulangwe bese ulibeka phansi phandle lapho otshanini ebumnyameni benyanga bese ubhekisisa ukuthi kwenzekani. Lobotshani buzofa khona manje. Libeke ekukhanyeni kwenyanga; ungaliyeka lilale lapho iviki; ngeke libulimaze nakancu.

100 Bhekisisa lololwandle uma leyonyanga ishintsha ngaleya. Uma ukuhlehla nokubuya kolwandle . . . Uma inyanga iphuma, ukuhlehla nokubuya kolwandle kuphuma liyilandele, futhi ingamamayela ayizigidi ukusuka emhlabeni. Akusikho lokho kuphela, yehlela lapha esifundazweni saseKentucky bese ucwilisa uthi phansi emhlabathini uze ufike emanzini anosawoti; bese ubhekisisa lelopayipi, ukuthi lujule kanjani uma inyanga . . . uma ukuhlehla nokubuya kolwandle kuphakathi

bese ubhekisisa ukuthi luphuma kanjani, luthe ngqu phansi komhlaba. Impela!

101 Tshala into endlaleka phezu komhlaba. Ebumnyameni benyanga ibhekisise yehla ngqo bese yenza njengesithombo iredishi noma utheniphu uyokwenza. Ubuye uyitshale ngenye indlela bese uyibhekisisa yendlaleka phezu komhlaba. Impela, inento ethize eyenzayo.

102 Kwakungani uAroni ayefake isihlangu sesifuba itshe lokuzalwa lalowo ngamunye walabo okhokho na? Bukani labomama ngenkathi bephumisela. Ngenkathi labomama nalabobesifazane bamaHeberu besikwa baphumisela kulabobantwana bezalwa, kwabeka igama labo; kwasho ngokuzalwa kwabo; kwababeka ezweni lendabuko; kwababeka kwiphakade.

103 Ngolunye lwalezizinsuku uma ngingena futhi ngihlale isikhathi esincane, ngifuna ukuthatha leyondaba. Impela! Bese kubhekisiswa uJakobe, ngenkathi efa lapho, ngenkathi ebeka izandla zakhe phezu kokhokho futhi wababusisa, wayesho khona impela lapho ababezoba khona. Futhi lokho kuhambisana ngqo negama labo, futhi kuhambisana impela nokuzalwa kwabo. Futhi impela, kuphathelene nawe.

104 Manje, leyo yindlela yokuzalwa kwakho; yilokho oyikho, owesilisa wemvelo noma owesifazane wemvelo. Kodwa uma uzalwa ngokusha, lowo akusiwo unembeza ongaphandle. Ingaphandle yilokho okubonayo, ukunambithe, ukuphathe, ukuhogele, futhi ukuzwe, kodwa ingaphakathi lalokho liyilokho oyikho ngempela. Manje, lokhu ngaphandle lapha, uSathane uyakulinga nje futhi akungqimuze ngapha nangapha ndlela zonke lapha; kodwa phansi lapha angeke akwenza ngaphandle uma umdedela akwenze. Ngokuba phakathi lapha unokukholwa, nokukholwa akuveli kunembeza ongaphandle, uyazindla. Kodwa ekukholweni akukho kuzindla. Unakho kuvela kuNkulunkulu, futhi uyazi ukuthi kukhona. Angikhathali ukuthi kubukeka kungalungile kanjani, usalokhu wazi ukuthi kuqinisile; ngu ISHO KANJE INKOSI. Niyabo? Futhi akukho lutho okuzokhathaza lokho. Akukho okungakhathaza lokho; kuhamba kuqonde phambili ngqo. Ubunzima abusho lutho kukho; kugxambuza ngqo kwedlule kukho, ngokuba KuyiZwi. NeZwi liyiNkemba, neZwi liyasika . . . iNkemba izisikela Yona ikhululeke kuyo yonke into. Niyabo? Kuthatha isandla sokukholwa ukubamba leloZwi. Lokho kukholwa kuzofanele ku . . .

105 Manje niyabo, uma lowonembeza ongaphakathi . . . Nanti ingaphakathi; nanti ingaphandle. Kwembulwe phakathi lapha, iQiniso linjalo; ngaphandle lapha, ngukuzindla. Manje, akubukeki kunengqondo uma besizovele nje sithi, “Sonke siyawela nje bese sijoyina iAssemblies”? Manje, ngiyayithanda iAssemblies of God, ngiyabathanda abakamunye,

ngiwathanda onke alawomabandla. "Kungani sonke singahambi nje bese sihlangana nawo, mhlawumbe senze okuthize okuhle." Lokho ngukuzindla, ingaphandle. Kodwa phansi kwingaphakathi, kubhekisise. Uma ubona ngaphandle lapha, lokhu kuzo—lokhu kuyophikisana, manje-ke . . . Bukani ama-Assemblies. Izinto eziningi azenzayo engingakholwa ukuthi i—ingokomBhalo, futhi ngingakufakazisa kubo akukho ngokomBhalo. Kodwa miningi kakhulu imiqondo eminyene kukho. Kunezinkulungwane zalabobafowethu nodadewethu abayiAssemblies abakukholwayo lokhu, iZwi, futhi abakukholwa okufundiswa yiAssemblies ukuthi kuqinisile. Kodwa basebulwembini.

106 AmaBaptisti, iPresbyterian, abakamunye, nabo bonke abanye, bakulobobulwembu lapho iqembu lomuntu lihlangana ndawonye bese bekuzindla. Futhi kunesiningi kakhulu isithunzi ngomuntu. Nangu umbhishobhi ehlezi lapha, umboni omkhulu; usho noma yini, uzothini umfo omncane na? Uyesaba ukusho noma yini. "Ngivumelana nawe. Ya, kunjalo! Ehhe! Yebo, Mbhishobhi, noma—noma Gosa, u . . . kunjalo impela." Uvumelana naye.

107 Lapha, ake sithathe osehlulwe wuphuzo phandle lapha esitaladini, isakhamuzi esijwayelekile sedlula sehla ngesitaladi futhi sithi, "Umalalepayipini omdala, akukho lutho kuye." Simehlisele lapha, simbeke embuthweni wamaphoyisa, bese simfaka ibheji, nesibhamu kuye. "Sawubona ekuseni, John, kuhle kakhulu ukukubona futhi!" Niyabo? Hloniphanani.

108 UJesu wathi, "Ungaba kanjani nokukholwa uma unezinhlonipho na?" Lolohlobo, niyazi, kuncengwa thina, izinhlonipho omunye . . . Angikhumbuli nje ukuthi nje igama lihamba kanjani. Kodwa, uma isifiso sakho sihlonipha omunye nomunye. Niyabo? Ungeke wakwenza lokho.

109 Futhi uma indoda ihlangana ndawonye enhlanganweni, ahlala phansi; nendoda encane iyesaba ukusho noma yini, ngoba umbhishobhi washo njalo, igosa lasho njalo. Kodwa ungayibukeli phansi indoda, ikholwe ukuthi iyindoda elungileyo; kodwa khumbula njalo, iZwi likaNkulunkulu liqinisile nawo onke amanye aphambene inephutha. "AmaZwi aMi mawabe ngaqinisileyo, nawo onke amazwi omuntu abe amanga." Niyakubona na? Yilokho esifuna ukukwenza, ngukukholwa yilokho.

110 Manje khumbulani, asisilo iZwi, kodwa siyiZwi. Ehhe! Manje niyakuthola na? UJesu wayengesuye uNkulunkulu, kodwa WayenguNkulunkulu. WayenguMuntu, nokho WayenguNkulunkulu. Wayekwazi ukukhala, futhi nokho Wayekwazi ukuvusa abafileyo. Wayekwazi ukukhalela umuntu esefile futhi abuye amvuse. WayenguJehova-jire, uJehova-rafa, uJehova Manase; WayenguJehova, wonke ngokugcwele. WayenguJehova, futhi nokho WayenguMuntu. Umhlaba

wawungowaKhe, futhi wenza umhlaba, futhi wayengenandawo yokucamelisa ikhanda laKhe. Wathi, "Izinyoni eNgazenzayo zinezidleke, futhi aNginandawo yokucamelisa ikhanda lami. Izimpungushe, eNgazidalayo, zinemigodi emhlabathini, futhi Anginayo neyodwa Mina uqobo, ngisho neyokumbelwa kuyo." Kunjalo. Wadingeka aboleke ithuna lomunye umuntu ukuba embelwe kulo.

111 Wadala sonke isizalo esasikowesifazane. Wayengenasizalo sokuba azalelwe kuso; wadingeka aboleke isizalo. Wadala umhlaba futhi wayengenayo indawo angembelwa kuyo; Wadingeka eboleke ito-. . . umgodi emhlabathini, ukuba embelwe kuwo, uJosefa waseArimathiya. Niyabo? Babene—badingeka ba—badingeka baboleke indawo, nokho WayenguNkulunkulu, wafakazisa ukuthi WayenguNkulunkulu.

112 Manje, niyaqonda na? Asi. . . SingabakaMesiya, kodwa hhayi lowoJesu. UnguBaba wethu; sigcotshwe nje ngoMoya waKhe, futhi yingalesosizathu ukuPhila kwaKhe. . . Nalokho kuthola abantu. Niyabo, uma ungahlali ukucabangisise, kuthola abantu ukuba bakholwe, "Awu, lomfo angaba nguMesiya." Impela unguye.

"Lona ngapha ubengaba nguye." Bobabili banguye. Niyabo? "Awu, bangaba kanjani bobabili na?" Kunezinkulungwane zabo. Niyabo?

113 Kodwa niyabo, ukuphila kwaKhe kwehlukaniswa ngosuku lwePhentekoste. Ngenkathi leyoNsika yoMlilo yehla, Yehlukana njengezilimi yase ihlala phezu kwalowo nalowo wabo, uNkulunkulu ezicaza Yena phakathi kwabantu baKhe, ngoba iBandla noKristu baMunye, njengendoda nje nomfazi bamunye.

**330. Mfowethu Branham, ngifanele ngikhombise kanjani umkami ukuthi ngimnakekela ngempela futhi nokho dlala. . . ngihlale neZwi** (Lokho ngukuthi)**—ngihlale—ngihlale neZwi, kodwa ngisalokhu nginalombuzo owathi: "Awuzejwayezi ngani ukwenza lokho okushumayelayo noma okukholwayo na?"**

114 Awu manje-ke, uma inkosikazi, uma inkosikazi isho lokhu kuwe uma i. . . inelungelo lokukusho, ufanele ube kahle. Niyabo, niyabo? Manje-ke uma yona—uma yona ikusho nje ukuba kube kubi, khumbula, iBhayibheli lathi, "Kungcono ukuba itshe lokusila lilengiswe entanyeni yakho futhi uminziswe ezinjulweni zolwandle kunokuba ngisho ukhubekise abancinyane balaba, abancane bami." Manje, lowo nje ngowakho. . . ?. . .

115 Futhi kungahle kube ngukuthi lenkosikazi ayisilo lolohlobo lomuntu. Mhlawumbe ingehlukile. Mhlawumbe ingumuntu olungileyo. Mhlawumbe iyakuhlola nje ukubona ukuthi uzokwenzenjani.

116 Manje, hlala ngothando nayo futhi uyenze ibone uJesu kuwe. Kwenze lokho. Uyabo? Qhubeka nje. Abanye. . . Nginikeza

umfanekiso omncane kulokhu ukusa mayelana nomuntu o . . . Ngesinye isikhathi lona wesifazane omncane wayene—wayemukele uMoya oNgcwele. Wayengumuntu omncane onomoya omuhle kakhulu. Ba . . . Wathi . . . Awu, wayeba nempilo elukhuni, nomyeni wakhe wayehlulwa wuphuzo. Futhi ngakho, wavele waqhubeka nje; wambekezelela. Uthi, "Ufuna ukuya enkonzweni, S'thandwa, thathela ngejubane!" Kodwa manje, wehlela enkantini, ezansi kwaBrown Derby omdala, ezansi lapha. Eqhubeka. Ngakho babezilibazisa phandle ezansi lapho ngaso sonke isikhathi, kwakuvame ukuba kwaBonifer. Abaningi benu bantu abadala lapha bayakhumbula ngenkathi uBonifer eselapho ekhoneni lika . . . Sekuthiwa kukwaBrown Derby manje, ngikholwa ukuthi yikhona.

117 Ngakho, elokhu ezilibazisa ezansi lapho, nento yokuqala niyazi, ngobunye ubusuku kuqubuka umbuzo mayelana nebandla nangamaKristu. Esinye seziphuzi ezindala sihlezi lapho sathi, "Ayisekho into okuthiwa amaKristu. Futhi ayikho into enjalo. Zonke lezizigejane zabazenzisi," sathi, "ubabona phandle lapha bebhema, bephuza, benza into efanayo nesiyenzayo, futhi," sathi, "bazibiza ngamaKristu. Ayikho into enjalo."

118 Lesi esisodwa isiphuzi sasukuma sase sithi, "Umzuzu nje! Ukhona oyedwa engazi ngaye."

Sathi, "Ubani na?"

Sathi, "Ngumkami." Niyabo? Wayephenduke waba nobusawoti. Sasikubamba ngaso sonke isikhathi.

Sathi, "Ngiyabheja ukuba ubezobekwa ekucindezelekeni . . . "

Sathi, "Qhabo, uselokhu engumKristu; ngizokufakazisa kini." Sathi, "Ngiyanitshela ukuthi asenzeni; asenyukele ekhaya, futhi ngizonikhombisa ukuthi ungumKristu yini noma qha." Sathi, "Asenyukele ekhaya, futhi manje, asidakwe ngempela. Sizokwenza sengathi sidakwe ngempela." Bangqongqotha emnyango, bangena bediyazela phezu kwayo yonke into ne—ne . . . "Yini ningahlali nizungeze ngapha," nayo yonke into. Wayesebahlalisa bonke esihlalweni ne (izimenywa zakhe, niyazi)—wayesezama ukubenza bemukeleke nje ngakho konke angakwenza. Sathi, "Ngifuna usilungisele ukudla kwakusihlwa." Futhi ngakho ba . . . Waphuma wayesebalungisela khona. Sathi, "Sifuna inyama yengulube ihem namaqanda." Sasazi ukuthi babekade benayo, ngakho balungisa inyama yengulube ihem namaqanda. Sesifika lapho etafuleni, sababuka kanjalo, saqukula ipleyiti laso, sase sikuphahlaza kwiphansi lendlu, sathi, "Uyazi, angiwafuni amaqanda ami abe kanjalo. Wozani bafana asiphumeni lapha empeleni," kanjalo—kanjalo.

119 Baphuma base behlala phansi kanjalo, niyazi. Wayesephuma; wathi, "S'thandwa, ngi—ngiyaxolisa angiwalungisanga; ngizokulungisela amanye futhi."

120 "O, umbhedo, ubuwazi ukuthi bengingawafuni abe kanjalo kwase kuqaleni," siqhubeka nje kanjalo. Baphuma lapho, base behlala phansi, futhi benza sengathi babedakiwe. Bamuzwa phakathi lapho sengathi akanakile ngokweyisa, ecula ngephimbo eliphansi impela:

> UJesu ufanele athwale isiphambano yedwa yini,
> Nalo lonke izwe lihambe likhululekile na?
> Kunesiphambano sawo wonke umuntu,
> Futhi kunesiphambano sami.
>
> Lesisiphambano esahlukaniselwe ngizosithwala,
> Ngiyoze ngikhululwe ukufa.

Esisodwa isiphuzi sabuka esinye, sathi, "UngumKristu; ukutholile!" Nalowo wesifazane omncane waholela umyeni wakhe, kanye nalaba abanye kuKristu ngalobo busuku. Niyabo? Ngani na? Niyabo? Yiba nomoya omuhle ngempela. Khumbula nje, Wazi konke ngakho.

121 Ngakho, dadewethu, noma mfowethu, noma kungaba ngubani, noma mfowethu, kulapha, ngoba ubuze ngomkakhe, yiba nobusawoti nje; uzokoma uma ikhona kuye into yokuyomela. Uma ingekho, khumbula, uma unomuntu ongafanele, uyomthola ofanele ngesikhathi seminyaka eyiNkulungwane. Yiba ulokhu uqhubeka nje; konke okungalungile kuyokwenziwa kulunge lapho.

**331. Mfowethu Branham, uyafundisa yini ukuthi uMlobokazi akafanele ukwethamela noma yiliphi ibandla ngaphandle uma ulapho ushumayela, noma kungenjalo itabernakele, ngamany'amazwi, itabernakele na?** (Uno "kungenjalo," kuchaza ukuthi "ngamany'amazwi.")

**332. Futhi, uyafundisa yini ukuthi asidingi ukugcina i—iSonto noma amaholide, njengokusebenza, ukudoba, noma okunjalo kanjalo na? Noma. . .**(Ngingathi lelo kwakuyiSonto. Kubukeke njengeSonto kimi. Noma phansi impela ekugcineni kubukeka njenge. . .noma iSonto, ngiqagele yilo, amaholide noma amaSonto. Ya, amaSonto, lokho kubukeka kanjalo na? [UMfowethu Branham ukhuluma nomunye—Umhl.] Izinsuku ezingcwele—izinsuku ezingcwele, iSonto nezinsuku ezingcwele.)

122 Qhabo! Uyaphaphalaza. Uyabo? Ake ngiye ngale bese ngiwuphendula nje lapho ngifika ngakhona.

**Uyafundisa yini ukuthi uMlobokazi akafanele ethamele noma yiliphi elinye ibandla ngaphandle uma ushumayela—**

**ushumayela noma kungenjalo, ngenye indlela, itabernakele na?**

123 Qhabo! Angikufundisi lokho. Angikukholwa lokho; angikukholwa. Sinabefundisi behlezi lapha ohlakazeke ndawo zonke ezweni lonke, futhi ngikholwa ukuthi bayingxenye yalowoMlobokazi. Ngikholwa ukuthi owesilisa noma owesifazane bangaya ebandleni noma yikuphi lapho abafuna ukuya khona elifundisa iZwi. Futhi ngikholwa ukuthi, uma bengalifundisi lonke iZwi, futhi ungeke waya ebandleni kunoma yiyiphi enye indawo lapho khona befundisa uhhafu weZwi, uze ukwazi ukufika lapho befundisa khona lonke iZwi. Hamba uye ebandleni noma ngabe yini oyenzayo. Yenza lokho.

**Futhi uyafundisa yini ukuthi sifanele—sifanele . . . asidingi ukugcina iSonto, kumbe noma yiluphi usuku olungcwele, noma—noma ukusebenza noma njengokusebenza, noma ukudoba ngeSonto na?**

124 Ngikholwa ukuthi kuyisono ukudoba, nokuzingela, nokusebenza ngeSonto uma ungaya ebandleni. Manje, ngikholwa ukuthi weqa imithetho kaNkulunkulu. "Ukhona yini umyalo kokunjalo na?" Yebo, mnumzane! Manje, eTestamenteni eLidala sasinomfanekiso wosuku lweSabatha. Konke kwaku . . . NoJesu akazelanga nina ukuba nigcine izinsuku zeSabatha. Usuku lweSabatha oludala lwalungumGqibelo, okwakungukuphela kweviki. ISonto wusuku lwesishiyagalombili, noma usuku lokuqala lweviki, uJesu avuka ngalo.

125 Angikholwa ukuthi kulungile uku . . . Manje, uma ukude le ehlane ndawo ndawo, futhi uphandle lapho usohambweni lokuyozingela, kungekho-bandla ngakhona, noma yini enjalo, futhi ingekho into ongayenza; futhi uma ubudoba, ngikholwa ukuthi lokho bekungabe kulungile. Kodwa uma ungasedolobheni, noma ngalapho ibandla liqhubeka khona, ufanele ukwethamela ibandla ngakho konke, ndawo ndawo.

126 Futhi ngiyakholwa, mayelana nokusebenza, ngikholwa ukuthi uma inkabi isemgodini, noma kunokuthize okufanele kwenziwe ngeSonto, qhubeka futhi uyenze, uma kuyinto ethize obekungekho obungakwenza, bekufanele kusebenze ngaleyondlela. Kodwa uma ukwenza nje, futhi ulinde kuze kube yiSonto ukuba ukwenze, noma nje ukwenze kanjalo, unephutha. Uyabo? Asifanele senze lokho, sifanele siluhloniphe lolosuku olungcwele.

127 Futhi manje, khumbula, yiya ebandleni ndawondawo, kwenye indawo. Uma . . . Be—bengingabiza ihlelo elithize lebandla, kodwa ngeke ngakwenza, ngoba lelibandla, into kuphela engiyaziyo ukuthi bafundisa ukuthi ngikholwa yi, bathi bayakholwa ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu. Awu, ngiyakwenza lokho. Konke okunye ukufundisa kwabo

ku. . .Bakholelwa e. . .nokuthethelelwa kwezono kungamanzi. Manje, akusibo abakamunye; benza into efanayo, kodwa angikhulumi ngabo. Bakholwa yilokho—lokho ukuzalwa kabusha ngamanzi, nokunye nokunye. Futhi angikukholwa lokho. Futhi bona, o, bakholwa ukuthi uma noma yini inokuphilisa ngokukaNkulunkulu kuyo ingekadeveli. Futhi bakholelwa kukho konke. . .Bayibona kuphela—bayiyonanto kuphela ekhona, nento kuphela ofanele uyenze ngukufaka igama lakho nje kuleyoncwadi. Futhi uma ungenalo lapho, ulahlekile. Manje, angikukholwa lokho. Kodwa uma belingekho elinye ibandla ukuya kulo (bengingeke ngiye lapho ngingogxekayo), bengiyoya lapho ngenhloso yobukhona bami, nami ngihlezi eduze komunye, ukuthi uKristu obesenhliziyweni yami athonye omunye lapho. Hambani phakathi kwabo, kodwa ningabi ngabahlanganyeli bokungakholwa kwabo.

**333. Mfowethu Branham, ngifuna ukwemukela uMoya oNgcwele. Ngifuna ukwazi ukuthi ngenzenjani. Nginomthwalo ngomndeni wami ukuba usindiswe.** Nodadewethu usayine igama lakhe.

128 Uma ufuna ukwemukela uMoya oNgcwele, ake ngikutshele okuthize, Dadewethu othandekayo, uma ukhona. Futhi—futhi—ngi. . .(Mfowethu Neville, ngabe lelo yilunga lebandla lapha na? Ezansi. . .?. . .) Angi—angibakhumbuli nami. Kodwa uma—uma ukhona, Dadewethu B-o-u-g-h, uma ukhona, ake ngikutshele. IBhayibheli lathi, "Babusisiwe abalamba bomele ukulunga. . ." Ubusiswe kakhulu ngisho nokuWufuna. Uyabo? Manje, khumbula, akusikho ukuthi u—u—unaWo, kodwa babusisiwe abalamba bomele Wona, "ngokuba bayakusuthiswa." Hlala nakho nje ngqo.

129 "Ngifanele ngenzenjani ngomndeni wami na?" Sebenzisa ukukholwa okufanayo ukusebenzisela wena uqobo, ngomndeni wakho. Banikele eNkosini bese ukholwa ngenhliziyo yakho yonke ukuthi wena uzosindiswa. Aku. . .Ungakuvumeli nje kufike ekucabangeni kwakho kwemvelo lapha, makuqathakele phansi le kwingaphakathi, lowonembeza omncane, khona-ke bangabakho. UNkulunkulu ubanika wena uma unakho phansi lapha.

130 Noma ngabe yini onayo enhliziyweni yakho lapha futhi icele, uma ukhuleka, kholwa ukuthi uyakwemukela okucelayo. Manje, ungeke usabuye ukungabaze. Ungeke wakukholwa futhi ukungabaze ngesikhathi esifanayo. Bangaki okwaziyo lokho na? Ungeke wakholwa futhi ungabaze ngesikhathi esifanayo. Ufanele ukukholwe lokho okucelayo, uyakwemukela, khona-ke Wathi uyakunikwa khona. Ngakho kholwa nje ngomndeni wakho, futhi bazokuthola.

**334. Mfowethu Branham, kuthiwani ngendodana yethu lokhu—lokhu awekho e—washumayeli amaCilongo na?**

**Uyasikhumbula isithembiso owanginika sona kuthelefoni mayelana nayo namaCilongo ayisiKhombisa na?**

131 Angikukhumbuli. Angikhumbuli ukuthi kwakuyini. Kodwa noma ngabe kuyini, yazisa uBilly Paul ukuthi kuyini. Noma yini engayethembisayo, leyo ngiyoyenza. Angikhumbuli. Uyazi, ngi. . . Ngezinye izikhathi ngithola, mhlawumbe ngesikhathi sasebusuku, ngiphendula amashumi amathathu, izingcingo ezingamashumi amane ngesikhathi esisodwa, uyabo, ngakho angibukhumbuli ubusuku emva kobusuku, ngezinye izikhathi uma ngikhona la, ngakho angitholi ukuthi ngabe kuyini.

**Kuthiwani ngomfowethu nodadewethu abangamaKatolika na? Ngiyabonga.**

132 O, lomuntu owangaphandle le kwedolobha, kude le eTexas. Ngi. . . Awu, dadewethu, uma u—uma ungowaseTexas futhi uthola leteyipu, noma uma ikhona iteyipu (Ngiqagele akuzukubakhona teyipu kulokhu), kodwa uma ikhona. . . [UMfowethu Branham ubuza ngokuteyipa inkonzo—Umhl.] Ngabe bayayenza iteyipu na? Niyayenza na? Kulungile, uma be. . . Iteyipu. . . Khona-ke ngiyakutshela ukuthini. Uma u. . . Kuleteyipu, uma uthola lokhu, khumbula, "Kuthiwani ngendodana yethu ngenkathi. . . mayelana namaCilongo ayisiKhombisa na?" Angikhumbuli ngalokho, ngaphandle uma ngathembisa ukuyibona noma into ethize ngesikhathi samaCilongo ayisiKhombisa. Uma ngakwenza, ngizoyibona; ngoba angiwashumayelanga amaCilongo ayisiKhombisa, ngashumayela u*Mkhosi wamaCilongo*. Naqonda ngalokho.

133 "Futhi kuthiwani ngodadewethu nomfowethu abangamaKatolika na? Ngiyabonga!" Ngizokutshela, Nkk. C-o-r-n-i-l-s-e-n. . . Uma inenekazi likhona, bona uBilly Paul kulokhu ukusa. Futhi—futhi uma kungenjalo, awu, ngizo—ngizo—a—angiqondi ukuthi kuyini (niyabo?); ngumbuzo nje. Nge—ngeke ngakwazi (niyabo?), ukuthi kuyini, ngoba ngethembisa into ethize mayelana nomfana wakhe namaCilongo nangodadewethu oyiKatolika; futhi a—angi—akukho emqondweni wami manje ukukhumbula. Nje bona, uBilly.

Lokhu kufanele. . . Leso nje yisicelo somkhuleko. Kunikeza igama lomuntu kwase kuthi, "izinhlungu zekhanda namankanka." Ngakho lokho nje bekuyi. . . Nje bakhulekele, ngiqagele. Kulungile.

**335. Ngicela uchaze umshado nesahlukaniso.** (Sengivele nginakho lokho. Lona yimibuzo eyisikhombisa, imibuzo eyisishiyagalombili esiqeshini esisodwa sephepha.) **Ngicela uchaze umshado nesahlukaniso.**

Ngikwenzile.

**336. UMose no—noElija emhlabeni manje na? Ngabe uMose noElija sebesemhlabeni manje na? Ngabe baseMelika na?**

134 Qhabo! Niyabo? Qhabo, abekho lapha; bangeke babekhona kuze kususwe iBandla, bese-ke uMose noElija . . . Bangaki okuqondayo lokho na? Kulungile. Futhi asibone. Abanagama elisayinwe kulokhu, ngakho . . . Kulungile. Uma noma ubani obuze lemibuzo . . . Ngikholwa ukuthi iyisikhombisa; nginike . . . make isikhombisa. Kulungile!

**337. Chaza umehluko phakathi kwe "Gama likaJesu," ne "Gama likaJesu."** (Awume kancane.) **Chaza umehluko phakathi kwegama "Jesu" ne "Gama likaJesu."**

135 Awu, omabili ayofana uma esetshenziswa ngendlela efanayo (niyabo?), asebenza kuMuntu ofanayo, igama elithi *Jesu,* ne*Gama likaJesu*. I*Gama likaJesu* negama—negama elithi *Jesu* lingukuthi UnguBani. I*Gama likaJesu* likhuluma ngoMuntu, ngakho kungafana . . . Ngicabanga ukuthi lokho kunga . . . Lokho akuzwakali kunomqondo na? Niyabo? Igama elithi *Jesu* nguMuntu qobo lwaLo, ne*Gama likaJesu* nguwe uqondise kulowoMuntu. Niyabo?

136 Uthi, igama lami ngu*William*. Lowo yimina. Kulungile. Manje, wena uthi . . . Ngiyakhuluma . . . I*gama likaWilliam,* khona-ke uqondise kimi. Lelo yigama lami. Niyabo? Manje.

**338. Ngabe iGama leNkosi lishintshile yini ezimiselweni zezikhathi ezehlukene na?**

137 Yebo, yebo! Lake labizwa—Wayebizwa ngoNGIKHONA. Wayebizwa ngoJehova, futhi Ushintshe izikhathi eziningi. Isikhathi sokugcina elashintshwa ngaso kwakungenkathi uNkulunkulu eba yinyama wayesethatha igama lobuntu.

138 UJehova, NGIKHONA, nawo onke alawo, ayiziqu eGameni. Niyabo? Wabhaphathizwa egameni likaJehova, beliyofanele libe yiGama likaJesu Kristu. Wabhaphathizwa egameni likaJehova-rafa, Jehova Manase, noJehova-jire, onke awalawo, beliyofanele libe nguJesu Kristu. UNGIKHONA nguJesu Kristu.

139 Khumbulani, emi lapho ngalolosuku, Wayesethi, "Nithi nidla imana ehlane . . . "

"Obaba bethu badla imana."

"Futhi bafile!" Washo.

140 Bathi, "Awu, sesiyazi manje ukuthi Uyahlanya, ngoba Ungumuntu nje ongakevi eminyakeni engamashumi amahlanu ubudala, futhi uthi Ubone uAbrahama."

Wathi: "Engakabikho uAbrahama, NGIKHONA." Niyabo? WayenguNGIKHONA. Nazo zonke iziqu namagama ake aba kuNkulunkulu enziwa iGama elilodwa lobuntu, iNkosi uJesu Kristu. Kulungile.

**339.** Manje: **Uma isikhathi sesikhawuka ngenkathi kuvulwa iziMpawu, khona-ke yi . . . Uma isikhathi sakhawuka** (ngiyaxolisa) **ngenkathi kuvulwa iziMpawu, khona-ke isikhathi seminyaka eyiNkulungwane naso—khona-ke**

**isikhathi seminyaka eyiNkulungwane naso sesiphelile, asinjalo na?**

141 Qhabo, qhabo! Isikhathi asikhawukanga ngenkathi kuvulwa iziMpawu. Awukuqondanga. Okwenzekayo, izimfihlakalo yembulwa, akusiso isikhathi esakhawukayo. Niyabo? Bukani nje. Bhekisisani impela manje, futhi kuyodlala iteyipu yakho uma unakho eteyipini. Uyabo?

142 Isikhathi asizange sikhawuke kwaze kwathi i. . . Lona ufanele ukuba ngowemfundiso yokufika kwesibili okuyolandela isikhathi seminyaka eyinkulungwane noma okunye, obuze umbuzo. Isizathu niyabo? Sineminyaka eyinkulungwane emva kokuba iBandla seliye eKhaya bese libuyela emhlabeni. Bese-ke isikhathi siyakhawuka emaZulwini aMasha noMhlaba oMusha.

143 Manje, isikhathi seminyaka eyiNkulungwane ayisiwo amaZulu aMasha noMhlaba oMusha. Sisayobakhona isono emva kwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane. Isikhathi seminyaka eyiNkulungwane singumfanekiso kaNowa eyongena emkhunjini, futhi wedluliselwa, wayeseletha uHamu nabanye ngakolunye uhlangothi. Nesono siphuma ngisho nasemkhunjini. Niyabo?

144 Kodwa uEnoke, owathathwayo, wayengumfanekiso woMlobokazi owenyukayo, hhayi lowo owadluliselwayo. Ngakho isono siyobe sisekhona ngakwelinye icala lesikhathi seminyaka eyiNkulungwane, kodwa hhayi ngesikhathi seminyaka eyiNkulungwane. Niyabo? Ngesikhathi seminyaka eyiNkulungwane ngukuthula. Niyabo? Kodwa isono kuyobhekwana naso ngakwelinye icala lesikhathi seminyaka eyiNkulungwane, bese-ke isikhathi siyashabalala.

145 Futhi manje, ukuvulwa kweziMpawu eziyisiKhombisa okwanikezwa nguMoya oNgcwele, iziMpawu eziyisiKhombisa kuphela kwakungukwazisa okwakushiyiwe ezimiselweni zezikhathi emva kwethu.

146 Manje, njengoba omunye usiyazi wezenkolo omkhulu wazama ukungivalela ekhoneni ngalokho, wathi, "Mfowethu Branham, wena. . . uNkulunkulu ngolunye usuku uyokunika imfihlo yalezoziMpawu eziyisiKhombisa. LezoziMpawu eziyisiKhombisa ziyoba yinto esingakaze siyifunde namanje, ukuthi kuyoba yinto engekho ngisho naseBhayibhelini." Qhabo, qhabo! Akuyikuba yilokho, ngoba uma ukwenza, lokho bekungakwenza i. . . Uma ngikutshele lokho, bengingaba ngumprofethi wamanga, ngoba (uyabo?) leliZwi. . . Lapho. . . Yonke into e—e. . . Sonke isambulo sikaJesu Kristu sonke siphelelisiwe kuleliZwi. Uyabo? Futhi uma iziMpawu eziyisiKhombisa ziphathelene namabandla ayisikhombisa, bekuyoba ngosekuvele kwedlule, ngoba sisoNyakeni weBandla laseLawodikeya. NeziMpawu eziyisiKhombisa kwakembula kuphela ababekushiye emuva lapho, futhi kwavula nge lokho

ababekushiyile; okwakushiywe nguLuther; okwakushiywe nguWesley; nabobonke abaguquli, namaPentecostal, futhi kwehle kuze kuzofika esikhathini samanje.

147 Manje, into elandelayo esele ngukuthathwa kweBandla, ukubuya kukaMose noElija, ukubusa isikhathi seminyaka eyiNkulungwane phezu komhlaba noMlobokazi noMyeni iminyaka eyinkulungwane, bese kuba-ke yinkantolo yokwahlulela, bese kuba-ke ukubhujiswa kuqothulwe nya kwesono. Asisophinde sibekhona ngalesosikhathi.

148 Manje, hhayi i. . . Khawuka. . . IziMpawu azizange ziqede isikhathi. Isikhathi noma izinkathi zonyaka kuze kube semva kwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane. Qhabo! Kuyobe kusalokhu kuyisikhathi kuze kube semva kwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane.

**340. Ngabe isikhathi seminyaka eyiNkulungwane sihlangene yini neminyaka eyinkulungwane eyodwa na? Bekungebe yini yisizukulwane na?**

149 Qhabo! Okwabelwe isizukulwane eBhayibhelini yiminyaka engamashumi amane. Kodwa iBhayibheli lathi, "Futhi baphila futhi babusa noKristu iminyaka eyinkulungwane eyodwa." Kuyoba yiminyaka eyinkulungwane eyodwa phezu komhlaba, ngoba iminyaka eyinkulungwane eyodwa phezu komhlaba ibalwa kuphela ngesikhathi, okomfanekiso njengakuNkulunkulu, njengosuku olulodwa. Iminyaka eyinkulungwane eyodwa phezu komhlaba iwusuku olulodwa kuphela kuNkulunkulu, njengesikhathi esibalwayo sikaNkulunkulu. Bangaki okuqondayo lokho manje na?

150 Ngakho, yilolosuku lweSabatha ngenkathi iBandla lingasayikubuye lisebenze ukulwa nesono. NoSathane uboshwa isikhashana, iminyaka eyinkulungwane, ngoba izikhonzi zakhe sonke zisesihogweni, neyakhe. . . IBandla elisemhlabeni liyahlengwa futhi liseBukhoneni ngqo bukaKristu, ngakho akanalutho azosebenzela kulo. Ngakho, akusilo iketango, njengoba ngasho, iketango logodo, yiketango lesimo; akanalutho angalwenza. Akanasizo futhi akanathemba, ulinde nje ukuvuka kwezikhonzi; bese-ke zehlukaniswa njengezimvu ezimbuzini.

**341. Ayifikanga yini iNkosikazi yaseSheba kuSolomoni ukumvivinya—imvivinye ukuba izitholele yona ukuthi ngabe—ukuthi ngabe igama leNkosi lalinguSolomoni ngempela yini noma qha na?** (Angikholwa ukuthi ngiyakuthola lokho. Linda nje.) **Ayifikanga yini iNkosikazi yaseSheba kuSolomoni ukumvivinya ukuba izitholele yona ukuthi ngabe igama leNkosi lalinguSolomoni ngempela yini noma qha na?** (A—angiwuqondi mhlawumbe lo. Nje. . . Ngiyaxolisa umzuzu nje. Ake ngiwufunde futhi.) **Ayifikanga yini iNkosikazi yaseSheba kuSolomoni**

**ukumvivinya ukuba izitholele yona ukuthi ngabe igama leNkosi lalinguSolomoni ngempela yini noma qha na?**

151 Qhabo! Akazange avivinye ukuthola ukuthi—ukuthi ngabe igama likaNkulunkulu lalinguSolomoni yini. USolomoni wayeyinkosi ukingi. Iyafika, yayisithi, ya—yathi, "Ngempela uNkulunkulu unenkosi ukingi waKhe nanabantu baKhe." Niyabo? Iyafika futhi yavivinywa. . . Yamvivinya uSolomoni ngesiphiwo sakhe, ngoba yayinezinto enhliziyweni yayo uSolomoni azembula kuyo, ezakhombisa ukuthi wayeyinkosi ukingi kaNkulunkulu phezu komhlaba.

152 Niyakhumbula ezansi e, ngiyakholwa, ezansi e—e—e. . . Lapho ivela khona, ezansi ezweni lase—lase—lase—laseSheba lapho eyayivela khona, abantu babefika bedlule, niyazi, futhi—futhi baxoxe ngezinto ezinkulu eyenzekayo, ukuthi babenoNkulunkulu enhla lapho ogcobe inkosi ukingi wabo, ne. . . ukuthi inkosi ukingi wayegcotshwe kanjani nguNkulunkulu. Angikholwa ukuthi yacabanga ukuthi igama likaSolomoni. . . noma igama likaNkulunkulu lalinguSolomoni, ngoba uma yenza, lokho kwakuyoyenza umhedeni futhi. Niyabo? Ngakho, ya—yayingakwenza lokho. Enhliziyweni yayo yayingacabanga ukuthi uNkulunkulu wayenguSolomoni, uSolomoni wayenguNkulunkulu, ngoba yayingumhedeni kwase kuqaleni. Kodwa ngenkathi uSolomoni embula kuyo imfihlo enhliziyweni yayo, nge—ngesiphiwo sokubona okufihlakeleyo; okwakubizwa, ngaleyonkathi, ngokuhlakanipha. Wakubona lokho okufihlakeleyo. Yayazi ukuthi uNkulunkulu wayenoSolomoni, ngoba ngaleyonkathi. . . Babene. . . Yathola ukuthi. . . Uma ifika nalokho engqondweni yayo. . .

153 Uma u—uma umuntu lapha, umbuzi, uyabuza, "Yayazi yini ngaleyonkathi ukuthi uSolomoni ngempela. . . igama leNkosi lalinguSolomoni ngempela na?" Niyabo, uSolomoni wayengesiyo iNkosi; yayiyokuthola lokho ngabantu, ngoba babekhonza uJehova, futhi kwakukhona umphongolo omkhulu, netestamente elikhulu, u—umphongolo imiyalo yeNkosi owawuphakathi. Futhi babeyoyitshela ngeNtaba yasesiNayi nezindawo ezehlukene lapho eyayikade ikhona. Bese kuthi-ke, yayingabona ukuthi uNkulunkulu—ukuthi uNkulunkulu walelotestamente wayekulendoda, ngoba wayene—wayenokubona okufihlakeleyo okwakungokukaNkulunkulu kuphela. Niyabo? Ngakho yayikwazi ukuthi—ukuthi uNkulunkulu wayekuSolomoni. Kodwa manje, kungahle kufundeke ngaleyondlela uma umbuzi ebuza lokho. Kodwa, "Yayazi yini ukuthi igama leNkosi lalinguSolomoni ngempela na?" Mhlawumbe abakubhalanga ngendlela abebecabanga ngayo. Niyabo? Ngakho ngicabanga ukuthi mhlawumbe bebezosho—sho lokhu: "Ukuthi iNkosi yayikuSolomoni." Yebo, impela kwenza. Ngoba uma lowo kungumbuzo, impela!

Yayimazi uNkulunkulu, ngoba yakuphawula lokho. Futhi yayingenakukhonza omunye unkulunkulu. Futhi ngikholwa ukuthi ya—yathi yayihlala njalo. . . Yabona ukuthi kungani. . . Yayingenamoya osele kuyo; yayingenambuzo osele kuyo. USolomoni wembula nje yonke into, futhi yazi ukuthi uNkulunkulu wayenaye.

**342. Si—sashadiswa eminyakeni engamashumi amabili-nanye edlule ngumfungisi. Kwa—kwakungalungile yini?**

154 Yebo, kwakungalungile kini ukuba nenze lokho. Umshado ungowasendlini kaNkulunkulu. Kodwa ngokuthi senishadile, nakhu uma nishade ngempela: nishadile uma nifunga omunye komunye, uma nethembisana ukuthi ni. . . ukuthi niyothathana. Umfungisi wayenganinika ilayisense, lokho yizivumelwano zomthetho, zokuhlala ndawonye njengendoda nomfazi ngaphandle kokuba yindoda nomfazi ngokomthetho wesintu ongabhalwe ndawo. Kodwa uma uthembisa lentombazane, nale. . . wethembisa lowo wesilisa ukuthi uzohlala ngokwethembeka kuye, futhi umthatha ukuba ibe yindoda yakho, senishadile-ke. Niyakhumbula, ngakuchaza lokho ngeviki eledlule, ngikholwa ukuthi kwakuyilo. Niyabo? Uma umethembisa owesifazane. Uyabo?

155 Ngisho nakwelidala—eBhayibhelini elidala, uma owesilisa wayenze intombi yaba yingoduso, futhi (niyayazi imithetho kulokho. Ngani, kwakufana nje nokuphinga. Impela kwakuyikho!) uma ethembisile, kwakuyilokho-ke.

156 Umbuzo wabuzwa ngelinye ilanga, "Ngabe ukuchithwa komshado—ukuchithwa komshado—ukuchithwa komshado kwakufana yini nesahlukaniso na?" Niyabo? Uma ungibuza leyomibuzo, mngani, awazi ukuthi lokho kwenzani kimi. Nginabangani abaningi abahlezi lapha oseshade kabili noma kathathu. Beniqonda yini ukuthi ngikhuluma endodaneni yami uqobo, uBilly Paul na? Bengingamyeka uBilly Paul na? Lutho nhlobo! UBilly Paul washada nentombazane enye encane, futhi uyeza uyenyuka, wayesethi, "Baba, ngizoshadelwa."

157 Ngangigeza imoto yami; ngathi, "Zingqubuze ngekhanda odongeni," ngaqhubeka nje ngigeza imoto yami kanjalo.

Wathi, "Ngizoshadelwa."

Ngathi, "O, qhubeka," ngaqhubeka nje kanjalo. Ujikela ngale utshela unina, nonina wamhleka. Niyazi ukuthi wenzeni na? Wasuka wagijima nomntwanyana omncane esesesikoleni esijwayelekile base beshada. Sawuchitha umshado, uyise wentombazane nami. Sawuchitha umshado, kodwa washada ngokufanayo nje. Ungumfana wami ehlezi lapha engilalele manje. Manje, kunjalo impela.

158 Ufika kimi nentombazane ahlala nayo manje, umalokazana wakwami. Indodana yami encane engumzukulu . . . Wathi, "Baba ungangishadisa na?"

159 Ngathi, "Lutho nhlobo." Leyo yindodana yami uqobo. Nicabanga ukuthi lokho akungisiki kuze kuyofika emnyombweni ngenkathi ngimqukula ezingalweni zami futhi ngenze konke engangingakwenza, futhi bengiyikho kokubili ubaba nomama kuye? Nicabanga ukuthi lokho akungibulali ukusho lokho na? Kodwa yiQiniso. Impela! Umfana wami ehlezi lapha elalele e. . . Umalokazana wakwami nendodana yami encane engumzukulu ihlezi khona lapha manje. . . Kodwa ngiyamtshela ukuthi akulungile (niyabo?), ngoba ngifanele. Ngibophezelekile kuleloZwi.

160 Futhi ngithi, nashadiswa yimantshi? Nanifanele nishadiswe yibandla, ngumfundisi. Leyo yinto ehloniphekile yokwenziwa kumKristu. Kodwa lokhu senivele nisenzile lesosithembiso, nesifungo, futhi sekuyiminyaka engamashumi amabili-nanye edlule nishadile, ngicabanga ukuthi kulungile.

Wena uthi, "Awu ngi. . . "

161 Umbuzo ungahle uthi, "Ngingeza yini ngiphinde ngishadiswe na?" Uma ukufisa. Ungabi nalutho engqondweni yakho okukhathaza ukukholwa kwakho, ngoba uma noma yini ilapho, ungeqhubekele phambili kunakhona lapho; uma khona lapho. Uma kufika lolophawu lombuzo, yilapho ophelela khona, khona lapho. Kodwa manje, kimi kungabe kulungile.

162 Indoda eyangibhaphathiza eGameni leNkosi uJesu Kristu ekugcineni yangixosha ebandleni, ngoba ngangingavumelani nayo ngabashumayeli besifazane. Lokho akungenzanga ukuba ngiphinde ngibhaphathizwe futhi. Niyabo? Impela angizange. Niyabo? Lokho kulungile.

163 Kodwa khumbulani nje, lezizinto ziyangisika. Nginabangani besifuba abahlezi lapha, owesilisa nabesifazane abebengathatha awabo. . . babeke awabo. . . bakhiphe iso labo futhi balinike mina uma bengingabacela lona (yebo, mnumzane!), futhi bashade kabili, ngezinye izikhathi kathathu, behlezi khona lapha manje. Nomfana wami uqobo, indodana engumzukulu wami uqobo, owami umzukulu-. . . nomalokazana wakwami engimthandayo. . . Bukani uBilly, ukuthi ngama kanjani ngakuye nokuthi wama kanjani ngakimi, kodwa ukusho iqiniso noma iqiniso, yiqiniso leqiniso.

164 Ngine. . . bengingaphuma lapha namhlanje futhi ngibize abanye balama-Assemblies of God noma abanye balababantu futhi ngibatshele, "Ngine. . . ngi. . . kwakungalungile konke, angizukuhlala naleloZwi, ngizohlala nani." Mhlawumbe bengingaba ngumuntu othandwa ngabantu kakhulu masinya nje nesiphiwo sikaNkulunkulu. Ukuphonsa okunye kokuthonya kwami kwenye yalezozinhlangano, mhlawumbe bengingaba negama elikhulu phakathi kwazo. Angikhathali ngegama lami phakathi kwabo. Ngiyabathanda, lelo yiqiniso. Kodwa ngifanele

ngibe ngoqinisileyo. Bengi—ngi—ngingaba ngumzenzisi uma ngenze lokho.

165 Futhi bengingaba ngumzenzisi uma ngime lapha ngoba indodana yami uqobo ihlezi lapha eyayethembise intombazane, futhi ngathi . . . Uma—uma ingazange ngisho ibe nomgubho oshiwoyo phezu kwayo, akunandaba noma yake yahlala nowesifazane, noma yalala naye, intombazane, kumbe noma ngabe kwakuyini, ngenkathi yenza lesosifungo, isishadelwe, uBilly Paul noma kungesuye uBilly Paul. Lelo yiqiniso impela! Useshadelwe uma wasenza lesosithembiso. Uma kuyimi, kuyafana.

166 Sifanele sibe qotho. Uma ngingebeqotho kumfana wami, ngeke ngabaqotho kini. Uma ngingeqotho kini, angiyikubaqotho kuNkulunkulu. Futhi ngifuna nikholwe ukuthi enginitshela khona kungumbono wami oqotho kuya ebubeleni. Ningenzi noma yini kuwo, ushoni nje ngendlela engiwusho ngayo (niyabo?), ngoba ngizonitshela iQiniso.

167 Manje, angikhulumi kini nonke kanjalo kaningi kakhulu, ngoba ningabantwana bami, nginibiza kanjalo. Nginizale kuKristu ngeVangeli. Futhi ngenkathi siselapha ndawonye, iqembu lethu uqobo nje lihlezi lapha, ngi—ngithi ukunishefa kancanyana. Kodwa ngifuna ukunitshela: kodwa uma niza kimi futhi nibuze noma yini, ngizonitshela okwedlula konke engaziyo ukuthi kanjani! Uma kuseZwini, angikhathali noma kungilahla, nginamafindo amaningi afanele agundwe kimi. Impela!

168 Kodwa uma ningibuza noma yini, ngizonitshela. Uma nginitshela noma yini, ngizonitshela iQiniso. Bengizama njalo ukuphila ngaleyondlela. Yileyondlela engifuna ukuyiphila futhi ngife ngaleyondlela, ukubaqotho kunoma ubani.

169 Intombazanyana ifika kimi kungekudala; owesifazane akekho lapha manje. UTom Simpson, abaningi benu bayamazi. UTom ungumfo okahle; akukho namunye wabantu bakubo lapha. Ngicabanga ukuthi bonke labobantu babuyele emuva, ngaphandle uma uFred esekhona lapha. Ngi . . . UFred Sothmann, angazi noma usekhona lapha noma qha, kodwa ngi—ngicabanga ukuthi bakhona. Kodwa uTom Simpson, ba . . . wehla evela eCanada no—noFred. Futhi ba . . . Niyamazi uMfowethu Fred, umphatheli wethu.

170 Futhi uMfowethu Tom, abaningi benu bayamazi lapha. Futhi uTom uyindoda enomoya omuhle; ungumfo oyiqhathanzipho; futhi unjalo noNkk. Simpson. Uma kuphela ubengalalela engimtshela khona, uzohamba futhi naye. Futhi uhlezi kulesosihlalo esinamasondo eshwabene. Uzohamba uma ezokwenza okwathiwa akwenziwe. Futhi bhekisisani futhi nibone ukuthi lokho akusilo yini iqiniso. Niyabo? Manje. Kodwa uzofanele enze atshelwa ukuthi akwenze ume elindele ukukwenza.

171 Nenye yamantombazanyana akhe, amantombazanyana anomoya omuhle. . . Ngi. . . Ngenkathi eseyizintwanyana ezincane, ngangiwaqukula ngiwabeke emathangeni ami futhi ngidlale nawo. Asemakhulu kakhulu manje; asecishe impela abe ngabesifazane, ishumi, iminyaka eyishumi nambili ubudala. Futhi ngakho, enye yawo ifika kimi yayisithi, "Mfowethu Branham, ngibe nephupho." Yayisingitshela iphupho. Yase ithi, "Kuchaza ukuthini lokho na?"

Ngathi, "Angazi, S'thandwa. Ngizokhuleka, futhi uma iNkosi inginika khona, ngizokutshela."

172 Yathi, "Kulungile!" Ezinsukwini ezimbalwa iyabuya, yathi, "Ulitholile lelophupho na?"

Ngathi, "Qhabo, S'thandwa, angikalitholi; Akakangembuleli lona."

173 Cishe sekuyiviki noma amabili kamuva iyabuya, yathi, "Mfowethu Branham, uthini ngalelophupho na?"

Ngathi, "Angazi." Awu, yabukeka sengathi yayithe ukudumala. Ngi. . .

174 Ukhumbule, uma ubuza noma yini ukuba ngikutshele, futhi ngingayitholi eNkosini, nami ngiyadumala. Kodwa angizukuba ngumzenzisi, noma umqambimanga, ngizokutshela iqiniso. Uma Engitshela, ngizokutshela; uma Engangitsheli, ngingeke. Yilokho kuphela engingakwenza. Futhi ngifuna ningikholwe ngaleyondlela.

175 Futhi manje, ngangicabanga ukuthi ngangazi ukuthi iphupho lalichazani engqondweni yami, kodwa ngazi kanjani. Ngifanele ngiyibone into iphinda yenzeka. Futhi akukho namunye wenu ongabeka umunwe wakho noma yisiphi isikhathi noma yiyiphi indawo, lapho engake nganitshela incazo yephupho eGameni leNkosi akwangabi ngaleyondlela ncamashi. Yebo, mnumzane! Angikaze nginitshele noma yini eGameni leNkosi ngaphandle kwalokho okufezekayo futhi, ngaleyondlela nje, ngoba ngi—ngi. . . NguYe. Bese kuthi-ke akusiwo umthwalo wami-ke, nguYe; ngumthwalo waKhe.

176 Ngathi, "Buka, Trudy, uma-ke besiya eArizona. Futhi uma-ke—uma ngifika ngakutshela ukuthi uma uphuma lapho, 'ISHO KANJE INKOSI, umfowenu omncane uyahamba. . .'? UJohnny omncane, lo engiyaye ngimgcone ngokuba nesisu sakhe esivuleka ngaso sonke isikhathi." Ngathi, "Uma-ke egaywa yimoto emgwaqeni na? Bese ngithi, 'Uyazi ukuthi kuzokwenzekani na? Uzogaywa yimoto emgwaqeni.' Futhi wena wenyukela kimi, futhi—futhi uzothi, 'Mfowethu Branham. . .' 'Hamba, umyise kuMfowethu Branham,' njalo. Uzobe-ke usufunisisa ngapha nangapha, futhi uzongithola ngimi ezitebhisini, ngikhuluma nendoda egqoke isudu emhlophe. Bese kuthi-ke ngizovele nje ngibeke izandla zami phezu kukaJohnny omncane; uzobuye aphile futhi bese ezigijimela."

Manje, ngathi, "Bese-ke uphumela eNtshonalanga, nento yokuqala uyazi, ngolunye usuku uzwa umama wakho edazuluka, ubabayi wakho edazuluka, futhi ubuke, noJohnny omncane ugaywe imoto. Ubungenzenjani na?" Uyabo? Uyangikholwa. Uyabo? Futhi ngifuna ungethembe. Angizukukutshela lutho ngokucabangela nje; ngizokutshela iqiniso, noma ngingakutsheli lutho. Ngase ngithi, "Manje-ke uza kimi bese uthi, 'O, Johnny omncane . . .' Noma, uze kunyoko, 'O, uJohnny umncane ugaywe yimoto. Usefile! Usefile!'"

177 "Udokotela afike, akweqise amehlo akhe, ahlole inhliziyo yakhe, ukuphefumula kwakhe. 'Usefile. Mthatheni nimyise emakhazeni.'"

"Ubungenzenjani na? Uzothi, 'Ake nime kancane nje! Ake nime kancane nje! Mthatheni nimbeke ezingalweni zami; asiqale ukuhamba.'" Amen!

"'Uyaphi, Trudy na?'"

"'Angazi.'"

"'Unani na?' Unomfowenu omncane ofile ezingalweni zakho. Uqhubeke nje wehle ngomgwaqo. Abantu bathi, 'Iyahlanya yini leyantombazane na?' Qhabo, mnumzane!" Ino ISHO KANJE INKOSI. Kuzokwenzekani na?

178 "Into yokuqala uyazi, uthi kuyihlo nonyoko, 'Ake nime, sizothola uMfowethu Branham. Uzobe emi ezitebhisini ekhuluma nendoda egqoke isudu emhlophe. Nango emi khona lapho. Bhekisisisani ukuthi kwenzekani.' Kungekho kungabaza engqondweni yakho. Wenyukele lapho bese uthi, 'Mfowethu Branham, uyakwazi owangitshela khona na?'"

"Yebo, Trudy. 'Johnny, vuka!'" Agxume ehle bese eqhubeka ehle ngomgwaqo.

179 "Kodwa uma-ke ngikutshela izinto ezithize ngokucabangela nje engicabanga ukuthi kulungile, bese ngikutshela ngaleyondlela, ISHO KANJE INKOSI, futhi kungalungile, futhi akwenzeki, akufezeki neze; khona-ke ubungesaba kuthi yifa ngomfana omncane. Ubungeke wazi ukuthi ungamletha noma qha."

180 UNkulunkulu wangithuma lapha ukuzonisiza, futhi ngifuna ukuba wusizo kini. Futhi akunandaba noma kusika, kulimaza kumbe noma ngabe kuyini, ngifanele ngikusho noma kanjani.

181 Kodwa manje odabeni lomshado nesahlukaniso, ngikucele njengomfowethu, thula uze uzwe kimi. Uyezwa na? Qhubeka nje njengoba uhlalile. (Ngithatha okuningi kwesikhathi lapha.)

182 "Sashadiswa eminyakeni engamashumi amabili nanye eyadlula (ya) . . . umfungisi." Dadewethu othandekayo, Mfowethu othandekayo, ngelinye ilanga umdayisi wayengitshela ukuthi wahamba wayongena esontweni (wayengumKristu) enhla eConnecticut noma ndawondawo enhla lapho,

elikhulukazi isonto, wangena nje ukuba akhuleke. Kwakungesiyo . . . WayeyiPentecostal, kodwa wangena lapho ukuba akhuleke. Futhi wathi ngenkathi engena lapho wayeseguqa phansi esontweni ukuba akhuleke . . . wathi wayegibele, wayekhathele, ethi ukukhumbula ekhaya, ungumthengisi, futhi uthengisa izinto, futhi wathi u . . . emafektri. Wayesengena lapho u—ukwenza okunye ukuthenga noma okunye, wase-ke efika ngasesontweni, wacabanga, "Ngizoya . . . Ngikholwa ukuthi ngizongena bese ngikhuleka." Umnyango uvuliwe; wathi wangena. Akangezwa-muntu, ngakho waguqa phansi wayeseqala ukukhuleka. Emva kokuba esekhulekile lapho, wahlala cishe ihora, wathi, emva kwesikhashana wezwa eminye iminyango ibhaklazeka noma okuthize; wayecabanga ukuthi kwakungumgcini noma okuthize wesonto. Wathi, emva kwesikhashana waqaphela, nakho kufika . . . Wezwa umuntu ekhuluma. Wathi nyelele wenyukela lapho wayesebuka, wayeseqalaza ukuba abone ukuthi kwakungumgcini yini. Kwakungowesilisa nowesifazane bemi phambi kwe altare bebambene ngezandla, bathi, "Ngiyakuthatha, s'thandwa, ukuba ube ngumkami oshade ngokomthetho." Niyabo?

Wathi owesifazane, "Ngiyakuthatha, s'thandwa, ukuba ube ngumyeni wami oshade ngokomthetho."

"Ngani," wathi, "lena yinto exakile," wathi, lePentecostal, wathi, "lo wesilisa nowesifazane bashade ngaphandle komshumayeli." Niyabo? Futhi ngakho wahlala phansi nje wayeselinda; futhi emva kokuba sebenze izifungo zabo ukuba bahlale ngokwethembeka komunye nomunye, ngukufa kuphela okwakuyobehlukanisa, bagaxana, bangana, bajika base bephuma bemamatheka. Wathi, "Kancane nje!" Wathi, "Ngithe ukumangala; ngiyisihambi." Wathi, "Nonke niyashada na?"

Bathi, "Yebo!"

"Ngaphandle komshumayeli na?"

Wathi, "Qhabo!" Wathi, "Sekuyiminyaka engamashumi amane sashada." Wathi, "Sashadela khona lapha kuleli altare eminyakeni engamashumi amane eyadlulayo, futhi njalo ngonyaka siyabuya bese sivuselela izifungo zethu." Lowo ngumqondo omuhle. Niyabo?

183 Kodwa mayelana nokuthi kushadiwe, uma umethembisa owesifazane, uthatha izwi lakho; wena uthatha izwi lakhe; noNkulunkulu uthatha izwi lenu nobabili. Niyabo? Ngakho nje ungethembisi ngaphandle . . . [Akuqoshwanga eteypini—Umhl.]

**343. Uma bezinquma e . . . Yizinwele ezinde—ezinde uma bezinquma ngaphambili na?** (Manje, awume kancane, ake ngithole lokhu lapha.) **Yizinwele ezinde uma be . . .**

184 Awu, ngi—ngi . . . Mhlawumbe baqonde lokhu: "Ngabe izinwele ezinde zisezinde yini uma bezinquma ngaphambili

na?" Azisezinde, bazinqumile. Niyabo? Kodwa njengowesilisa obenebhulukwe elinqunyiwe kathathu libe lilokhu lilifishane kakhulu. Uthini? Uthini? [UMfowethu Branham unengxoxo nomunye ezethamelini—Umhl.] O, yilokho abakhuluma ngakho. Njengoba ngincokolisa intombazanyana yami, yathi . . . I "bhums" ngizibiza kanjalo, niyazi, ezilengayo, kumbe noma ngabe kuyini, niyazi, zivundle ngaphambili lapha.

185 Awu, sengiyababona labobantwanyana abanquma izinwele zabo ngaphambili . . . U, mhlawumbe unyoko angakutshela ngalokho, uyabo, uma efuna wenze ngaleyondlela. Ngicabanga ukuthi kungabukeka kuthe—kuthe kancanyana ukufana nowesifazane obebuka ngokubuka ngesibuko esibukisa ngemuva uma esedlule eminyakeni engamashumi amabili-nanhlanu ubudala futhi ebefuna ukuzinquma ngaphambili kanjalo, ubukeka njengomntwanyana omncane. Buka phandle lapha lapho oya khona, sisi, hhayi lapho obukhona. Uyabo?

186 Futhi manje, kodwa ukunquma izinwele, ngi—ngi—ngi—ngizokutshela lokhu. Angeke—ngi—angina—namBhalo ukusho ukuthi unganquma okungaka kwazo futhi ngeke wakwenza okunye. A—anginamBhalo walokho, ngi—ngingeke ngakutshela lokho, dade, noma mfowethu, noma ngabe ubani.

187 Ngisho into eyodwa. Ngangifisa . . . Manje, ngiyazi abantwanyana bami bakwenzile lokho nabo, uRebekah noSarah, ngibonile ngenkathi benquma izinwele zabo lapha ngaphambili, bese bezeluka zibheke emuva lapha ngemuva, bese benza lezizinto zivundle ngaphambili, kanje. A—angi, ngi—ngi . . . Manje, kungesikho ukubabamba. Niyabo? Qhabo, mnumzane! Kimi, ngangifisa sengathi ngabe babengasibekanga ngisho isikelo ezinweleni zabo nhlobo. Kodwa uma benezinde zonke, zilenga kanje, futhi nje banqume ingaphambili lazo zisuke emehlweni abo, abantwanyana ne . . . Ngi—ngingeke ngazi noma lokho ku . . . ngingecabange kanjalo, Niyabo? Ngi . . . kodwa uma uthola . . . Uma ungakwenza, ngi . . . kinina bodadewethu ngingaziyeka nje ngendlela iNkosi ezenze ngayo. Niyabo?

188 Futhi kusobala, ngiyazi abesifazane bafuna ukubukeka kahle; leyo yimvelo, futhi lokho—yilokho abafanele babe yikho. Niyabo? Bafanele babe ngaleyondlela. Futhi ngakho, lokho kuhle, kodwa nje ninga—ninga . . . ngeny'indlela kanje, ningabukeki nifana nezwe (niyabo?); ningenzi iphethini yezwe. Izinto ezingalungile . . . Ufuna ukuzinquma, kanjalo, kodwa ungazinqumi izinwele zakho manje. Uma unokokuhlobisa okulengayo, kumbe—kumbe noma ngabe yini ezinweleni zakho, ziyeke zizinde. Ungazinqumi ngokufana nokuthi kuzobukeka kufana nezwe. Uma nje niyilawomantombazanyana . . .

189 Umalume wami wayevame ukuba nentombazanyana enhla lapho e—eNew York. Yayinezinwele ezinhle kunazo zonke. Zithi ukuba wuhlobo olunsundu ngokuzothile futhi yenza imiqhino . . . Umama wami wayevamise ukwazi uku . . . Imiqhino

yayo yayishaya phansi lapha kwingemuva lamadolo ayo. Nalentombazanyana yayinemiqhino enjalo nayo; igama layo kwakunguJacqueline. Futhi yayikame ingxenye yazo zehle kanje bese izinquma kanje. Futhi ngangi . . . Sekuyiminyaka ethi ayibe yishumi nanhlanu, ishumi nesishiyagalombili, amashumi amabili edlule. Futhi ngangivame ukumangala, kwakungani ingakamanga yonke into yabheka emuva, kwakuyobukeka kukuhle kakhulu kunokuba nazo zibe kanjalo nje, zisuke lapha njengalamaBhungane esimanje abanawo ezinsukwini zamanje, niyazi. Ne . . . O, kunjalo, angikholwa ukuthi ngangingakwenza. Noma yini efana nalawomaBhungane, ebukeka njengephuma ezweni, ngakho aku . . . kuyeke kanjalo nje lokho. Ya!

**344. Umyeni wami nami asiboni ngokufanayo eBhayibhelini, amaQiniso, njengaleliQiniso olishumayelayo. Akaqondi. Ngifanele yini ngiye naye emabandleni ngibe ngingakukholwa ukufundisa kwawo na? Ngikhathazeke kakhulu ngalokhu.**

190 Yebo! Uma ungumfazi kulomyeni, futhi engakugxeki, awu—awufanele umgxeke (uyabo?), ngoba umyeni ungcweliswa ngomfazi. Uyabo? Futhi ngiyakholwa, uma eya ebandleni elithize lehlelo noma into efana naleyo, ufuna wena wehlele lapho naye . . . Uyabo? Uma ungabi yi . . . Uyabo, akukho lutho lapho olungakulimaza, ngoba awuzukukulalela abakushoyo empeleni, ngoba usushilo ukuthi awukukholwa ukufundisa kwabo. Uyabo? Ngakho akuzukukulimaza, kodwa nje utshengisa izinhlonipho kumyeni wakho. Uzinikela wena kuye, futhi mhlawumbe ekwenzeni kanjalo, u—uzo . . . Uma befundisa futhi benza izinto ezansi lapha . . . Wena ufundiswe izinto eziphakeme kakhulu kunalokho; uzoba nobusawoti; uzobona futhi eze eNkosini. Ngikholwa ukuthi bengingaqhubekela phambili. Bakithi, ake nibheke lapha ukuthi sekuyisikhathi sini!

**345. Ngabe uZakariya 4 neSambulo 11:3-12, ukhuluma ngento efanayo na? Bona uZakariya 4:12-14 neSambulo 11:4.** Basayine igama labo kuwo, umfowethu nodade basebandleni lapha.

191 Ake sibone, uZakariya 4. O, ya, lokho yiminqumo emibili. Ya, inqumo emibili neSambulo 11 yi . . . O, ya, yilokho-ke. Into efanayo. Lokho yibo bobabili. Lokho—lokho yi—nguMose noElija, iminqumo emibili.

**Khulekela owethu . . .** Leso yisicelo somkhuleko.

Ngiyaxolisa, lona ngeke ngawufunda phambi . . . Kumayelana nokuhlobene nomndeni. Ya, beka lowo nalona ngapho. Ngeke ngawufunda lowo emphakathini. Ingeyengxoxiswano yangasese empeleni, ngakho—ngakho . . .

**346. Mfowethu Branham, akulungile yini uku—uku. . .** (Kuthini lokhu na? Akulungile *ini*? ngeSonto? Umsebenzi?) **Akulungile yini ukusebenza ngeSonto na?**

192 Ngisanda kukuchaza nje lokho. Uma inkabi isemgodini, ikhiphe, kodwa ungayifuqeli emgodini ukuba nje uyikhiphe ngeSonto!

**Mfowethu Branham, uzoshumayela lapha ngeSonto elizayo na?**

193 Lowo ngumbuzo nje. Qhabo, Dadewethu, Mfowethu, noma ngabe ubani. Manje, lena ngeminye nje obubekwe ngaphandle lapha. Ifanele ukuthi ibekwe—ibekiwe, noma ifakwe ngomunye ephaseleni.

Mfowethu. . .Lokhu kukuwe, Mfowethu Capps. "Uzocula elithi, *Asisoze SaGuga*?" Ngahle ukuba ngingene e. . . Ngineminye yayo yonke esele exubene.

**347. Mfowethu Branham, omunye ufuna ukwazi ukuthi kungani wena unga** (m-e-n-. . .) **phathwanga eBhayibhelini. Ngikholwa ukuthi unguHabakuki 2:1-4.** (Kuthole lokho, Mfowethu Neville, uHabakuki 2:1-4) **Mabakufunde lokhu futhi bakufundisise, isahluko 3. . .cabanga igama nemifanekiso yezahluko ezine, kholwa—ngikholwa ukuthi nguwe.**

194 Manje, esafunisisa lokho, nguHabakuki 2:1-4. Mfowethu noma Dadewethu, noma ubani obuza umbuzo (akukho-gama), lokho kuhle, ngi—ngiyathanda ukuba nina nibuze lezozinto. Ngiyazi ukuthi yini esenhliziyweni yakho (uyabo?), futhi khona-ke ngizokutshela. Qhabo. Niyabo? Ubungeke udingeke ukuba ube negama lakho eBhayibhelini, uyabo. Kodwa, niyabo, inqobo nje uma useBhayibhelini, lapho. . .Inqobo nje uma ukuKristu, useBhayibhelini; ukuYe, niyabo, eBhayibhelini. Uyabo? Inqobo nje uma ukuKristu, khona-ke usekugcwaleni kweBhayibheli. Niyabo? Usesikhundleni sakho esigcwele uma ukuKristu. Nonke niyaqonda lokho na?

195 Unawo, Mfowethu Neville? Ini? Ya. UHabakuki—uHabakuki. . .Angikakufundi. Lona ubekwe lapha nje, ngiqagele, kulokhu ukusa. UHabakuki 2:1-4. Lowo yilona. UHabakuki 2—uHabakuki 2, ne 1 kuya kele 4:

> *Ngiyakuma endaweni yami yokulinda, ngizihlalise enqabeni, ngikhangele* nokubona *ukuthi uyakukhulumani kimi, nokuthi ngiyakuphendulani* ngi—ngi. . .*ngokusolwa kwami.*
>
> *Futhi iNKOSI yangiphendula, yathi, Wulobe umbono, uwuqophe ezibhebheni, ukuze agijime owufundayo.*
>
> *Ngokuba umbono usengowesikhathi esimisiweyo, uphuthuma ekupheleni, awuyikukhohlisa: noma*

*ulibala, wulindele; ngokuba* ngi*yakufika nokufika, futhi* angi*yikwephuza.*

*Bheka, umphefumulo wakhe uziphakamisile awuqotho phakathi kwakhe: kepha olungileyo uzakuphila ngokukholwa kwakhe.*

196 Awu, manje, ngi—ngicabangela ekutheni lomuntu othandekayo obuze lo...Uyabo? Ngumuntu ongithandayo, kungenjalo bebengeke bakubhala lokho. Niyabo? Manje, bengingeke ngathi elami...IBhayibheli alibizi igama lami—igama lami, *William Branham*, noma libize igama lakho noma ngabe ubani, kodwa sikuYe empeleni. Nalezi...

197 Futhi manje, ubona izindawo ezijwayelekile okubhekiswe kuzo, eBhayibhelini, esho izinto ezithize. Uyabo? Manje, uma uzobhekisisa, umlando uyaziphinda eBhayibhelini. Niyabo? Manje, ake sininike umBhalo nje woyedwa manje. (Ngibona abaningi benu bekubhala phansi.) Manje, esahlukweni 3 sikaMathewu oNgcwele, Kwathi, "Futhi ngenkathi uNkulunkulu ebiza iNdodana yaKhe iphume eGibhithe ukuze kugcwaliseke okwakhulunywayo, 'Ngibiza iNdodana yaMi iphume eGibhithe'..." Manje, uma une—neScofield noma yiliphi elinye iBhayibheli elinezinkomba, uma uzolandela leyonkomba lapho, lokho kufundwa okusemphethweni, kuzokubuyisela lapho Abiza khona uJakobe, uIsrayeli, aphume eGibhithe. Niyabo? Kodwa uJakobe wayeyindodana yaKhe Ayibiza iphume eGibhithe; noJesu wayeyiNdodana yaKhe Ayibiza iphume eGibhithe. Ngakho (niyabo?) iZwi likaNkulunkulu alipheli neze. Niyabo, sizibandakanya thina eBhayibhelini nokwehlukile...Bangaki okhumbula umlayezo wami ekuzibandakanyeni kwakho nezimilo zamaKristu, ePhoenix, eArizona, lapho engawushumayela khona na? Ya, abaningi benu unawo eteyipini. Niyabo? *Sibandakanywe neSimilo somKristu.* Niyabo? Ungazibandakanya nomaphi la ofuna khona kulowomBhalo uma ungumKristu, futhi uma ungesuye umKristu, ungazibandakanya eBhayibhelini. Niyabo? Ngakho ngicabanga ukuthi mhlawumbe lokho bekungasiza. Ngifuna ukuthola eminingi yalena ngakho konke engingakwenza.

**348. Mfowethu Branham, abanye bathi isihawu sesedlule futhi akekho ongasindiswa. Manje, lokhu kuqinisile na?** (Ngiyajabula ngithole lona.) **Sibhekisisa sithandaze... Sibhekisisa imigqa yomkhuleko, futhi kubonakala sengathi abanye basasithola isihawu.**

Manje, lowo ngumbuzo wokuqala, unemibili.

198 "Ngabe isihawu sesedlule na?" Ungakucabangi neze lokho! Uyabo? Qhubeka nje wenza yonke into ongayenza uze uthathwe umuke. Uyabo?

199 "Siyaqaphela emgqeni womkhuleko abanye uthola isihawu." Impela! Izihawu, iminyango ivulekile. Niyabo? Ngicabanga ukuthi lapho othole khona lokhu, lomcabango ungahle ubekwe phakathi kwe . . . Niyabo, anginaso isikhathi ukunikeza ngamunye walemiBhalo indawo yayo efaneleyo, (uyabo?), ngayinye yalezizinto indawo yazo efanele. Zi . . . Emgqeni womkhuleko uthola isihawu, impela.

200 Ukuba bengazi ukuthi uJesu ubeza kulentambama, bengiyobe ngenza into nje engiyenza khona manje (uyabo?), nje ngiqhubekela phambili ngqo. Isihawu njalo sivulekile. Uyabo?

201 Futhi manje, lapho engicabanga ukuthi ukuthola khona, kumayelana nokuqedwa kwemiNyaka yeBandla eyisiKhombisa neziMpawu eziyisiKhombisa ziqaqwa. Uyabo? IziMpawu eziyisiKhombisa, kubonakalise ukuthi okwenzekayo ku . . . okwenzekile. UNyaka weBandla lesiKhombisa, sisekupheleni koNyaka weBandla lesiKhombisa. Uma ngithi *ukuphela*, lokho akusho ukuthi kuyilo lelihora, wona lomzuzu. Niyakhumbula, iBhayibheli lasho, emuva ngezikhathi ze—zeNkosi uJesu, uPawulu wathi, "Ngokuba isikhathi siseduze." Niyaqonda ukuthi lokho kwakukude kangakanani esikhathini sikaNkulunkulu na? Lokho bekuyizolo. Isikhathi sami, sekube yiminyaka eyizinkulungwane ezimbili. Niyabo? Isikhathi siseduze. Niyabo? UNkulunkulu akubiza ngokuthi *kuseduze* akusikho lokho esikubiza ngokuthi *kuseduze*. Niyabo?

202 Ngakho qhubeka nje ukholwa, qhubeka ukhuleka, qhubeka . . . UNkulunkulu usenaso isihawu sivulekile; qhubeka nje ugelezela kuso ngokukhulu ukushesha ongakwenza. UNkulunkulu uyokwenza ukumisa uma sekuyisikhathi sokuma. Niyabo?

**349.** Manje. **Mfowethu Branham, kuyiqiniso yini ukuthi akekho omunye ofanele ashumayele ngaphandle kwakho na? Siyibonile eyakho—sikubonile ugcoba indoda. Si—asikholwa ukuthi ubungakwenza lokho ukuba bebenga . . . ukuba bebengezukushumayela.**

203 Isihawu! Mfowethu, dadewethu, noma ngabe ubani owakutshela ukuthi akukho-muntu ofanele ashumayele ngaphandle kwami, impela bengingaba yisikhonzi esimpofu kuNkulunkulu nakho konke lokho. Qhabo! Wonke umuntu noma . . . ozwa ubizo lukaNkulunkulu phezu kwempilo yakhe, mabangene enkonzweni futhi baqale ukushumayela; siyabadinga.

204 Indoda kaNkulunkulu agcotshwa emhlabeni jikelele ukushumayela iVangeli. Niyabo? Mina ngiyitshana nje elilodwa eliyimbulungana encane ogwini lolwandle phakathi kwamatshe amakhulu. Niyabo? Ngakho ngi . . . Baningi nje onokukhethwa kakhulu, ofanele kakhulu, kakhulu kunoma yini ukushumayela kunami; mina ngingoyedwa nje omncane, umuntu othobile

ebekwe phandle lapha. Ngiwuhlamvu olulodwa lukakolo enqolobaneni yonke. Niyabo? Ngakho lokho nje yi. . .Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini!

205 Noma yiyiphi indoda ebizwe nguNkulunkulu idinga ukushumayela iVangeli.

**350. UmKristu angangena kanjani ngokujule kakhulu othandweni lukaNkulunkulu na?**

206 Funda iZwi bese ukhuleka. Funda iZwi likaNkulunkulu bese ukhuleka. Ngizoshesha, nje ngithole emininingi engingayithola.

> **Ngiphendukele embuzweni owodwa, kodwa ngawubuza** (i-n-c-. . .) **ngokungesikho. Ngifuna ukwazi ukuthi ngabe uzoba nayo yini inkonzo yokuphilisa ngaphambi kokuba usuke edolobheni. Uma kungenjalo. . .zokwenza. . . nginengxoxiswano eqondene nami nawe na?**

207 Manje, kambe, ngicabanga ukuthi lomuntu ubesengxoxiswaneni kulokhu ukusa. Kusobala, sibe nenkonzo yokuphilisa; sibe nayo inkonzo yokuphilisa futhi.

**351. Mfowethu Branham, ngicela uchaze abaseKorinte bokuQala—abaseKorinte bokuQala 11—11, nevesi 4 kuya kwele 6. Lokhu akusho yini i** (s-e-. . .) **esehlukile—esehlukile** (c-o-. . .) **isembozo esehlukile ezinweleni, noma izinwele ezinde yisona sembozo kuphela esisidingayo na?**

208 Ngitholeleni abaseKorinte bokuQala 11. Ake sibone, abaseKorinte bokuQala 11:4. Kuthi, "Uma sikhuleka. . ." O, ya, u. . .Banakho lapha. Bathi, "Ekukhulekeni noma ekuprofetheni, singazithatha yini izinwele zethu—singa. . ." Ake sibone, banomugqa abawudwebele entweni ethize lapha.

> **Uma siprofetha—uma siprofetha, singazithatha yini izinwele zethu uma si. . .**Uma. . .Wena uthe: **Singazifaka yini izinwele zethu noma sizikhumule uma siprofetha na?**

209 Uma u—uma unesigqwokwana sezinwele, ungahle ukwenze, kodwa ngi—benginga. . .noma ufake enye yalamawigi amaBhungane, noma into ethize, kodwa. . . Ukuba bengingabukeka kahle kweyodwa, mhlawumbe bengingazifakela yona eyodwa, kodwa i. . .hhayi iwigi yamaBhungane, kodwa i—isigqokwana esiyizinwele.

210 Kodwa lokho kulungile. Uma ungenazinwele futhi uyifuna eyodwa. Uma ungakwenza, lokho kulunge ngokuphelele. Yebo, mnumzane! Uma owesifazane, izinwele zakhe azizinde ngokwenele, ufuna ukushintshela izinwele kuyo, bengingathi, ifake, Dadewethu.

211 Uma owesilisa eba nomkhuhlane omubi nezinto, futhi efuna i. . .ngenye indlela. . .ngisho nokubukeka kumkakhe, uma ubefuna ukufaka isigqokwana esiyizinwele, kwenze. Yebo impela. Ayikho into engalungile kulokho (qhabo,

mnumzane!) njengoba ubungenza emazinyweni akho, noma ingalo yokufakelwa, kumbe noma yini enye. Uma imvelo inokunye—ithathe okuthize kuwe futhi kusiza kakhulu qhubeka, lokho kulunge ngokuphelele.

Kodwa kuthi lapha, "Singazifaka yini izinwele zethu noma sizikhumule uma sikhuleka noma siprofetha na? Kusho ukuthini lokhu empeleni na? "

212 Kulungile, funda, Mfowethu Neville. . . bekungele 4—4 kuya kwele 6, kulungile, kulungile.

> *Yileyo naleyondoda esuke ikhuleka noma* iprofetha,. . . *ikhanda layo limboziwe,* ihlazisa *ikhanda layo*. (Lokho ngukuthi, uma inezinwele ezinde. Kulungile.)
>
> *Kepha yilowo nalowo wesifazane osuke ekhuleka nokuba* eprofetha *ikhanda lakhe lingamboziwe* uhlazisa *ikhanda lakhe:*. . . (Leyo yindoda yakhe.) . . . *ngokuba lokho ku*kunye *nokuthi uphucile.*
>
> *Ngokuba uma owesifazane engambozile, akagundwe:*. . . (Uma efuna ukuphungula izinwele zakhe, makazigunde zonke zibe flethi. Niyabo? Uma engenakuba ne. . .) . . . *kodwa uma kungesilo ihlazo kowesifazane ukuba—ba yihlazo ukuba agundwe noma aphuce, akambozwe.*

213 Angiboni lutho ekufakeni nasekukhumuleni izinwele lapho, ngaphandle uma owesifazane efuna. . . Uthi, uma ethi uzozigunda, khona-ke makaziphuce zonke zibe flethi. Niyabo? Ngoba uma engakwenzi, makayeke izinwele zakhe; ngoba izinwele zakhe ziyisembozo sakhe. Kodwa ukuba owesilisa abe nekhanda lakhe limboziwe, izinwele ezinde njengowesifazane, emi epulpiti, ubengabukeka njengowesifazane phezulu lapho. Niyabo? Ngakho akafanele abe nalokho kanjalo. Niyabo?

214 Lokho yi—lokho kusho ukuthi bafaka izinwele noma bakhumula. . . Ngicabanga ukuthi umuntu ngahle ukuba uphaphalazile ekucabangeni lapho ukuthi kwakusho i—indoda iprofetha ikhanda layo limboziwe, ngakho ikhumula isembozo sayo. Niyabo? Qhabo. Lokho akusho ukuthi yayinezinwele ezinde, kusho ukuthi, uma imbozile. . . Manje, funda wehlele phambidlana nje, wena obuze umbuzo, futhi uzothola ukuthi ikhanda lowesifazane ngumyeni wakhe. Bangaki okwaziyo lokho na? Nekhanda lendoda nguKristu; ngakho-ke, indoda ifanele igunde ikhanda layo ngenxa kaKristu, ngoba kuye yikho kokubili owesilisa, owesifazane, nakho konke. Uyikho kanyekanye ubaba, umama, udadewethu, umfowethu, konke. Kodwa endodeni ngubulisa bodwa. Ngakho-ke, ifanele ikugunde lokho ngenxa kaKristu; kodwa kowesifazane ngubufazane bodwa, ngakho wayengaba nesembozo sakhe; ngoba umyeni

wakhe uphezu kwakhe. Uyinkosi yakhe, umbusi wakhe; ngakho ngakho-ke, ufanele abe nezinwele ezinde.

215 Bese kuthi-ke uma ethi ufanele, ufanele azigunde, akaphucwe-ke. Futhi wathi, uma kuyihlazo noma ichilo kowesifazane, ofanele abukeke kahle, futhi enezinwele zakhe ziphucwe zonke, ngakho-ke makabe nesembozo sakhe ekhanda lakhe; makabe nezinwele ezinde. Niyabo? Ngakho ku. . . Noma ubani. . . Konke kuyakuchaza na? Ngiqonde ukuthi, ngabe kuzwakala kahle na? Thanini, "Amen!" uma kuzwakala, uma nikutholile. Niyabo? [Ibandla liyaphendula, "Amen!"—Umhl.] Kulungile.

**352. Mfowethu Branham** (Sinemizuzu eyishumi nje manje.)—**Mfowethu Branham, asinamshumayeli lapho esakhe khona, kodwa sinenkonzo yamateyipu ngeSonto ebusuku kuphela. Singaziyisa yini izingane zethu kwelinye ibandla kuSonto sikole na? Izinkonzo zamateyipu zenele yini na?**

216 Awu, lokho makube ngokwendlela abantwana benu abahamba ngayo. Niyabo? Manje, uma nithola bantwana benu, basebancane; futhi nibakhiphele kolunye uhlobo lweqembu phandle lapho, lelo liyovele nje ligqishele izinto kubo aba—aba—abangafanele bazazi; ngingekwenze. Uma be—uma bebonakala ukuthi bafunda okwenele ematеyipini nezinto. . . Futhi wena, uthi, ubafaka ngale ebandleni eliKatolika, ubawezela ebandleni eliKatolika, ubawezele entweni enjengaleyo; ngingekweluleke lokho. Niyabo? Uma be. . .

217 Kodwa manje, uma unebandla elincane elihle lapho mhlawumbe elingavumelani nawe ngezinto ezimbili noma ezintathu, nabantwana bakho efuna ukuya kuSonto sikole, bangabantu beVangeli eligcwele, noma okuthize, awu, lokho kulungile ngokuphelele. Kodwa niyabo, kodwa uma nifika endaweni lapho. . . Kuya ngokuthi abantwana bakho bakuthatha kanjani. Niyabo? Bhekisisa ukuthi abantwana bakho wenzani, ukuthi, ukuthi baphatheka kanjani kukho.

**353.** Ake sibone. **Uma ungenalo ibandla ongaya kulo, ungalalela amateyipu nje yini na?**

Yebo! Lokho yi. . . nginga—ngi. . . Lokho kungaba kuhle.

**354. Ngabe abantwana bakho bafanele babe nesehlakalo yini ukuze babe noMoya oNgcwele na? Uma i—uma—uma bebona uMlayezo wesikhathi sokuphela, banoMoya oNgcwele na?**

218 Wonke umuntu ufanele abe nesehlakalo! Abantwana bakho bangengene nganoma yiyiphi indlela kodwa indlela efanayo owenza ngayo. Uyabo? Bafanele bazalwe ngokusha. Akukho-bazukulu eMbusweni kaNkulunkulu; bonke bangabantwana. Bafanele babe naso, bafanele babe nesehlakalo noNkulunkulu ukuba bangene, ngokufanayo nje njengawe. Manje ngethemba ukuthi ngingakuthola lokhu. Ku. . .

**355. Wena othandiweyo ngokuthandekayo:** (Ake sibone.) **Mayelana nomBhalo wabase-Efesu 4:11 kuze kuyofika kwele 13, ngabe thina sonke** (Ake sibone.)**—ngabe sithola konke ukupheleliswa kwabangcwele ngamateyipu, noma sifanele sibe lapha, lapho iziphiwo zikaMoya zisebenza khona nezikhundla ezehlukene zebandla, ukusiza ukusiphelelisa na? Izinhliziyo zethu zilikholwe lonke iZwi leNkosi.**

219 Manje lomuntu ungowaseOregon. Manje, mthandekayo wami . . . Ngikholwa ukuthi ngiyazi ukuthi ubani. Niyabo? Yi . . . O, yebo, ngiyazi, ngazi ngempela. Umfana wakho—wakho . . . Uma umuntu ekhona, ngiyazi u . . . Uma ungekho, kungahle ukuthi kwakungeSonto eledlule. Niyabo? Ngahle ukuba lona wangena neyangeSonto eledlule. Kodwa indodana yakho—yakho indizisa ezemvelo, niyabo, futhi yi . . . ilawula . . . I . . . ngicabanga ukuthi yiyo eyangimemela ngale ukuyozingela izinyamazane ama elki nawe ngale eOregon, lapho . . . Futhi ngicabanga ukuthi lokhu kuqinisile. Manje, ngiyamazi lomuntu ngencwadi nge . . . futhi ngakho . . .

Qhabo! Bafuna ukuza lapha ebandleni ukuba bapheleliswe. Niyabo? Ukuthi si—sinenhlanganyelo omunye nomunye lapha ebandleni, kodwa ukupheleliswa kufika phakathi kwethu noNkulunkulu. IGazi likaKristu liyilokho okusiphelelisayo kuMoya oNgcwele.

220 Manje, ebandleni uthi, " . . . neziphiwo zisebenza." Manje, asinazo iziphiwo eziningi kakhulu zisebenza lapha, kodwa sinezinye zazo. Sinesiphiwo zezilimi, ne—nesiphiwo sesiprofetho (ezimbili noma ezintathu zazo).

221 Ngicabanga uMfowethu Higginbotham lapha, noma ngabe ukuphi, unesiphiwo sokukhuluma ngezilimi. Futhi sinoMfowethu Junior Jackson unathi, futhi ukhuluma ngezilimi. Bese-ke siba nababili noma abathathu balabobahumushi. UMfowethu Neville lapha naye, umelusi wethu, ukhuluma ngezilimi futhi ngezinye izikhathi uyaprofetha, neNkosi yenyusela phezu kwakhe . . .

222 Ngoluny'usuku nje washo into ethize. Washaya efonini endlini engangikuyo, ukuthi waprofetha phezu komuntu, wabatshela ukuthi indoda edakiwe yayizo—kwakuzoba noguquko olukhulu kuye masinya noma into efana naleyo. Nendoda isiphumile eNhlanganweni eyelapha abahlulwa wuPhuzo, isalokhu yehlulwa wuphuzo, futhi izinsuku ezingamashumi ayisithupha-nesishiyagalombili ayikaze iluthinte ngisho uphuzo, noma namuthi walo, kumbe noma yini. Lowo kwakunguMfowethu Neville eprofetha phezu kwabo.

223 Ngakho si . . . Sinezinye zeziphiwo zisebenza phakathi kwethu, futhi sizokujabulela kakhulu ukuhlanganyela nanoma yimuphi wenu, onendlela, oyisebenzayo, noma efuna ukuza bese

ehlanganyela nathi, noma yini esingayenza, sijabule kakhulu ngakho. Niyabo? Kodwa manje ukuphelelisa kungokukaKristu.

Manje, ake sibone, cishe owodwa futhi noma emibili futhi.

**356. Mfowethu Branham, ungaba nomusa ngokwenele ukuba uchaze isithombe esathwetshulwa nguMfowethu Arganbright na? Umbuzo wokuqala: owesibili e—isithombe sesibili odongeni, ukukhanya okukuzungezile, ikhongco, kanjalo njalo.**

224 Awu manje, ngiyakutshela ukuthini. Basayine igama labo, futhi abekho lapha manje. Siyakuqonda. NguMfowethu noDade Jackson baseNingizimu Afrika; sebebuyele emuva. Ngakho siyakuqonda lokho; sikuchazile lokho.

**357. Kuyoba nini ibandla eli...Kuyoba nini ukuba ibandla elenza...e** (d-i-...) **lafa ngesikhathi sokuhlupheka neres-...livuswe na? Ngabe bayolinda futhi kuze kube ngukuvuka kwabangamesabi uNkulunkulu na? Ngabe bayophila futhi ngesikhathi seminyaka eyiNkulungwane na?**

225 Manje, lowo ngumbuzo omuhle. Ufanele esiningi kakhulu isikhathi kunaleso ebengingawunikeza sona, kodwa ukuze nje ngikwazi ukuthola...Niyabo? Angina...Okungenani nginokubili kokuthathu kulokho engiqale ngakho kulokhu ukusa, kube ngamahora amabili. Miningi kakhulu nje ungeke wayifinyelela kuyo. Uyabo? Futhi nje ngifuna ukuthola eminingi impela nje engingayithola, nje ngingayiboni ukuthi ikuphi. Ngiyazi kuneminye emihle ngempela phakathi lapha futhi efanele yaziwe, njengenzalo yenyoka enobuqili efanele ichazwe, nezinto; kodwa ngizosheshisa bese ngingena kulona ngokukhulu ukushesha.

226 "Ngabe ibandla elafa ngesikhathi sokuhlupheka (niyabo?) liyoba sekuvukeni na?" Ukuvuka kwesibili, ukuvuka kwesibili.

227 "Ngabe bayolinda futhi kuze kube ngukuvuka kwabangamesabi uNkulunkulu na?" Abalungile nabangalungile bayovuswa ngesikhathi esifanayo.

228 "Ngabe bayophila futhi ngesikhathi seminyaka eyiNkulungwane na?" Qhabo! Nababesele abafileyo kabaphila kwaze kwaphela iminyaka eyinkulungwane. Manje, lowo mfishane ngempela, kodwa ngineqiniso . . .

**358. Uchaza ukuthini uPawulu ngokukhululeka nenkululeko kuKristu na? Ndlelani yokukhululeka emthethweni na?**

229 Awu, awuboshiwe ngumthetho. Asithi, isibonelo nje, nansi into efanayo; ngizoyichaza ngendlela yokwemvelo, masinya. Isibonelo nje, ngaphandle lapha kuthi, yehla ngomgwaqo, amamayela angamashumi amathathu ngehora yilelojubane kuphela ongahamba ngalo. Kulungile manje. Manje uma ngehla ngomgwaqo amamayela angamashumi amane ngehora,

ngilahlwa ngecala wumthetho. Kodwa uma ngehla ngomgwaqo nje amamayela angamashumi amathathu ngehora, angikho phansi komthetho. Niyabo? Lokho ngukukhululeka kuKristu (niyabo?), into efanayo.

230 Awuboshiwe ngumthetho inqobo nje uma . . . Uma ngingebi, ngiqambe amanga, ngibheme, ngiphinge, noma yiyiphi yalezozinto lapho, angiboshwe-mthetho. Niyabo? Ngikhululekile emthethweni; ngikuKristu.

**359. Uphatheka kanjani ngokuhlela umndeni na?**

231 Ngibe nayo eminye yalowo ezingxoxiswaneni kulokhu ukusa. Ngiqoka ukukhuluma ngqo na—nawe ngalezozinto (niyabo?), ngalezozinto lapho, ngoba kunamagama nezinto engifanele ngikusho, engi . . . Ngiqoka ukukusho uma umyeni nenkosikazi . . .

232 Futhi kunokwenzeka ukuba kwenziwe ngendlela efanele. Ngingakusho, nakho, kuwonke wonke. Kunezinsuku eziningi empilweni yowesifazane lapho engabambi khona. Niyaqonda na? Kulungile. Ngani . . .

233 Manje, kukhona ngezinye izikhathi u—umntwana engabulala khona owesifazane; uma ebenengane bekungambulala. Ufuna ukubhekisisa nalokho. Uyabo? Ngakho nje qaphela ngempela ngalokho. Uyabo? Uyabo, lokho ngukuletha ukuphila, ngakho okubekelwe lapha emhlabeni ukuba ukwenze.

234 Uma umkakho ehlala ngokugula, nomunye, umntwana, angambulala, ngi—ngi—ngingekwenze. Angicabangi ukuthi iNkosi ifuna ukwenze. Futhi wo—woza kimi siqu sakho ngalezozinto; sibe nakho engxoxiswaneni yangasese. Angikhulume kuwe siqu sakho (uyabo?) futhi ngingezwa . . .

235 Uyabo, umuntu ngamunye ngamunye, ngingasho noma baqamba amanga kimi noma qha. Niyabo? Bangitshela izinto ezehlukene. Kungcono ngibone wena nje . . . Uyabo? Isizathu nguwe okubeke kanje, awazi. Yingoba kukhona umuntu ngamunye nezinto ezinjalo; ngingakusho, noma bakhuluma iqiniso noma qha. Uyabo?

**360. Kungani kuyo—kungani uSathane eyokhululwa isikhashana emva kweminyaka eyiNkulungwane yeSambulo 20 nele 3, neSambulo 20:27 na?**

236 Kungani eyokhululwa na? Ngukuba ahambe ayobutha abantu bakhe ekuvukeni kwesibili, ngoba uSathane uzoma e—ekwahlulelweni naye. Niyabo? Uzofanele alahlwe.

O he, lena yi—yincwadi egcwele yona. Angikholwa . . . Futhi nansi enye incwadi egcwele yona. Ake ngithole eminye ngokukhulu, okukhulu, ukushesha lapha manje.

**361. Mfowethu Branham, ngicela uchaze iZenzo 9 vesi 7 neZenzo 20—iZenzo ivesi 22.** (Ungangitholela lona, Mfowethu Neville.) **Ngicela uchaze iZenzo 9 ivesi 7.**

237 Manje, esathola leyo, ngizobona ukuthi ngingawuthola yini omunye ngokushesha impela. Seniyakhathala na? Ngiyazi ninjalo.

**Ngicela uchaze imfihlakalo yokuthathwa koMlobokazi. Ukuthi kuyokwenzeka kanjani nokuthi kuphi, indawo, uMlobokazi aya kuyo.** Leyo akusiyo yini imibuzo ethandekayo na? Lowo muhle ngempela. Ngingama nje lapha usuku lonke . . .

[UMfowethu Branham uphendula umbuzo 361—Umhl.] Umzuzu nje manje, ivesi—ivesi . . . iZenzo 9 vesi 7 (ngiyabonga, Mfowethu Neville)—9 vesi 7:

*Kepha i*ndoda *ayehamba naye ayemi engenakukhuluma, ezwa izwi,* futhi *ayengaboni-muntu.*

238 Manje, manje ngiyazi ukuthi uyaphi. Uyabo? Manje, indawo elandelayo yathi ba . . . kungapha nangapha. Manje, a—angazi ukuthi kwenzekeni lapho. Ngeke nje ngakutshela, ngoba indawo elandelayo bezwa. Kweyodwa, abalibonanga, nendawo elandelayo, balibonile futhi abalizwanga. Bangaki owake wakubona lokho ngaphambili eBhayibhelini na? Ngike ngakubona, futhi angikwazi ukukuchaza. Niyabo? Ngi . . . INkosi izofanele ingembulele khona. Ngi—nginitshelile esikhashaneni esedlule, ngizofanele ngibe qotho kuwe. Uyabo? Angazi. Ngiyaxolisa. Uma ngi—uma ngingenakukuchaza, ngizobaqotho ngokwenele ukukutshela ukuthi angeke. Kodwa angeke nga—ngakulinga uma—uma ngingazi.

239 Ngeke ngakuchaza lokho, ngokuba endaweni eyodwa kwathi babona ukuKhanya futhi abalizwanga neze iPhimbo, noma into efana naleyo; nendawo elandelayo, babona u . . . bezwa iPhimbo futhi abakubonanga neze ukuKhanya. Ngeke ngakuchaza. Uyabo? A—angazi ukuthi kwenzekani, futhi angeke ngazi iNkosi ize ingembulele khona; njengoba bengingeke ngakutshela ngomshado nesahlukaniso. Ngangingazi Yaze yangembulela khona.

240 Futhi ngisho nakulokhu ukusa, iNkosi uNkulunkulu, uMdali wamazulu nomhlaba uyazi ukuthi lokhu kuyiqiniso, kulokhu ukusa Uqede yonke into, engitshela ngomshado nesahlukaniso. Kunjalo. Yingalesosizathu ngithi, mangikuthole konke kanyekanye. Hlola . . .

241 Ngenkathi enye yalezozinto njengenzalo yenyoka enobuqili, ngenkathi yethulwa kimi, nga—ngangingayiboni, lutho; kodwa ngaqhubeka nje ngilandela lokho, nento yokuqala niyazi . . . Bese-ke ufanele udedele ube wedwa, bese-ke uMoya oNgcwele uqala ukukuvula. Manje, ngifuna umuntu azame ukukugxeka manje. Niyabo? Angikwazi ukukwenza.

**362. Ngicela uchaze imfihlakalo yokuthathwa koMlobokazi.**

242 Uguquko nje, uyabo, imizimba yethu. Manje, asithi *wethu*. Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini uma ngisho lokho na? Angiqonde khona ukuba ngongcolisa okungcwele. Angiqonde khona ukuthi *yethu*; angiqonde khona ukuthi lelibandla; ngiqonde ukuthi ngithi lonke ikholwa.

243 UAbrahama, Wayebheke indodana ethenjisiweyo, ayethenjiswe yona. Kunjalo na? NeBandla libheke iNdodana ethenjisiweyo. UMlobokazi (kunjalo na?), uMlobokazi ubheke iNdodana ethenjisiweyo.

244 Ngaphambi kokuba indodana ethenjisiweyo ifike kuSara noAbrahama, imizimba yabo yadingeka ukuba iguqulwe. Kunjalo na?

245 Wayesemdala kakhulu ukuthi angaba nengane. Wayengenamithambo yobisi ebeleni lakhe; ibele lakhe lase lomile. Isizalo sakhe sasingasabambi; wayeyinyumba. Wayengasakwazi ukuba nengane; inhliziyo yakhe yase indala kakhulu ukumela umsiko. Ngakho kwenzekani na? UNkulunkulu wamguqula waba ngowesifazane osemusha. Futhi Wenza uAbrahama into efanayo, ngoba Wathi umzimba wakhe wawusufana nofile. Niyabo? Futhi Wadingeka aguqule umzimba wabo ukuze bemukele indodana ethenjisiweyo.

246 Futhi singeyemukele iNdodana ethenjisiweyo esithenjiswe yona namhlanje kulemizimba esiphila kuyo; lemizimba iyisono.

247 Lonembeza wokuqala ulawula lomzimba ngokubona, ukunambitha, ukuthinta, ukuhogela, nokuzwa, futhi nje kusenze sonke sibe mathizethize; siyazindla nayo yonke enye into. Kodwa lowomzimba omusha, ovela kulona ozelwe ngokusha (hhayi lonembeza wokuqala, uyodlula) . . . Kuyileyonto ethize engaphakathi ephilayo. Wonke umuntu okuqondayo akathi, “Amen!” [Ibandla liyaphendula, “Amen!”—Umhl.]

248 Akusikho lokhu ukubona kwangaphandle, ukunambitha, ukuthinta, ukuhogela, nokuzwa. Akusikho. Umiselwe ukufa futhi uyofa, kodwa ingxenye engaphakathi yakho, phansi phakathi lapha, ngaphakathi, yilowo, umuntu ongeke afa. Niyabo? Futhi yilowomuntu ukuphila okusha okuqala kuye, kulokhu ukuzalwa okusha; futhi kwakha omunye umuntu ngomfanekiso walomuntu onguye wena, ngakulokho kuphila. Niyakuthola na?

249 Ngakho sekungashiwo ukuthi uphakathi lapha, futhi uyini na? IZwi elethenjiswa ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Nangalapho, lokhu kubonisa kuphela isithunzi sesithombe sangempela; esiyobonisa isithombe sangempela, iZwi. Niyabo? Nento efanayo i . . . Noma, ukuthathwa koMlobokazi kuyoba yinto efanayo. IZwi elikuwe, umzimba uyokwakheka ubekhona ngakuleloZwi, nento efanayo yenzeka ngoSara.

250 Ngaphambi . . . Ngenkathi lowomzimba omdala ayenawo, lowomzimba wokuqala, wadingeka uguqulwe ukuze uveze indodana. Niyakuthola na? Lowomzimba wawungenakukwenza. Lomzimba ungekwenze, ngakho uyodingeka uguqulwe ngendlela efanayo ukwemukela iNdodana.

**363. Kuyokwenzeka kanjani, futhi inini i . . . iphi i . . . uyaphi uMlobokazi na?**

251 Uya eNkazimulweni, iZulu kwenzelwa isidlo sakuSihlwa soMshado, nje emfanekisweni njengoIsaka noRebeka, ngenkathi uRebeka eya kohlangabezana noIsaka. Khumbulani uEliyezeri, emele manje umlayezo owaphuma kuAbrahama, uEliyezeri waphuma ukuyofumana umlobokazi kaKri- . . . kaIsaka. Wafumana uRebeka omuhle ngokuphola kokuhlwa, intombazanyana enesikhumba esinsundu, iphuma ithwele imbiza yamanzi. NoEliyezeri wakhuleka, wathi, "Nkosi Nkulunkulu, ngiphe uhambo oluhle manje nempumelelo ngenkosi yami, uAbrahama."

252 Wayesethi, "Hamba, ungamthatheli phakathi kwamaFilisti; ungamthathi." Yana ngapha phakathi kwabantu bakubo, kukhombisa ukuthi uMlobokazi kaKristu noKristu ngukuhlobana kwegazi, ngoba uRebeka no—noIsaka babengabazala.

253 Futhi ngakho behla, naloRebeka omuhle uyaphuma wayesekha amanzi; owesilisa wayesekhuleka; owesifazane wayesephuzisa ikameli noma yini okunye. Bese kuthi-ke, nizoqaphela uRebeka wayene . . . Ukukhetha kokugcina kwakufanele kuze kuRebeka. Wacela intombazane kuyise; wacela intombazane kumama; futhi akekho namunye wabo owayengavuma. Babefuna ihlale isikhashana. Wathi, "Ningangilibazisi emsebenzini wami."

254 NoRebeka wadingeka azikhethele, ngoba wathi, "Uyintombazane; akakhethe."

255 Kwathi nje kungenziwa kuye, masinya umqondo wakhe wabe usunqumile; wathi, "Ngizohamba." Wayesegibela ikameli wayesehamba ukuyohlangabeza u . . . Bukani, lona impela ikameli aliphuzisa laliyikameli elamthwala lamyisa kumyeni wakhe nayo yonke impumelelo yakhe. Nalo impela ikameli, wona impela amandla e (lesosilo eBhayibhelini simele amandla) . . . Nawo impela aMandla esiwanika amanzi nodumo ku (Amen! Niyabo?), amanzi, ukuphila, udumo e, iZwi, iyonanto impela esithwala iyosingenisa ezweni leNkazimulo ukuhlangabeza uMyeni. Yebo, mnumzane! Amen!

Sibheke ukufika kwalolosuku olujabulisayo
lwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane;
Lapho iNkosi yethu ebusisiweyo iyofika
khona, ihlwithe uMlobokazi WaYo olindile.

256 Futhi khumbulani, uIsaka wayeshiye ithende futhi wayemi phandle endle ezindla intambama isihambile. (Amen!) Ngenkathi ebona uRebeka eza . . . Futhi wayengakaze ambone naye wayengakaze ambone, kodwa kwaba luthando ekubonaneni kokuqala. Wathandana naye naye naye, futhi wayefake ngisho neveyili. Amen! O, he!

257 Futhi bukani, ngenkathi embona, inhliziyo yakhe yayigcwele kakhulu injabulo. Wayengazi ukuthi wayezoshada nobani, kodwa ngokukholwa. Amen! Futhi—futhi—futhi khumbulani, uJesu uyoshiya uMbuso, futhi asiyikuMhlangabeza eNkazimulweni, siyoMhlangabeza emoyeni, phakathi kwamazulu nomhlaba, lapho kwandiswe khona ukusihlenga. Wayesehlangabeza uRebeka phakathi nendawo, phakathi kwekhaya lakhe owesifazane nekhaya lakhe owesilisa. Amen! Wamthatha wamfaka ekhaya lakhe, wayesemshada, wayesedla ifa lakho konke uyise ayenakho. Amen! O, kuphelele, kuphelele nje. Kulungile.

Umbuzo: U**Nkulunkulu uyayehlukanisa yini indoda nomfazi e . . .**

258 Kungcono ngi—ngingawufundi lona. Niyabo, niyabo? Yi—yi . . . ngingahle ngidingeke ukuba ngisho igama. Niyabo? Nginazi nonke, kodwa lena—lena—lokhu kuyateyishwa (uyabo?), ngakho kungcono ngi—ngingawufundi. Uyinto emayelana ne . . . Umuntu owubhalile, niyazi ukuthi uyini; futhi kungcono ngi—ngikubone engxoxiswaneni yangasese. Uyabo? Kungcono nginga . . . Angicabangi ukuthi ngempela kungakuhle ukufunda lokho. Uyabo? U—ulungile, umuntu, akukho okungalungile ngawo; babuza umbuzo wangokomthetho, kodwa ngi—ngicabanga ukuthi kungangcono kimi ukuba ngibone lokho engxoxiswaneni yangasese. Ubungecabange kanjalo wena na? Nje noma ubani o . . . Uyazi ukuthi ubani, noma ngabe ungubani.

259 O, he! O, sesivele sedlulile esikhathini sethu, bafo. Kungcono si—sivale futhi siye—siye edineni lethu. Singakanani isikhathi enifuna ngisime . . . ngisichithe lapha na? [Omunye uthi, "Usuku lonke."—Uml.] O, he, he! Nje i—nje i . . . Ya, nje i . . . Mhlawumbe kancanyana nje. Uma noma ubani ezohamba masinyane impela, ungayekeli idina lakho lishe. Kodwa uma u—uma u . . . Futhi—futhi mhlawumbe ngizobe ngidla ngale eBlue Boar, noma kwaPryor, noma ezinye zalezo zindawo, futhi mhlawumbe bangeke banikhathaze. Uma nizodingeka nihambe, uNkulunkulu anibusise; ngiyaqonda. Niyabo? Futhi nje ngizothatha cishe . . . Ngizobeka lena khona lapha, futhi yilokho kuphela engizokuphendula. Bese-ke ngi—ngizoya . . . lena kahle . . . Kuzoba cishe . . . kuthathe imizuzu eyishumi nanhlanu ngaphezulu, ngizobe-ke, ngihambe.

**364. Nginamadodakazi amabili ashade nendoda e** d-e-a-v- . . . **futhi ayawukholwa loMlayezo. A . . . amahlelo**, (Kunjalo.), **futhi ayawukholwa loMlayezo futhi aWumele, futhi**

**emukele. . .Afanele enzenjani na? Asethole ukuphikiswa. Singenzenjani na?**

260 Bambelelani ekumeni kwenu! Ngokoqobo. Vezani ubunjalo benu. Yilokho-ke; ningawayekeleli. Qhabo, mnumzane! Angisho ukuthi, ningayi phakathi kwawo, inhlanganyelo, noma into efana naleyo, inqobo nje uma ningahlanganyela; kodwa uma esezofika ekushintsheni uhlobo lokudla, niyazi, ijuba ngeke ladla noklebe.

**365. Mfowethu Branham, ungasiza uchaze uMarku 13:27 na? Futhi, Mfowethu Branham, uthini ngabantu abaseSambulweni 20:7 nele 9, ini. . .elwa nabangcwele na? Bavelaphi na? Ngabe kuyoba khona ukwedluliswa njengano—mndeni kaNowa na?**

261 ISambulo 13 noma. . .Qhabo. UMarku 13:27, Mfowethu Neville. ISambulo 20. Unalo iBhayibheli lakho lapho, Mfowethu Capps na? ISambulo 20, futhi kubukeka sengathi ngele 7 nele 9. Ngicabanga ukuthi mina, ngenkathi besakuthola. . .Lapha, unakho khona lapha. ISambulo, bekuyini manje na? UMarku 13:27, 13:27.

*Lapho iyakuthuma izingelosi zayo, futhi. . .iqoqe abakhethiweyo bayo emimoyeni yomine,* futhi kuyakuthi i. . .ne*mi*khawulo *yomhlaba ukuba* kube. . . ne *kuze kube se*mikhawulweni *yezulu.*

. . .mikhawulweni *yomhlaba kuze kube semikhawulweni yezulu.*

262 Lokho kukhuluma ngokuvuka, ukuthathwa, senyuke. Uyothuma izingelosi zaKhe ziqoqe. Senake nacabanga ukuthi izingelosi ziyini na? Hhe? Izithunywa. Uyoziqoqa ndawonye, azibuthele ndawonye (niyabo?), azilethe, azibophele ndawonye emikhawulweni yomhlaba kuze kube semikhawulweni yeZulu, iZwi elalikhona, libonakaliswe emhlabeni. Niyabo? Niyakuthola na? AmaZwi likhulunyiwe; nanto Liyabonakaliswa. Niyabo? Kulungile, Mfowethu Capps. Ake sibone.

*Nanxa isiphelile iminyaka eyinkulungwane, uSathane* wa. . .*khululwa etilongweni lakhe,*

263 Kulungile. Ngisanda kuqeda nje ukukuchaza lokho, angikuchazanga yini, ukuthi wayezokhululwa kanjani etilongweni lakhe ekupheleni kweminyaka eyinkulungwane na?

Kulungile, nginomunye khona lapha. Umzuzu nje.

**366. Mfowethu Branham, ngabe kwakungokukaNkulunkulu yini, noma ngabe kwakungukwenza kwami uqobo ngenkathi izinto ezenzeka, ngenkathi** (t-e-. . .) **ngilingwa. . .Ngabe lokho kwakuyi. . .**(Bona ukuthi ungakubona yini lokho. Kubhalwe kahle, kodwa imfundo yami ayiyinhle. Kuthini lapho na?. . .?. . .A—angikholwa ukuthi ngingawuphendula lowo. UMfowethu

Capps noma angikwazi ukubona kahle. . . Washo,) **Ngabe kwaku. . .**(Ngaphandle uma ku—kwakuyi. . . ukuba bekungunesi. Into ethize ngobunesi.) **Ngabe kwakungokukaNkulunkulu yini ngenkathi ngiyeka ubunesi, noma ngabe kwakuyiphutha lami na?**

264 Ngeke ngazi. Kungcono ngibone lokho engxoxiswaneni yangasese. Niyabo?

Manje, ubunesi buyinto yangokomthetho, njengonesi nje. Ngingathi. . . Manje, umuntu akazange. . . Angiwuphosanga lowo emuva ukuba ngithi nje angingawuphenduli, ngoba lowo usho lukhulu impela nje kulowo wesifazane njengoba umbuzo wakho usho lukhulu kuwe noma owami kimi. Uyabo? Kodwa manje, uma kungu—uma kungu—nesi, ukuthi uyeka ubuhlengikazi nje ngoba wacabanga ukuthi awufanele usebenze. . . Awu, ngicabanga ukuthi ubunesi bufanele kakhulu bube njengobesihawu. Uyabo? Ufanele ucabange ukwenza into ethize, njengodokotela.

265 Udokotela ongudokotela olungileyo, angasiza umuntu kungakhathaleki noma ngabe ubenopeni wemali noma qha, udokotela wangempela. Uyabo? Futhi ngicabanga ukuthi umfundisi, noma ubani, inkonzo yethu ifanele ibe komunye nomunye, ngoba kwenza impilo ibe ngconywana nje komunye nomunye.

266 Ngi. . . Ngenkathi bengitshela ukuthi ngangifanele ngithathe ikhulu lamadola ngeviki kulelibandla libe yiholo, ngani, kwakuthi aku—kwathi akungibulale. Manje. . . Nkk. Wilson, ngiyazi, futhi mhlawumbe indodana yakhe, nabo behlezi lapha, khumbula iminyaka eyadlula, ngashumayela lapha iminyaka eyishumi nesikhombisa futhi angizange ngithathe-peni empilweni yami. Yonke imali encane, yonke into enganginingayenza, ngangiyifaka kulo. Niyabo? Futhi ngenkathi bengitshela ukuthi ngangifanele ngiyithathe ukuze ngibe kulemihlangano, kwathi akungibhidlize. Niyabo? Kusobala, ngikholwa ukuthi kulungile, kodwa kimi nje (niyabo?), angifuni lutho, angifuni-mali, into kuphela engiyifunayo ngo—ngobenu—ubungani benu nomusa kaNkulunkulu unathi.

267 Ngi—ngiyanithanda (niyabo?), ngiyanithanda, futhi ngifuna ukuba nibe kahle; futhi ngifuna ukuba kahle qobo lwami. Futhi ngi—ngifuna ningikholwe; ngiyanikholwa. Futhi uma niza nami embuzweni, ngifuna ukuba qotho kini. Futhi uma ngi—nginitshela eGameni leNkosi, ngifuna nenze khona impela nje enginitshele khona. Ningehluki kukho naka—kancu, khona-ke ngicabanga ukuthi sizohambisana kahle kanjalo. Niyabo? Bese manje-ke, abanye. . .

268 Futhi ngakho manje, uma kungubunesi. . . Futhi ngicabanga ukuthi uma wena, enhliziyweni yakho ukuba ube ngunesi. . . Angeke wonke umuntu aba ngunesi. Unesi ngumuntu

onobubele nonomusa kubantu, futhi o, ngicabanga ukuthi unesi wangempela . . . Uma wake wagula esibhedlela, noma into ethize, bona unesi onomoya omuhle ngempela oyofika futhi akwenze uthokomale, noma into ethize noma enye . . .

269 Ngake ngahlinzelwa ngenkathi ngadutshulwa ngalesosikhathi; ngadingeka ngiye esibhedlela. Kwakunomhlengikazi omdadlana phandle lapho, ngangimbiza ngesi "Nongo esiMnandi," ngoba wayehlala njalo enesinongo emlonyeni wakhe, esidla. Lokho kwakungaso sonke isikhathi kanjalo. Futhi ngangithi angibe neminyaka eyishumi nane ubudala, futhi ngangikade ngidutshuliwe. Futhi yena wayengumfo omncane nje empeleni, futhi waye . . . leyomilenze edutshuliwe, yacishe impela yomibili yasakazeka yaphuma kanjalo, futhi wayebeka umqamelo *lapha* nomqamelo *laphaya;* futhi ngaso sonke isikhathi wayehlala njalo engisiza. Futhi ngangihlala njalo ngicabanga (ngangisengumntwanyana nje)—ngangicabanga ukuthi ngangingamshada, ngoba waye—wayenomusa kakhulu futhi enomoya omuhle kimi. Awu ngi . . . Lokho . . . Niyabo, lokho kusho into ethize (niyabo?) ukwenza into ethize.

**367. Ngithanda ukubuza umbuzo. Owokuqala: Ngabe amapijama abesifazane . . .** (Manje, ake nime kancane nje; ake ngikufunde. [UMfowethu Branham uzifundela umbuzo—Umhl.] Qhabo, lokho kuzolunga.) **Ngabe amapijama abesifazane aphathelene nezingubo zabesilisa na?**

270 Mfana, ungangitsheli ukuthi bangekubuze eminye enakekile nenganakekile. Angazi. Ngizovele nje ngidedele wena wenze ukunquma kwalokho. Awufanele ukuhamba ubukisa phambi kwabantu uwagqokile; ngi—ngiyakwazi lokho. Ngakho ngaleyondlela bekungaba njalo, kodwa e . . . ekulaleni ngawo a—a—angazi. Ngizofanele ngikweseke lokho futhi.

Nginitshelile ukuthi ngizobaqotho uma bengingakwazi. Angizukufaka umcabango wami uqobo ngakho (kulungile), ngaphandle uma ufuna umcabango wami uqobo. Uma nifuna lokho, ngizonitshela. Niyabo?

Manje khumbulani, akusikho . . . ku—ku . . . Lokhu—lokhu bekungaba yiphutha ngamamayela ayisigidi. Ngicabanga ukuthi bekungabukeka kahle ukuba ngigqoke igawuni yasebusuku. Kodwa—kodwa uma u—kodwa uma u . . . Kodwa lokho kukuwe nje. Manje, ngeke nga—ngeke ngakutshela lokho, ngoba bengingeke ngakweseka. Manje, lokho yi—lokho yi—lowo yimi, hhayi Yena, khumbula. Niyabo?

**368. Akulungile yini ukugundagunda izinwele zabesifazane ekugcineni kwazo na?**

Ngikholwa ukuthi sisanda kwedlula nje kulokho emizuzwini embalwa edlule (niyabo?), kokuncane . . . Ngiqagele babiza lezo—lezozinto ezincane ezilenga kanjalo . . .

**369. Mfowethu Branham, amanye amateyipu emiNyaka yeBandla eyisiKhombisa wakuphatha ukuthi uJuda wayekade elungisisiwe, wangcweliswa. Ngabe lezi ezangokoqobo . . .** (Lowo muhle.) **. . . chaza . . . isehlakalo, izehlakalo zangokoqobo zomusa awemukela na? Wakuphatha futhi ukuthi uJuda wayenegama lakhe libhalwe eNcwadini yokuPhila, kepha nokho, siyazi ukuthi waya ehayidese futhi walahlwa. Umuntu angaba kanjani negama labo liseNcwadini yokuPhila futhi noma kunjalo alahleke na? Noma kungani uNkulunkulu abeka amagama abantu eNcwadini yokuPhila abe Azi ukuthi bayolahlwa ekupheleni na?**

271 Manje, lowo ngomuhle, awunjalo na? Manje, lona ubungaba muhle. Manje, ngizofanele nje ngethembele eNkosini ukuphendula lokhu, ngoba nje ngiphuma ngizilazila, ngiphuma ngihlolisisa, njalo. Bukani! Kuqala, e . . . amabandla ethu, ngakuphatha ukuthi uJuda wayenegama lakhe eNcwadini yokuPhila. Lelo yiqiniso. Siyakwazi lokho, ngoba uJesu wabatshela ngenkathi bonke bathunywa (uMathewu 10), ukukhipha odeveli, ukushumayela iVangeli, bemukele ngesihle, epha ngesihle; futhi babuyela emuva bethokoza, ngoba odeveli wayebathobela. Kunjalo na? NoJesu wabatshela, futhi Wabiza amagama abo (ukuthi ayengobani, ukuthi bangaki abathunywayo); futhi bayabuya noJuda Iskariyote naye owaMkhaphelayo . . . Niyabo? Babuya bethokoza, ngoba odeveli wayelithobela. Manje, niyabo, isimo sasisephutheni lapho. Niyabo? Awufanele uthokoze ngoba nginamandla okwenza udeveli anyakaze. Niyabo? Anifanele nenze lokho, nifanele nithokoze ngoba nemukele ngisho nomusa owenele ukuba nisindiswe. Niyabo, niyabo? Anifanele nithokoze . . . Yingakho abantu . . .

272 Ngokuvamile abantu oneziphiwo bangabantu abangizifuni iziphiwo. Niyabo? UPawulu wazama ukuyibalekela into, wenzenjalo noMose. Abaholi abakhulu kanjalo bazama ukuwubalekela umsebenzi; bayazi ukuthi yini ebahlalele. UNkulunkulu . . .

Niyabo, uma uthatha umfo ohlala njalo ethi, "O, Nkosi, ngigcwalise ngamandla, futhi ngizophuma lapha, futhi ngizokhipha odeveli." Akasoze akwenza. UNkulunkulu wazi kangcono kunokwethemba noma ubani onjalo. Niyabo? Akasoze akwenza.

273 Yilowomfo ongafune kuzihlanganisa ngalutho nakho. Niyabo? Lowo yilowomfo uNkulunkulu angamthatha futhi amfundise into ethize ngesinye isikhathi. Niyabo?

Ngakho-ke, uJuda ubuya ethokoza, bonke, ukuthi amagama . . . Wathi, "Ningathokozi ngokuthi amademoni liyanithobela, kodwa thokozani ngoba amagama enu alotshiwe e . . . eNcwadini yokuPhila." Manje, uma niqaphela futhi nithathe uDanyeli futhi. I Bi- . . . Niyabo?

Ngoba igama lakho liseNcwadini yokuPhila (ngoba liseZulwini, igama lakho laziwe), lokho kusalokhu kungasho khona ukuthi usindisiwe. Uyabo? Awuphendukile, uze wemukele uMoya oNgcwele. Kukhumbule lokho. Kungashiwo inxenye ukuthi uphendukile. Uyabo? Awu . . .

274 Uma—uma ungicela u—um-oki bese ngikupha isithelo sawo, sekungashiwo inxenye ukuthi usunom-oki, kungashiwo inxenye, kodwa awukakhuli nokho. Yingalesosizathu ngikholelwa ekuphepheni njengendlela engenza ngayo.

Uma ngi—uma ngicela insimu yommbila, bese ngibona ummbila umile usucishe uphakame kangaka, kungashiwo inxenye, nginensimu yommbila. Hhayi awukakhuli nokho, kukhona obekungenzeka. Niyabo?

Manje, ususendleleni yakho eqonde ekulungisisweni nasekungcwelisweni emBhaphathizweni kaMoya oNgcwele. Kodwa uma ubhaphathizwa ngokoqobo ngoMoya oNgcwele, useMbusweni. Manje, wena uthi, "Mfowethu Branham, yiqiniso lelo na?"

275 Manje, anginasikhathi manje soku—kuninika umBhalo; niwubheke nje uma senifika ekhaya, ngoba angazi . . . umqondo wami. Ngifanele ngibuke emuva lapha kusikhombambhalo ukukucosha. UJesu watshela uPetru, owayekade kokubili esindisiwe futhi wangcweliswa . . . Wakholwa kuJesu, wangcweliswa. UJohane oNgcwele 17:17, uJesu wathi, "Bangcwelise, Baba, ngeQiniso; iZwi laKho liyiQiniso." Futhi Yena neZwi bayafana. Bangcweliswa, kungashiwo inxenye, ngeQiniso, iZwi, iQiniso. Kwase kuthi-ke, uJesu watshela uJuda . . . noma—noma uPetru ngobusuku bokukhashelwa, Wathi, "Emva kokuba usuphendukile, khona-ke uqinise uMfowenu," emva kokuba usuphendukile.

276 Indoda yayiMlandele iminyaka emithathu futhi inegama liseNcwadini yokuPhila yeWundlu, futhi yayikhiphe amademoni, futhi yenze imisebenzi emikhulu, futhi yaphilisa, futhi yenze lonke uhlobo lwe . . . yashumayela iZwi, nayo yonke into, futhi yayisalokhu ingakaphenduki. Niyayibona i . . . Uholeleka ekuphendukeni. Uyabo?

277 Ingane e . . . Uma isenzo senzeke phakathi kwe—kweqanda nesidoda, noma imbewana . . . Kodwa uma e . . . Sekungashiwo inxenye, ingane ilapho uma isenzo senziwe. Bese-ke umzimba uyakhula, isigaba sesibili; kodwa ingane izofanele izalwe lapha, bese-ke yemukela umoya wokuphila. Akukabi ngumoya wokuphila. Wena uthi, "O, iyaphila!" Qhabo, ayiphili!

Lokho yimizwa emincane idlukuza, imisipha. Niyabo? Ingane ayikakwemukeli ukuphila ize izalwe. Futhi ungagxuma futhi udlukuze, kodwa awu . . . Uyabo, uyabo? Ufanele uzalwe. Niyazi ukuthi ngisho ukuthini na? Kulungile.

278 Manje, manje, wathi-ke lokho kuthatha . . . "Ukuphathile ukuthi uJuda wayenegama lakhe eNcwadini yokuPhila, futhi nokho, siyazi ukuthi waya ehayidese futhi walahlwa. Umuntu angaba kanjani, pho, abe negama lakhe libe seNcwadini yokuPhila futhi noma kunjalo alahleke na?" Manje, ake ngithole enye futhi into eyodwa encane phakathi lapha yalomuntu othandekayo.

279 Manje qaphelani, iBhayibheli lasho ngenkathi uDanyeli ebona . . . Wa—wabhala iNcwadi yokuqala yeSambulo, uDanyeli. Futhi siyaqaphela, embonweni waMbona efika koMdala wesikhathi ozinwele zakhe zazimhlophe njengoboya bezimvu. Bangaki abakhumbulayo ngifunda lokho na? Futhi naqaphela yini, uJohane eSambulweni wafika entweni efanayo, iSambulo 1 na? Futhi Wama lapho; izinwele zaKhe zazimhlophe njengoboya bezimvu, izinyawo zaKhe nangendlela okwakubukeka ngayo—oMdala wesikhathi. OMdala wesikhathi, lokho ngukuthi; kwakungenasikhathi, oNgoPhakade. Futhi Wafika . . . Manje bhekisisani! Nabangcwele bafika emhlabeni nezincwadi zavulwa, nenye iNcwadi yavulwa, okwakuyiNcwadi yokuPhila, incwadi eyodwa. Bafika ekwahlulelweni, ne . . . Wafika, futhi kanye naYe kwafika izinkulungwane eziyishumi zezinkulungwane eziyishumi. Kunjalo na? ZaMkhonza, uMlobokazi, iNdlovukazi neNkosi . . .

280 Ubani oyindlovukazi yakho encane ekhaya na? Ikukhonza ngokudla. Kunjalo na? (Osuleyithi kukho manje.) Kodwa ngenkathi i—ngenkathi ikukhonza. Yilokho uMlobokazi akhonza ngakho uKristu, iZwi. "Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kepha ngawo onke amaZwi." Niyabo? Ukhonza iZwi eNkosini, ebonakalisa iZwi laKhe elithenjisiweyo onyakeni Aphila kuwo. Amen! A, ngisho into ethize ngaleyonkathi, aniyitholanga, kodwa . . .

281 Qaphelani! O, he! Lokho bekungokuhle. Niyabo? Ekhonza onyakeni, iZwi. Manje qaphelani! Wayesefika . . . Wafika, nezinkulungwane eziyishumi zezinkulungwane eziyishumi zafika kuYe; nokwahlulelwa kwabekwa, nezincwadi zavulwa; nenye iNcwadi yavulwa okwakuyiNcwadi yokuPhila; futhi behlulelwa kanjalo. Wayengubani lo ofikayo na? UMlobokazi owayengadingekile ukuba eze ekwahlulelweni, Ukhululekile ekwahlulelweni.

282 Enye incwadi yavulwa okwakuyiNcwadi yokuPhila, nalabo ababenegama labo eNcwadini yokuPhila babefanele behlulelwe ngaleyoNcwadi. NoJuda Iskariyote owayezisho ukuthi uyikholwa, futhi wayenegama lakhe lilotshwe phakathi kwawo eNcwadini yokuPhila. Kunjalo na? Wayezisho ukuthi

wayenokuPhila okuPhakade. Negama lakhe labekwa eNcwadini yokuPhila. Ngakho ufanele a . . . Ngani, uzokwehlulelwa-ke ukubona ukuthi kungani alahla iZwi lokuPhila ngaleyonkathi, walithengisa ngezinhlamvu ezingamashumi amathathu zesiliva. Abanye uthengisela ukuba yiMethodisti, iBaptisti kumbe noma yikuphi okunye. Wathengisa ngesikhundla sakhe eNcwadini yokuPhila. Futhi uyokwehlulela . . . uyodingeka a . . . ame lapho futhi ehlulelwe ngalokho, ngeZwi. Niyabo? Yingakho uJuda wadingeka akwenze. Niyabo? UJuda uzoza ekwahlulelweni. Igama lakhe laliseNcwadini yokuPhila, kodwa lokho akusho ukuthi usindisiwe. Uzofanele amele ukwahlulelwa.

283 Intombi elele iyoma khona lapho phansi kwezinto ezifanayo—ezifanayo. Qaphelani, uJesu washo kuJohane oNgcwele 5:24, "Ozwa iZwi laMi." Lowo yilowo ongaLemukela; hhayi lowo oLizwayo nje lishunyayelwa bese eqhubeka ethi, "Umbhedo." Niyabo? "Omukela iZwi laMi, Ozwa iZwi laMi akholwe (hhayi ozenzisayo, kodwa okholwa ngeqiniso) nguYe oNgithumileyo (okwakuyiZwi) *uno*kuPhila okungunaphakade futhi akezi ekwahlulelweni; kodwa use" (inkathi edlule) "dlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Niyabo? Yilokho-ke.

284 Ngakho uJuda wayenegama lakhe lapho liseNcwadini yokuPhila (kunjalo impela), kodwa walahlwa, ngoba wenzani na? Wathengisa ngobuzibulo bakhe.

UEsawu wazalwa emndenini onesithembiso sikaNkulunkulu. Indodana endala yayinobuzibulo. Bangaki okwaziyo lokho na? Ngesithembiso sikaNkulunkulu, igama likaEsawu lalisencwadini ngobuzibulo (kunjalo na?), kodwa wabushintshanisa ngokudla kwezintangazane, noma uphizi. Elambile ukuba asuthise isisu sakhe, ithikithi lakhe lokudla, washintshanisa ngobuzibulo bakhe ngenxa yethikithi lokudla futhi akatholanga ndawo yokuphenduka.

285 Lezozinhloli ezaya no . . . wela ukuyohlola izwe, zafika futhi zidla ngisho namagreypsi uJoshuwa noCalebi ababuya nawo. Kepha nokho, zenzani na? Zathengisa ngobuzibulo bazo.

286 UJesu wathi, noma uPawulu ekhuluma enokuphefumulelwa kukaKristu kumaHeberu isahluko 6: "Ngokuba akunakwenzeka ukuba labo abake bakhanyiswa, futhi benziwa abahlanganyeli kuMoya oNgcwele, futhi banambitha aMandla ezwe elizayo; uma behlubuka, ukuba baphinde bazivusele ekuphendukeni futhi, lokhu sebezibethelela iNdodana kaNkulunkulu, bathi iGazi lesivumelwano, abangcweliswa ngalo, yinto engengcwele, futhi bahlambalaza imisebenzi yomusa . . . " Akunakwenzeka kulowomuntu ukuba aze abuye.

287 Bona, bonke ngaphandle kukaJoshuwa noKalebi, bafa futhi babhubha kulelohlane, nokho babengamakholwa, nokho amagama abo ayesezincwadini.

288 Futhi lapha, uPawulu ekhuluma, uma umuntu ake afike endawaneni ukuthi usindisiwe, futhi wangcweliswa (iGazi liyangcwelisa; amaHeberu 13:12 nele 13 kuthi iGazi liyangcwelisa), bese-ke eza enyukele ngqo esangweni lombhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi ngenxa yesithunzi noma ihlelo enqaba ukuhamba angene kuWo, wathi, "Lowomuntu ulahliwe futhi angeke aze asindiswe" (niyabo?); ngoba usehlambalazile ngisho nakuyo impela imisebenzi yomusa embize waze wenyukela kuleyondawo futhi wamkhombisa yona, bese-ke eyajika, adede kuyo. Ubala iGazi lesivumelwano abethelwa ngalo . . . uKristu wabethelwa njengento engengcwele. Ngoba iGazi elamsindisa, futhi lamlungisisa, futhi lamngcwelisa limenyusela embhaphathizweni kaMoya oNgcwele. Bese-ke esuka ahambe futhi awushiye . . .

289 Manje, bhekisisani lelophethini. Ngithatha inqwaba yesikhathi, kodwa bukani! UJuda Iskariyote walandela leyomizila efanayo. Wayelungisiswe ngokukholwa eNkosini uJesu wase-ke eMvuma njengoMsindisi wakhe oqondene naye. Wangcweliswa futhi upha amandla ukukhipha imimoya; ubeka igama lakhe eNcwadini yokuPhila yeWundlu. Kodwa uma sekufika kwiPhentekoste nombhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukugcwala kweZwi, waveza ubunjalo bakhe. Yilokho impela izinhloli zaseKhanani ezakwenzayo; khona impela okwenziwe nguEsawu.

290 Yilokho impela okwenziwe nguSathane kuEva ensimini yase-Edene: "Ngempela uNkulunkulu akayiku . . . "

Kodwa wathi, "UNkulunkulu ushilo . . . "

Wathi, "Ya, ngiyazi kusho *lokho*; ngiyazi kusho *lokhu*; kodwa ngempela . . . " Niyabo, into efanayo yonke indlela kwehle kudabule njalo, futhi kunjalo nanamhlanje.

291 Ibandla lilandele ekuLungisisweni, uMartin Luther; ekuNgcwelisweni, uWesley. Kodwa khona, uma sekufika esikhathini sombhaphathizo kaMoya oNgcwele, baveza ubunjalo babo; abafuni kuzihlanganisa ngalutho naWo. INazaretha, iPilgrim Holiness, iChurch of God, onke lawo lapho ekholelwa ekungcwelisweni, ungeke wabeka umunwe kulo; yiqiniso. Kodwa uma sekufika emnceleni, lenyukela ngqo kuleyondawana ukwemukela uMoya oNgcwele wokuzalwa okusha, bese enzani-ke udeveli na? Afike khona ngapho bese ezama ukukutwista akujikise. O, uyi . . . uyokwenza yonke into esemandleni akhe aziwayo ukuvimbela abantu babe ngaphandle kwalapho.

292 Baletha ngapho ekutheni, futhi bathi, "Ufanele ukhulume ngezilimi. Ufanele ube namadlingozi. Ufanele wenze *lokhu*." Ufanele uzalwe kukho. Ningavumeli-muntu anitshele ukuthi

ukungcweliswa noMoya oNgcwele kuyinto efanayo, ngoba akusiyo! Impela akusiyo!

Lalelani leliNazaretha emuva lapha limpongoloza, "Akunjalo." Niyabo? Uyazi kunomehluko kukho, ngoba ngempela kuyikho. UMfowethu Capps, umfowethu oyiqhawe. Niyabo?

293 Impela, iNazaretha . . . Akukho-muntu ongasho utho ngokumelana nalabobantu abakahle benkolo; bahle nje ngempela ngakho konke abangaba yikho. Ichurch of God, iNazaretha, iFree Methodisti, labobantu bayibo ngempela, kodwa uma sekuza ezansi emisebenzini kaMoya, bathi, "O, o, lowo ngudeveli." Futhi benzani lapho na? Bahlambalaza uMoya oNgcwele. Uma benza lokho . . .

294 Manje, yini ukuhlambalaza na? Akukho-ntethelelo. Kunjalo na? "Oke wakhanyiswa, benziwa abahlanganyeli, futhi banambitha iziphiwo zasezulwini." Par- . . . Nambitha—banambitha ukungcwelisa kukaNkulunkulu: wahlanzeka kosikilidi, nabesifazane abangcolile, nazo zonke izinhlobo zokuphila kanjalo. "Futhi banambitha izinto zasezulwini." Ukubona ukuthi bahamba baze banyuka baze bayofika kulowomncele njengoba lezozinhloli zenza ezidla inxenye yalawomagreypsi. Kodwa badingeka benzeni na? Babefanele bahlakaze ihlelo labo ukuze bawelele kulokhu. Niyabo? Bathi . . . Niyabo? "Banambitha iziphiwo zasezulwini; ukubona ukuthi lokhu sebezibethelela iNdodana kaNkulunkulu kabusha; babalela iGazi lesivumelwano abangcweliswa ngalo."

295 Ukungcweliswa kungenkathi igama lakho liya encwadini njengekholwa. Izwi lakho . . . Igama lakho lilotshwa eGazini laKhe. Niyabo? Ukungcweliswa kwenza lokho; bese uyenyuka, uma Esekwethembe waze wafika lapha, bese-ke uyenyuka . . . Bathi, "Awu, Ubengakwazi na?"

296 Yebo, Wayekwazi. Wayazi ukuthi wawungeke ukwenze ekuqaleni. Wayazi ukuthi uJuda wayengeke akwenze. Wayemazi kusukela ekuqaleni; wayeyindodana yokulahlwa. Kodwa lezozinto zifanele zigcwaliseke. Niyabo? IZwi lizofanele ligcwaliseke, lonke, nakuba kuyimifanekiso nezithunzi. O, he! Besingahlala kulokho amahora.

**370. Mfowethu Branham, ngenkathi unikeza umlayezo ngamasonto ebandla angamashumi ayisikhombisa . . . amasonto angamashumi ayisikhombisa.** (Ngiyaxolisa.) **kaDanyeli, ngikholwa ukuthi wakuphatha ukuthi isonto eligcwele—eligcwele lokugcina noma iminyaka eyisikhombisa yokugcina iyoqala ngenkathi uMlobokazi wayesesiwe ekuhlwithweni.**

297 Qhabo, qhabo, qhabo, qhabo, qhabo, cha, cha, cha! Wakuthola ngokungesikho (uyabo?), hhayi amasonto ayisikhombisa agcwele. I—iviki laqala ngenkathi uJesu efika

emhlabeni. Wathi, "UMesiya, iNkosana, iyofika futhi iprofethe, futhi phakathi kwamasonto ayisikhombisa, Uyonqunywa." NoJesu washumayela yona impela iminyaka emithathu nohhafu, okunguhhafu wamasonto angamashumi ayisikhombisa, izinsuku eziyisikhombisa, isonto—phakathi neviki. Niyabo? Futhi kuneminyaka emithathu nohhafu esele.

298 Manje, ngenkathi uMose noElija efika emhlabeni, okuyiSambulo noZakariya. . .(Mfowethu Coomer umbuzo wakho—wakho nokaDadewethu Coomer wawufana.) Manje, ngenkathi be. . .Ngenkathi uZakariya 4 neSambulo 11, leyominqumo emibili kanjalonjalo, okunguMose noElija, ngenkathi befika emhlabeni baprofetha izinsuku eziyinkulungwane namakhulu amabili namashumi ayisithupha nane. Kuyini na? Iminyaka emithathu nohhafu impela. Leyo kwakuyinto efanayo impela. Hhayi. . .Niyabo? Noma ngabe lomuntu othandekayo ungubani. Kuhle, kakhulu, kakhulu, kubhalwe—kubhalwe ephepheni ngokubhala kwenhloko yezenkolo—imigqa lapha nezinto, futhi kuhle kakhulu. Futhi ngumbuzo omuhle kakhulu, kodwa (niyabo?) awukutholanga, lokho nje engikushilo. Angikaze ngikholwe ukuthi onke amasonto angamashumi ayisikhombisa ayoke abe ngapha. UMesiya wanqunywa. Bangaki okukhumbulayo lokho ekushumayeleni phezulu lapha na? Impela! Niyabo? Amasonto ayisikhombisa.

**371. Kusukela ngaleyonkathi, kubonakala sengathi iminyaka emithathu nenxenye yokuqala wagcwaliseka ngesikhathi senkonzo** (Awu, lapha ukuthole kahle lapha.) **ka—kaJesu, kodwa isisho, "phakathi kwamasonto" kubonakala kubhekiswe kuphela kumphikikristu ephula isivumelwano sakhe no. . .**(Qhabo, lowomphikikristu wephula isivumelwano sakhe ekupheleni kweminyaka yokugcina emithathu nenxenye. Niyabo?) **Njengoba ngayiqonda iteyipu kaDanyeli, amasonto angamashumi ayisithupha-nesishiyagalolunye okuqala aphela ngenkathi uJesu egibela eyongena eJerusalema ngo 30** A.D. [uJesu Azalwa—TN]**, ukuze iminyaka emithathu nenxenye yenkonzo yaKhe ibandakanywe emasontweni angamashumi ayisithupha-nesishiyagalolunye; namasonto okugcina agcwele—nesonto lokugcina eligcwele noma iminyaka eyisikhombisa iyobe isagcwaliseka futhi iyoqala ohlwithweni. Ngicela ungichachisele lokhu.**

299 Uyazi, mfowethu, dadewethu, noma ngabe ngubani obuze lombuzo. Muhle kakhulu (uyabo?), kodwa ngikholwa ukuthi uthe ukuxoveka kancane ngalokho engikushilo. Uyabo? Manje, i. . .ngenkathi uJesu efika engena eJerusalema (kunjalo impela), lokho kwakungukuphela kwe. . .Niyabo? Wahamba wangena waqonda ngqo esuka lapho futhi wabethelwa. Niyabo? Futhi Wa—Waprofetha inxenye yamasonto angamashumi

ayisikhombisa okuyiminyaka emithathu nohhafu. Manje, Wanqunywa, nomphefumulo waKhe wenziwe umhlatshelo. Futhi manje, kwakuyofika-ke. . . Ngalolu izinsuku zokugcina, kuneminyaka emithathu nohhafu esalokhu ithenjiselwe kuma—maJuda. Ne. . . ngalesisikhathi kwakungukubuthana kwabangcwele kwenzelwe uhlwitho, iBandla.

300 Manje, angizukuthola ukuthi ngiyiqede yonke lena, Mfowethu—Mfowethu, Dadewethu.

**372. Ungasiza uchaze kwabaseKorinte bokuQala, isahluko 7, ivesi 1 nele 9 na?** (Kuthole, Mfowethu Neville, kwabaseKorinte bokuQala, isahluko 7, ivesi 1, manje.)

**373. Futhi ngabe lonke ikholwa leqiniso lenza leyomisebenzi uJesu ayisho, njengoba kubekiwe kuJohane oNgcwele 14:12** (Hhayi khona impela. Qhabo!): **aphilise abagulayo, akhiphe odeveli, avuse abafileyo** (Angicabangi ukuthi lokho kukuJohane oNgcwele 14, kodwa kulungile. NguMarku 16.)**, noma—noma ngabe. . . ngabe lona kuzoba nguElija kuphela na? Ngabe ikholwa lifanele lenze konke lokho. . . kwalokhu. . . lenze ngempela. . . elikholwa ngempela na? Futhi uma ngempela liyikholwa langempela, lingabavusa abafileyo futhi lenze izimangaliso ezinkulu na?**

301 Manje, lokho kuphakathi kwamakholwa. Niyabo? Wonke umuntu akanazo lezoziphiwo, futhi akusho ukuthi nje umuntu oyedwa uyokwenza; kuyoba namaqembu abantu. Njengokuthi nje isibonelo, ukuba-ke—ukuba besinentombazanyana lapha ebandleni, noma umfanyana, noma omunye esimthanda kahle ngempela, nokuphila bekungaphuma kubo. Lonke ibandla belingabuthana ndawonye, futhi beliyohamba liyokhuleka futhi lizile ukudla: "Nkosi, mhawukele lowomntwana." Niyabo? UNkulunkulu ubengamvusa.

302 Bangaki abake bafunda *oBaba baseNayisiya* nabo na? Niyazi, yileyondlela ababenza ngayo ebandleni lasekuqaleni. Babebuthana ndawonye bonke, niyazi, futhi bavuse ngisho nomelusi wabo ngesinye isikhathi nabehlukile kanjalo, uma uNkulunkulu ebone kufanele ukukwenza; kodwa bakwenza.

**374. Uma ibandla lisindisiwe ngisho nakuba lingayi ekuhlwithweni, njengoba ngikholwa ukuthi wafundisa, lifanele ledlule khona ekuhlupheken ukuba lihlanjululwe. Kodwa kuthiwani ngalaba abafileyo, bayohlanjululwa kanjani na?**

303 Kulungile. Labo abanalokho. . . UMlobokazi akadingi kuhlanjululwa; Usevele uhlanjululiwe. Nalabo a—a—abafileyo emuva lapho, laba abedlula. . . Niyabo? Abazange bemukele ukuKhanya lokho lawa ibandla phezulu lapha lemukelile; babephila phansi kokuLungisiswa kwabo, ukuNgcweliswa, nokunye nokunye kanjalo. Baphila ekuKhanyeni ababenakho,

mhlawumbe nge—ngendlela e—abahlupheka ngayo, nanoma yikuphi abedlula kukho, ekuhlushweni kwabo. Kodwa manje, kulesisikhathi sokuhlwithwa esinje (niyabo?), kuzodingeka kufike isikhathi manje lomlobokazi ozo (onqaba inxenye yeNhloko yoMlobokazi) uzodingeka ahlupheke ngokwenqaba kwakhe, ngoba iVangeli alicaciswanga kubo emuva lapho, njengoba licaciswa kini namhlanje. Niyabo? Nilibona ngokucace kakhulu. Senibe nayo yonke leyominyaka nezibonelo, iziMpawu zavulwa, uNyaka weBandla wenekwa, nayo yonke into kanjalo. Licace nje kakhulu ningeke naligeja. Niyabo? Bese kuthike, uma nilenqaba ngokugcwele, yinye kuphela into yokuba yenziwe, nihlupheke ngalo.

304 Ukutholile lokho Mfowethu Neville na? Kumayelana nani na? Nje ngi. . .kungcono ngihambe manje, ngoba isikhathi sibaleka kakhulu. Niyabo? Ngi. . .Isikhombisa—isikhombisa, isishiyagalolunye. . .Ake sibone.

*Kepha uma bengenakuzibamba, mabaganane: ngokuba kuhle ukuganana kunokusha.*

305 Kulungile. Lokho nje kungokokuphila ngokungcola. Esikhundleni sendoda, umfana, intombazane, noma okuthize noma okunye lapho bezohambisana futhi—futhi bayazi ukuthi bafanele baganane, qhubekani futhi niganane. Ngicabanga ukuthi ni—nizoqonda ukuthi ngiqonde ukuthini, aniqondi na? Niyabo? Ningaphili nje impidlwana engcolile lapho, ngoba ayilungile. Niyabo? Lowo ngudadewenu ngomunye umqondo, lapho uma ungumKristu. Manje, uma kuyizwe, yizwe: inja idla inja. Kodwa lentombazane ohamba nayo, lowo ngudadewenu futhi. Lowo kuyoba ngumama wabantwana bakho—bakho abayofika. Ungaphili impidlwana engcolile ngakuye, mkhombise ukuthi wena ungumnumzane ohloniphekile ongumKristu ofanele. Phila njengomKristu ongumnumzane ohloniphekile njengoba kufanele. Uyabo? Futhi mphathe njengodadewenu, futhi uma niganana, yiba usalokhu umphatha ngaleyondlela.

306 Ngingahle ngiwuphendule lona khona manje. Angikholelwa ekuphileni ngokungcola phakathi kwabantu bamaPentecostal, abantu bobungcwele, ngisho noma beganene. Angikholelwa kulokho. Qhabo, mnumzane! Ezinye zalezizinto ezingcolile e—ezimbi kabi. . .Ngingena lapha ngesinye isikhathi kulezi. . . Hhayi kulokhu ukusa manje, qhabo, angikusho lokho. Kodwa ngiqonde ukuthi ngezikhathi ngiphandle eCalifornia nezindawo ezehlukene kanjalo. Ngihlangana nabefundisi phandle lapho, lapho ekuboneni okufihlakele, ngizwa kuthi angibagumbuqele edolweni lami bese ngibanika okuncane "ukuvuselela amandla kwezinto okuqala kuzo ukuphila kweVangeli." Yebo, mnumzane! He, ukubona indoda eyozama ukuthatha umkayo omncane, nokungcolile, amanyala, lokho yi. . .Niyaqonda ukuthi ngichaza ukuthini. Ngicabanga ukuthi

ubufanele ube namahloni ngawe njengendoda kaNkulunkulu uku. . . Wena yiba nje ngumyeni; yiba isithandwa. Mhloniphe njengoba uhlala umhlonipha njalo. Ungazinaki lezi, ezinye zalezi enon-. . . izincwadi ezikhanukisayo, noma lemibhedo kulezi izincwadi ezikhanukisayo, nezinto enifunda ngazo, nakho konke okwalezizinto, nayo yonke into kanjalo. Khipha leyonto engamanyala emqondweni wakho.

307 IBhayibheli lathi ningavumeli nokukodwa ukuxoxisana kwenu kufike phakathi kwenu uma nithi ninobungcwele. Phatha lelonenekazi elincane sengathi liyisithandwa sakho esincane. Uma lineminyaka engamashumi ayisithupha ubudala, yiba ngofanayo nje. Yiba yilelosoka eliyiqhawe; khumbula, uyilo.

Anizami nayinye yalezizinto ezintsha, futhi ngiyazi ukuthi ngikhuluma ngani. . . Futhi nje yiba ngumyeni, umzalwane wangokoqobo, umKristu wangokoqobo.

Ngiyazi lokho kuzwakala . . . Kodwa i . . . Ningabantwanyana bami. Nginelungelo lokusho lokho engifuna ukukusho kini. Niyabo? Ningabantwanyana bami; philani kahle.

308 Nani besifazane, phila indlela efanele kumyeni wakho. Nani bayeni, phila ngokufanele kuwe. . . ko—ko—komkenu. Yibani nomoya omuhle ngempela, ngempela futhi nihloniphane nje ne. . . Nobudlelwane bomndeni wakho—wakho nokunye kanjalo, makube nje ngokuhlonipheke ngempela, nokumesaba uNkulunkulu, futhi navumelana phakathi kwenu nayo yonke into ngakho konke. Ningalokothi niphushe, futhi nishove, no—nokungcola nenhlamba.

309 Qonda, khuluma nomkakho. Uma—uma imvelo eyodwa ikuwe nenye imvelo ikuye, ixoxe naye. U—uzame ukwenza okufanayo kuye, dadewethu. Nendlela efanayo . . . Qondanani futhi ube—ube ngumnumzane ohloniphekile ongumKristu namanenekazi angamaKristu angempela, no—nomfowethu nadadewethu omunye nomunye. Khumbulani njalo, ningabantwana bakaNkulunkulu, futhi nivela eMndenini woBukhosi. Niyigazi lobukhosi; alikho igazi elingcono ezweni kunelakho. Futhi lokho kunjalo! Negazi lobukhosi lizikhombisa lona. Yilokho eliyikho, lingelobukhosi. Bonke abakholwa lokho thanini, “Amen!” [Ibandla liyaphendula “Amen!”—Umhl.] Yebo, mnumzane! Khombisa lokho oyikho. Ngiyi. . . ngiyi. . . ngiyindodana yeNkosi, ngiyindodana yeNkosi uqobo. Umkami uyindodakazi yeNkosi. Ngingayiphatha kanjani leyondodana yeNkosi na? Yona ingayiphatha kanjani indodana yeNkosi na? Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na? Yiba ngowoqobo ngempela.

**375. Ngabe uzobakhona umnyakazo kaMoya oNgcwele, izibonakaliso, nezimanga, nezimangaliso ezenziwa nguMlobokazi ngaphambi kokuba Amuke, kumbe ngabe silindele nje ukubonakala kwaKhe na?**

310 Ngizofanele ngivale ngalowo, ngiqagele, ngoba nje nginemininingi kakhulu lapha ukuba ngifinyelele kuyo. Futhi isikhathi sibaleka ngempela. Sekuyimizuzu engamashumi amabili kushaye elokuqala manje, futhi nginecishe ibe ngamashumi amathathu noma amashumi amane lapha, mhlawumbe. Ngizowuphendula lona ngaso sonke isikhathi sami. Ngi . . . nje ngithathe imizuzu emithathu elandelayo. Ngizothola lena uma ngingaphumelela. Niyabo? Angazi ukuthi ngingayithola nini; ngizokwenza konke engingakwenza. Niyayijabulela na? Ngi . . . Kuyangisiza nami. Niyabo?

Ukuza lapha bese ngiyidumela kanje, ngaphambi kokuba uze uyibheke (uyabo?), uthola ezinye izinto ongeke waziphendula, futhi—futhi ngi—bengisemathembeni bengizocosha . . . Ngiyazi kunowodwa phakathi lapha okhuluma ngenzalo yenyoka enobuqili. Bengifuna ukuwuthola kabi kabi; bengifuna ukuwuchaza. Niyabo? Kodwa ngiqagele ungiphunyukile, ngakho ngizovele nje ngibe ne . . . Mhlawumbe iNkosi ayifuni kwenziwe ngaleyondlela, kodwa ubusenzalweni yenyoka enobuqili. Funa omunye kuleyoteyipu athi, "Awu, ukwenzile, uwedlulile lowo." Bangaki abazobekezela eminye imizuzu emibili ngawo na? Hhe? Kulungile.

311 Manje lindani, ake ngithole lona kuqala. Ake sibone! "Ngabe i—i . . ." Qhabo. Lombuzo lapha uyilokhu: "Ngabe ziyobakhona yini izimangaliso ezenziwa nguMlobokazi na?" Yebo, mnumzane! Kuyenziwa khona manje. Kunjalo! Niyabo? Kodwa ungabheki into ethize enkulu . . . noma ulethe amazulu futhi uvale amazulu, alini. Lokho kungena ku—kumaJuda manje. Niyabo? Lokho akuqondene nalokhu nhlobo; lowo nguMose noElija kumaJuda, hhayi kuleliBandla nhlobo. Funda izahluko ezintathu zokuqala zeSambulo; uthola lokho iBandla eliyikho khona lapho. Yilokho kuphela ebandleni. Futhi uma selibuya noMlobokazi, uma selibuya futhi . . . Funda . . . Uma ufuna ukwazi ngeBandla, ukuthi yikuphi okuqondene naLo, funda iSambulo izahluko ezintathu zokuqala, bese-ke uya ngale esahlukweni 19 bese uqala ukufunda lapho. Bese-ke uthola uMlobokazi. Konke okunye okusele kwakho kukumaJuda lapho.

312 Manje, enzalweni yenyoka. Angiwutholi phakathi lapha, ngoba (niyabo?) kuyinqwaba nje enkulu yayo. Kodwa umuntu wathi, "Uma inyoka enobuqili—uma inzalo yenyoka enobuqili (niyabo?) . . . Owesifazane, u—wathola indodana eNkosini, washo njalo."

Awu, ngikholwa ukuthi ngeSonto eledlule, ngakuchaza ukuthi wakuthola kanjani eNkosini. Uma akuthola empeleni, wakuthola eNkosini (niyabo?), ngoba kwakudingeka kuvele eNkosini. Ngoba umthetho kaNkulunkulu une . . . Uyo—uyolalela uNkulunkulu. Impela.

313 Wakumisa ukuthi ilanga lifanele likhanye, nelanga liyakhanya. Wakumisa ukuthi imvula iyonela abalungile

nabangalungile; iyakwenza. Nezimbewu ezitshalwe kunoma yiyiphi insimu, noma ngabe zinhle noma zimbi, ziyomila; yimbewu. Futhi uma imbewu itshaliwe, kungakhathaleki . . .

Nendlela kuphela lenyoka eyayingatshala ngayo imbewu, yayiyisona kuphela isilwane esilandela esidalweni esingumuntu. Ngokuba enguqunguqukweni yesintu, uma indoda . . . uNkulunkulu wafukama phezu komhlaba . . . Futhi Uqala ukuveza izinyoni, ne . . . ukusuka ezinyonini Uza ezintweni ezehlukene, bese kuba yinkawu enkulu ishimpanzi, bese kusuka kwishimpanzi kuye enyokeni enobuqili.

314 Manje, Wayiguqula leyonyoka ngangokuthi (lokho kwakufanele kwenziwe) lokho kwakuzodida lesisizukulwane, esizama ukuthola ithambo elibukeka njengohlobo oluthize lwesilwane esasingumuntu inxenye nesilwane inxenye, ukusho ukuthi yilapho umuntu . . . Libalahlekele kusukela kwishimpanzi; yishimpanzi kuphela engenabo ubuhlakani. Ishimpanzi ayinawo umphefumulo; ingecabange. Nje ine . . . I—inga . . . Nje u—umsindo, futhi inga . . . Ihhashi, "yii," "hho," noma yinto efana naleyo. Inja, "Woza lapha, Fido, yenza umgilingwane. Gxumela ngale!" Nokubeka amabloksi nezinto ezinjalo, ziyakwenza lokho ngosikisiki, ngokuzwa, nezinto ezinjalo, nokwenza; kodwa ukucabanga nokuqonda, azikwazi. Azazi ukuthi zinqunu, azilazi iduna nesikazi, umehluko, kanjalo. Azinamithetho enjalo . . . ? . . . Niyabo? Azikwazi ukukwenza. Isidalwa esingumuntu yisona sodwa.

Nesinye esilandelayo esidalweni esingumuntu kwakuyinyoka enobuqili. IBhayibheli lathi yayinobuqili kakhulu kunazo zonke izilwane ensimini. Ihlakaniphe kunezinye, ya—ya—yayithi ayibe nomphefumulo impela. Yayinendawo yomphefumulo, kodwa yenzani na? Yazithengisela kuSathane ukukhohlisa uNkulunkulu, iyazama. Bangaki okutholayo manje lokho kuze kube manje na?

315 USathane, inyoka enobuqili, yayicishe impela ibe nomphefumulo. UNkulunkulu wayazi ukuthi babezowafuna lawomathambo, futhi akukho-thambo enyokeni elibukeka lifana nomuntu. Yayi . . . Leso yisiqalekiso sayo. Yama ngezinyawo zayo njengomuntu nje.

316 Qaphelani, kwase kuthi-ke leyonzalo, eyayisondele enzalweni yomuntu . . . uSathane uqobo lwakhe, umoya, wayazi ukuthi leyo kwakuyiyona-nzalo kuphela eyayikwazi ukumithisa owesifazane, ngoba ishimpanzi ingeke ikwenze. Bayixubile nayo yonke into; ingeke ikwenze. Kodwa wayazi ukuthi imbewana yokuphila eyayikwishimpanzi yayingeke ize ensimini yeqanda lowesifazane; kodwa wayazi ukuthi inzalo yenyoka enobuqili yayizokwenza, ngakho wasebenzana nenyoka enobuqili.

317 NoAdamu wayengakaze azi ukuthi lesisenzo singenziwa. Niyabo? Owesifazane wenziwa isifazane. Impela, wayezoza

kuso kamuva; kodwa niyabo, ukuzibusa kukaNkulunkulu ukuZiveza obala njengoMsindisi no—nokunye nokunye, njengoba ngichazile izikhathi eziningi. Kodwa uSathane wayekwazi lokhu, ngokuba ufika kuye ngesimo salenyoka enobuqili, okwakuyisilwane; futhi i—isilwane, futhi safika kuye. Futhi wamithiswa nguSathane kuqala.

318 Futhi uma nizoqaphela, kwabakhona izenzo ezimbili ezenziwayo, futhi kwaba nabantwana abathathu abazalwayo. Hlola umBhalo. Wazala amawele. Omunye wabo kwakuyinzalo yenyoka enobuqili; omunye kwakunguAbela. Wayenga umyeni wakhe futhi watshela . . . Niyabo? Wayesekhombisa umyeni wakhe-ke ukuthi kwakuyini, wayesehlala naye-ke futhi, wayesezala lomntwana. Futhi ngifuna u . . . ukukhombisa ukuthi wamitha amawele ngokubili okwehlukene . . . Wayeyi . . . Lowo ngowesifazane oyintombi.

319 Banjalo, niyabo, baqinile. Njengokuthi bukani lapha. UAbrahama washada nodadewabo uqobo. Ngani, uma indoda ishada nodadewabo namhlanje, abantwana bayoba yizilima. Niyabo? Kodwa umuntu . . . Futhi lapha uJakobe . . . noma—noma uIsaka washada noRebeka owayengumzala wakhe uqobo, umzala wakhe wegazi kulokho, ubuhlobo begazi, niyabo, umntwana womfowabo ka-Abrahama.

320 Qaphelani, qaphelani manje, kulokhu, niyabo, kune . . . isintu sasiqinile kakhulu. Manje, uma niqaphela bekuhlala njalo kungamawele njalo. Kwakukhona . . . uKayini noAbela babengamawele, noEsawu noJakobe babengamawele. UJesu noJuda bephuma esizweni esifanayo nasebandleni elifanayo. Ne . . . Ngisho noMoya oNgcwele nomphikikristu kuzoba ngamawele, "Basondelane kakhulu kuyoze kudukiswe nabaKhethiweyo impela uma kungenzeka." Ninakho na? Kulungile.

321 Manje ukufakazisa lokhu, ngifuna nithathe uJuda u . . . ngikholwa ukuthi ivesi 17, noma ivesi 14 likaJuda futhi kwathi . . . Manje, manje, qaphelani lokhu. Manje, ngizovala. Qaphelani. Ukunqamula yonke into ukuyenza ibe kahle, indawo yokuqala Wathi, "Ngiyakubeka ubutha phakathi kwenzalo yakho nenzalo yenyoka enobuqili." Niyabo? Manje, owesifazane akanayo inzalo. Ngakho-ke, ukuthi wayithola kanjani lenzalo kwakuyinzalo kaSathane. UKayini wayeyindodana kaSathane. Owesifazane wayengenanzalo, ngakho wayemukela ngokulalana. Futhi ngenkathi ekwenza, wanikwa yona yisitha sikaNkulunkulu. Kwase kuthi-ke, ngenkathi uNkulunkulu emnika iNzalo, Yayingenacansi nhlobo kuYo. Niyakuthola na? Isigqilakazi nomntwana waso saxoshwa, ngoba singeke silidle ifa nowesifazane okhululekileyo nomntwana wakhe.

322 Futhi qaphelani, wayesenikwa iNzalo-ke eyayinguKristu. Kanjalo neqanda lakhe alizange . . . Manje, iProtestane lifuna ukukholwa ukuthi kwakuyinhlayiya yegazi elibomvu

enokuzalwa yintombi, lelo kwakuyiGazi likaNkulunkulu elidaliwe lapho kwakulele khona imbewana, kodwa lathi kwakuyiqanda lakhe. Qhabo, mnumzane! Leloqanda lingeke lehla ngaleloshubhu liyongena esizalweni ngaphandle uma kukhona ukuvukelwa yimizwa. Khona-ke ubeka uNkulunkulu, ngo—ngoMoya, enokulalana nowesifazane. Kungenziwa kanjani na? Kwakuyinto edaliwe kaNkulunkulu ngakho konke, kokubili iqanda nembewana.

323 Futhi WayeyiNdodana kaNkulunkulu, hhayi indodana kaMariya, ngokuba Akazange ambize ngomama. "Sifazane," Wambiza, akusuye neze umama. Wayengesuye umama waKhe. KwakuyiNdodana kaNkulunkulu, noNkulunkulu Munye. Niyakuthola na?

324 Manje, enye into ukufakazisa lokhu nokukubethela phansi, lapho uma noma ubani oke aqophisane nawe, buyela emuva lapha eNcwadini kaJuda, ngicabanga ukuthi yivesi 17 (ivesi 14 noma 17), wathi, "Manje, uEnoke . . ." Nifuna ngikufunde na? Ninaso lesosikhathi esingako na? Aku—asi . . . khona-ke ngizothola . . . Khona-ke ngizokwazi, ngoba iteyipu lapha iyaqhubeka, futhi si—singahle sikuthole sekuxovekile ku—kulokhu manje. Ake ngibone uma lena kuyi . . . Ivesi 14:

> . . . *Enoke naye, ongowesikhombisa kusukela ku-Adamu, waprofetha ngalezi* izinto*, wathi, Bheka, iNkosi iyakufika nabangcwele* bayo *abayizinkulungwane ezingamashumi,*

325 Manje, buyela esahlukweni 5 (ngicabanga ukuthi yiso) sikaGenesisi, bese-ke uya futhi, ngale eNcwadini kaLuka (ngifisa sengathi bengingakuthola; ngikubhale konke phansi lapha, ukuba bengingakuthola phakathi lapha) futhi nizokuthola lokho ekuzalaneni kwezizukulwane, akukho-ndawo eBhayibhelini . . . Uma . . . Bukani! Uma uNowa . . . Uma uEnoke engowesikhombisa kusukela kuAdamu, iBhayibheli lathi, "UAdamu kwase-ke kuba yindodana yakhe uSeti," ngoba uKayini wayengesiyo inzalo ka-Adamu. Kwathi uAdamu wazala uSeti, noSeti wazala . . . Jarede; uJarede wazala, kwehle njalo kuze kuyofika kuEnoke; noEnoke wayengowesikhombisa kusukela kuAdamu. Akukho-ndawo lapho okwake kwakhuluma khona ngokuthi uKayini wake wathathwa ngokuthi uyinoma yini ekuzalaneni kwezizukulwane zikaNkulunkulu.

326 Manje, bukani nje futhi nithole ukuthi kunjalo yini noma qha; kuhlolisiseni. NoLuka ufika ngapha futhi ukubiza ngamagama kubuyela emuva ngqo futhi, futhi ukuqobela phansi kusukela kuAdamu. Akukho nakanye lapho uKayini ake aphathwa khona entweni yonke. Futhi uma uEnoke (niyabo?) wayengowesikhombisa kusukela kuAdamu, wangenaphi uKayini na? Ngoba iBhayibheli lakusho lokho, ekuzalaneni kwezizukulwane, ukuthi uAdamu wazala indodana yakhe, uSeti. NoSeti wazala uJarede, noJarede wazala u*S'bani-*

*bani*, kwehle njalo; futhi akukaze nakanye uKayini ake aze aphathwe. Ngakho wayengeke aba yindodana ka-Adamu. Ngakho wadingeka abe yindodana yenyoka enobuqili, futhi wayengeke aba yindodana ngaphandle kokulalana. Amen! Uma wayengenjalo, wayezalwa yintombi, khona-ke wayeyoba yindodana kaNkulunkulu. Ngifuna baphume kulokho ngesinye isikhathi.

327 Manje, uNkulunkulu ofanayo owembula lokho, unguNkulunkulu ofanayo owangitshela ngomshado wenu nesahlukaniso. Nxa Esho lezozinto, Mfowethu, Dadewethu . . . Ngingumfowenu, umuntu. Kodwa nxa Esho lokho, nalokho kushaya phansi phakathi lapha, ngeke nganichazela khona. Akunasidingo kimi ngizama ukukwenza, ngoba bengingeke. Kodwa akukaze nakanye kube yiphutha. Nakuba, ngangingakuboni qobo lwami nhlobo, ngangingakuboni, kodwa nje ngibambelela kukho; futhi-ke Uqala ukukwembula, khona-ke nje ngi—kuvele nje kungehlule. Nakho kwakulapho ngqo, futhi angikubonanga. Imfundo yakho—yakho iyedlulwa, nezizindlo zakho ziyedlulwa, nakho konke okunye; kanjalo noKayini wedlulwa.

Manje, ukuba besinesikhathi sokubuyela emuva lapha kuGenesisi futhi siqale ukufunda . . . Ake sibone ukuthi bengingakucosha yini futhi ngikuthole ngemuva lapha. Angazi ngempela ngempela noma ngabe—noma ngabe bengingabuyela noma qha. Nkk. Wood, uyakhumbula ngenkathi ngangikukhombisa lokho ngoluny'usuku na? Lokho nje . . . Ngabe leso kwakuyisahluko 5 na? Ese 5, e, hhe. Kulungile.

> *Lokhu kuyizincwadi yezizukulwane zika-Adamu.* Mzukwana *uNkulunkulu edala umuntu, ngomfanekiso kaNkulunkulu* wadala . . . *yena;*
>
> *Wabadala owesilisa nowesifazane; wababusisa, wabaqamba igama lokuthi uAdamu, mhla bedalwa.*
>
> *UAdamu wahamba* unyaka *eyikhulu neminyaka engamashumi amathathu,* wazala . . . amadodana—wazala—wazala *indodana ngomfanekiso wakhe, futhi—futhi efana* naye*;* wa*yiqamba igama* . . . (UKayini? Ha-ha-ha-ha-ha! Wamqamba igama lokuthini na? Liphi—liphi lelozibulo elalinobuzibulo pho? Akazange amphathe ngisho. USeti wayeyindodana yakhe.)

328 Manje, siza ngapha futhi futhi sithola lapho khona okwathi . . . Futhi uEva waphiwa indodana, ngoba uKayini wabulala uAbela. Manje qaphelani njengoba siqhubeka. UAdamu nezinsuku udala . . .

> *UAdamu wahamba iminyaka eyikhulu namashumi amathathu—wahamba iminyaka eyikhulu namashumi amathathu,* wazala *indodana*—wazala *indodana*

*ngomfanekiso wakhe, efana naye; wayiqamba igama lokuthi uSeti:*

*I—izinsuku zika-Adamu emva kokuba e. . .* zalwa *kukaSeti zaziyiminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili* na. . .*:* wazala *amadodana namadodakazi:*

*Zonke izinsuku zokuhamba kuka-Adamu zaziyiminyaka engamakhulu ayisishiyagalolunye na—namashumi amathathu na. . .: wayesefa.*

*USeti wahamba i. . .iminyaka eyikhulu nanhlanu,* wazala *uEnoshe*:. . .(Futhi kwehle njalo kuze kuqhubeke kwehle, futhi ungowesikhombisa, uEnoke ungowesikhombisa kusuka kuAdamu.)

Manje, angikhumbuli nje ukuthi kukuphi kuLuka. Unakho lokho kumakiwe futhi, Nkk. Wood na? Yena nami. . .Ngangimkhombisa khona ngoluny'usuku e. . .Uthini? [UMfowethu Branham uxoxa noDadewethu Wood—Umhl.] Ngikholwa ukuthi uqinisile, Dadewethu Wood. Sakumaka phansi lapho ebhukwini lakhe, lapho esasikhona, iBhayibheli lakhe, lapho engangikhombisa khona. Nakhu, ya, ukuzalana kwezizukulwane. Kulungile.

329 Manje, uma sizoqaphela lapha. . .Esahlukweni 3 sikaLuka sithola into efanayo. ". . .okwakungamadodana nokunye nokunye. . .noNowa, okwakungoLameki, angamadodana futhi kaMathusala, owayeyindodana futhi kaEnoke, owayeyindodana kaJarede, owayeyindodana kaMaleleyeli, owayeyindodana kaKayinani, owayeyindodana kaEnose, owayeyindodana kaSeti, owayeyindodana ka-Adamu, owayeyindodana kaNkulunkulu." Wangenaphi uKayini na? Ukuphi uKayini, izibulo na? Ubuzibulo kuye; wayengavelaphi na? Wayeyinzalo kaSathane, futhi hhayi ekaNkulunkulu. Wayengesiyo eka-Adamu futhi, ngoba igama lendodana ka-Adamu kwa—kwakunguSeti. UKayini, inzalo yenyoka enobuqili, wabulala indodana yakhe yokuqala okwakungumfanekiso nesithunzi senyoka enobuqili futhi ibulala enye indodana yakhe, uJesu. NoSeti wathatha indawo yakhe ekuzalaneni kwezizukulwane, okwakuchaza ukuvuka, ukuthi ukuzalana kwezizukulwane zikaNkulunkulu kwakuzoqhubeka ngokupheleleyo.

330 Ngifuna ukubona omunye umuntu emfaka lapho manje futhi athi kwakungesiyo inzalo yenyoka enobuqili. Ayivunywanga ekuzalaneni kwezizukulwane zikaNkulunkulu, noma akuzange nasekuzalaneni kwezizukulwane zesintu, ukuzalana kwezizukulwane zika-Adamu, noma yimuphi wazo. Kunjalo na? Bangaki okukholwayo, thana, "Amen!" [Ibandla liyaphendula, "Amen!"—Umhl.] Impela. Wayengesiyo; wayeyinzalo yenyoka enobuqili futhi engesiyo eka-Adamu!

331 Owesifazane wathi leyo kwakuyindodana ka-Adamu. Kwakungesiyo indodana ka-Adamu. Wathi, “Ngiyithole kuNkulunkulu.” Futhi wayefanele, kwakuyinzalo. Kwakuyinzalo, kodwa kwakuyinzalo yenyoka enobuqili. Niyabo?

332 Futhi Wayezodinga ukubuya eyintombi ngaleyonkathi ukuze akhuculule lesosenzo socansi esasikade senziwe. UAdamu wabekwa lapha emhlabeni, kodwa wayenga—wayengakaze athole ukuthi wayezoba ngubaba. Niyaqonda ukuthi ngichaza ukuthini. USathane ekwazi lokhu, wafika kuEva ngaphambi kokuba uAdamu afike lapho. Futhi yilapho yonke into ilele khona namhlanje. Futhi mfowethu, yilokho okwenza umshado nesahlukaniso nayo yonke enye into ingamagwebu njengoba injalo namhlanje. Ifikiselana umunyu. Niyabo? Kodwa ngi . . . UNkulunkulu wenze indlela, esibongayo ngayo.

333 NiyaMthanda na? Akamangalisi na? Manje, ngabe inzalo yenyoka enobuqili ikahle na? Bengicabanga ukuthi mhlawumbe omunye eteyipini ube . . . angahle acabange ukuthi bengesaba ukuyihlasela. Niyabo? Ngakho bebezothi, “Ngani, uyedlule kabili. Uyesaba nje ukuyibamba.” Asisibo abalokho. Inqobo nje uma iNkosi ikukho, konke kulungile.

Niyazi ukuthini na? Njengoba ngishilo, ukuthi ukhozi ngalesosikhathi ngabhekisisa ukuzizwa amaphiko alo, niyazi. Ngase ngicabanga, “Awungesabi yini na?” Nganginesibhamu sami sibekwe laphaya; ngathi, “Bengingakudubula.” Lwalwazi ukuthi ngangingeke ngiludubule; ngangikude kakhulu kulesosibhamu. Ngathi, “Uyesaba na?” Lwavele lwajikisa amehlo alo amakhulu lwase lungibuka. Ingwejeje encane yaphansi ihlezi laphaya ithi, “Tsha, tsha, tsha, tsha, tsha, tsha; ngizokudabula ube yizicucu, ngikudabule ube yizicucu!” Lwalungayinaki leyongwejeje yaphansi, kodwa lwakhathala ukuyilalela. Ngakho emva kwesikhashana, lwavele nje lwabhakuza kanye, lwaphuma kanjalo, futhi nje lwalungisa amaphiko alo. Futhi lwalwazi ukuthi kuvivwa kanjani ngalawomaphiko, lwavele lwandiza nje lwaze lwayosithela. Niyabo? Ngilubone nje luba yintwanyana encane kanjalo, nje ichashaza elincane.

334 Mfowethu Fred, ngikholwa ukuthi ngakukhombisa. Ngelamele uMfowethu Fred emuva lapho manje, ngenkathi empompoloza “Amen!” esikhashaneni esedlule. Ngi—ngikholwa ukuthi ngakukhombisa leyondawana phezulu lapho, noMfowethu Wood, noma ngabe ukuphi, phezulu le ezintabeni phezulu lapho, lapho lokho kwenzeke khona. Ngilubonile lolokhozi. Ngi . . . Lwaphoqeka ukuthi lwehle ngalesosichotho, futhi ngangimi emva kwalesisihlahla.

335 Ngangizingela izinyamazane ama elki (futhi sekukamuvanyana), futhi kwakungo-Oktoba, namaqhwa nezinto. LoMfowethu lapha wayephezulu lapho ngekwindla

edlule enathi, uMfowethu John nabo, phezulu impela esiqongweni seCorral Peak yilapho okwakukhona.

336 Ngama lapho, ngase ngima emva kwalesisihlahla. Likhithikhithika futhi linayina, futhi ngangimi lapho nje. Lolokhozi lumi lapho, futhi lwaphoqeka ukuthi lwehle. Lwandizela phezulu lapho, omkhulu, umfo obukeka eyinunu enkulu, olukhulu, ukhozi olunsundu. Lwahlala phezulu lapho lwase luqalaza, ngacabanga, "Awu . . ." Nga—ngangine—nesikhathi esimnandi ngempela. Ngangimpompoloza, "Ayibongwe iNkosi! Haleluya!" Ngangihamba ngizungeza ngizungeza ihlashana, ngimemeza kanjalo. Ngabheka phansi lapho; ngangilizwa inkentshane ikoyote limpongoloza. Niyazi ukuthi ampongoloza kanjani.

337 Ngonyaka odlule ezansi lapho, ngenkathi . . . ngaphambi nje kokuba liqale ukuna, ayeqala ukumpongoloza; kwakuyimpisi encane, niyazi. Ngiyathanda nje ukuzizwa.

338 Bese-ke ngangizwa inyamazane i elki ngapha ithi, "Wii wuu," ikhala. Nendlela ezenza ngayo nale ngapha umata eyiphendula. (Ngeviki elizayo, iviki emva kwelizayo, ngizobe ngizizingela, iNkosi ithanda.) Ngakho manje-ke, ngizwa lokho laphaya, o, kungukumesaba okukhulu nje uNkulunkulu ukuba phezulu lapho. O, ngi—ngivele nje . . . Leyo—leyo yindlu yami enkulu yesonto phezulu lapho lapho engikhuluma khona naYe, bese-ke ngehlela lapha bese ngikhuluma nani. Niyabo?

339 Futhi phezulu phakathi lapho, o, kumangalisa kakhulu, ngiziphumulele nje. Nje ngimi lapho, ngacabanga, "O, Nkulunkulu . . ." Ngabuka, kwase-ke kuphuma imvula, nezihlahla ezingawohlozi amacembe kwakusibekelwa yiqeqeba lamakhaza, nothingo lwenkosikazi lwashwibeka lunqamula leyoCoral Peak luyothi ngqi eSheep Mountain, ngale nga*leyo*ndlela, lunqamula nga*leyo*ndlela. Ngase ngicabanga, "O, Nkulunkulu, awubheke laphaya. Mm," ngacabanga, "ulapha Wena, Alfa no-Omega, ukuQala nokuPhela. Nantu lwehla nalapha, lapho. Unguwe izolo, namuhla, naphakade, imiNyaka yeBandla eyisiKhombisa, iZinti zezibani zeGolide eziyisiKhombisa. Nakho lapho Okhona, Nkulunkulu, Uyamangalisa."

340 Futhi nje ngangimemeza, ngabeka isibhamu sami phansi; ngazungeza isihlahla ngimpompoloza, "Udumo kuNkulunkulu! Ayibongwe iNkosi," ngizungeza ngizungeza isihlahla kanjalo. Nganginesikhathi esimnandi nje phezulu lapho ngingedwa, kuyiNkosi nje nami, niyazi.

341 Futhi emva kwesikhashana lolokhozi luyakhuphuka luphuma kulesosixhobo sehlashana futhi nje lwangibuka. Ngacabanga, "Awu, awukuthandi lokho?" Ngathi, "Mfana omdala, ngikhonza uNkulunkulu ofanayo owakwenzayo." Niyabo? Lwavele nje lwacwayizisa amehlo alo ampunga

amakhulukazi lwase lungiqalaza, nami ngimpompoloza kanjalo.

342 Encane, ingwejeje endala yesihlahla ishoba (noma ubani oke azingele ezintabeni, iyi—iyiphoyisa lasemahlathini), futhi yagxumela phezu kwalapho (umfo omdadlana, engemkhulu kangako ukwenza lutho, kodwa o, umsindo ongaka pho)—futhi yagxumela phezulu lapho, igxuma iya phansi phezulu, niyazi, "Ya, ya, ya, ya, ya, ya—ya, ya, ya, ya, ya, ya," nje iqhubeka kanjalo.

343 Nalolokhozi lwaluyibhekisisa; lwalungibuka lungengamile. Ngacabanga, "He, Nkosi, awu, Ubungangimiselani entweni enjengaleyo na?" Niyabo? Ngathi, "Ngoba, Uyazi, bengikhonza Wena. Ufuna ngibone into ethize kulolokhozi na?" Ngathi, "Ngizolutadisha, noma ngabe kusengwejejeni yesihlahla seshoba na?" Ngama lapho futhi ngakubhekisisa; ngacabanga, "Ngizolutadisha kancanyana nje." Ngathi, "Into eyodwa engiyiqaphele kulo, lwalungesabi." Ngiyakuthanda lokho, lungesabi. Lwama lapho, leyonyoni enkulukazi; ngathi, "Uyazi ukuthini?" (Isibhamu sami sasibekwe sencikiswe esihlahleni.) Ngathi, "Uyazi ukuthi bengingakudubula na?" Lwalwazi kangcono kunalokho; lwalwazi into eyodwa: ngangingeke ngikwenze; ngangilwazisa kakhulu. Niyabo? Nanto lwalumi lapho, futhi lungesabi nakanci.

344 Ngase ngicabanga, "Bengingakudubula." Manje, ngangilubonile; lwalungiqalaza kanjalo. Futhi lwaluqhubeka nokwenza amaphiko alo, niyazi, ebuyela emuva. Niyazi ukuthi zenza kanjani kanjalo, amaphiko azo, niyazi. Amaphiko amakhulukazi athi awabe made *kangaka*, niyazi, futhi lwalungumfo omkhulu. Lwaluhlezi lapho, futhi ngalubuka. (Lokho kwakule ngaphambi kokuba ngizazi lezizinto; lokhu kwakuseminyakeni emininginingi eyadlula, mhlawumbe iminyaka engamashumi amabili eyadlula.)

345 Ngase ngilubhekisisa. Emva kwesikhashana, ngiyalubona; ngacabanga, "Yini olu—yini olu . . . Alwesabi, ngakho ngakwazisa lokho. Kodwa yini engukumesaba kakhulu uNkulunkulu ngalolokhozi oludala na?" Ukubona lowo omkhulu, obanzi, umlomo oyihhuku uphume kanjalo, nalawomehlo amakhulu, ngacabanga, "Mfana, luyinyoni yangempela."

346 Manje, akukho-muntu . . . Uklebe, uma ubungazama ukululandela, ubuzobuthuka. Akukho okungalulandela. Qhabo, qhabo! Bekungathatha indiza ukukwenza. Yebo, mnumzane! Akukho nyoni engalulandela, ngakho, luhamba luphakame kakhulu. Futhi-ke, lunamehlo; lungabona phansi ngqo emhlabathini futhi, emva kokuba seluphezulu laphaya, lubone kude le.

347 Manje, uJehova ufanisa abaprofethi baKhe njengezinkozi (niyabo?); Lwaluwaphakamisa kanjalo. Ayefanele enziwe ngendlela ekhethekile. Ake sibone. Lumiselwe ngaphambili, luzalelwe leyonhloso (niyabo?), luphakanyiswe kanjalo. Bese-ke u. . . Kuhle ngani ukuya phezulu lapho uma ungenakubona ukuthi ukuphi na? Niyabo? Kusizani ukwenyukela lapho uma ungazi ukuthi wenzani na? Uyabo, uyabo?

348 Kusizani ukugxuma phansi-phezulu, umemeza futhi ukhuluma ngezilimi, uma ungazi ukuthi konke kumayelana nani na? Uyabo, uyabo? Ufanele uqonde ngenkathi ulapho. Uyabo?

349 Ngakho manje-ke, ngalubhekisisa, niyazi, lapho luhambahamba ngalapho. Ngangilokhu. . . Ngalwazisa nje; lwaluyinyoni enhle ngempela. Kepha nokho, lwalungadla mhlawumbe enye yenyama yami yenyamazane idiye nezinto engi. . . Ngalubhekisisa, futhi emva kwesikhashana ngacabanga, "Uyazi, yini—yini olu. . ."

350 Emva kwesikhashana lwakhathala. Angicabangi ukuthi lwakhathala ukubuka mina, kodwa ngicabanga ukuthi lwakhathala ukulalela leyongwejeje endadlana yesihlahla seshoba ihlezi laphaya. Niyazi, sineziningi kakhulu zazo ekamu namhlanje. Niyazi? Niyabo? "Tsha, tsha, tsha! Izinsuku zezimangaliso selwedlule! Ayikho into okuthiwa ukuphilisa kukaNkulunkulu. Azisekho lezizinto!" Niyabo? Ingwejeje endadlana yesihlahla seshoba ebanjwe umhlaba ihlezi phezu kwalesosiqu. "Ufanele ube ngowa*leli*. Si—si—siyi. . ." Niyabo? Sihlezi lapho nje sixoxaxoxa phansi-phezulu. O, lwalungqengqa, lwaluzithintitha kakhulu impela.

351 Lwakhathala ukuyilalela, futhi lwavele nje lwenza okukodwa kakhulu, ukugxuma okukhulu, futhi lwanyakazisa lelogatsha lapho oluhlezi khona, kanjalo. Igatsha lanyakaza, kanjalo, lwase luphuma ngqo. Niyabo, lwabhakuzisa amaphiko alo lwase nje lwehlukana ngalowomuthi lapho. Futhi ngenkathi lwenza, ngalubhekisisa. Niyabo? Lwalungesabi, ngoba lalibuzwa ubukhona bamaphiko alo eliwaphiwe nguNkulunkulu. Lwalwazi ukuthi lawomaphiko angaluthwala alususe kunoma yiluphi uhlobo lwengozi. Niyabo?

352 Futhi ngakho, yilendlela esifuna ukuzwa ngayo. Leli yiZwi, naLowo owaloba iZwi ungamaPhiko ami. Angilesabi iZwi; Liyokuthwala wedlule ngqo kunoma yiluphi uhlobo lwenkathazo ekhona. LiyiNkemba eyosika indlela yaLo ledlule liqonde ngqo. Ungakhathazeki neze ngayo. Niyabo?

353 Ngaluqaphela-ke. Alizange libhakuze, lavele nje lamisa amaphiko alo. Niyabo? Nalokho, njalo uma umoya ungena, lwaluvele luphakame nje, luphakama luphakama.

Ngama lapho, ngase ngisonga izingalo zami, ngase ngilubuka lwaze lwaba yichashazana elincane kwaze kwaba

l'khuni ukuthi ngibe ngisalubona. Ngase ngicabanga, "Nkulunkulu, yilokho-ke." Akusikho ukugijima ujoyine *lokhu,* futhi ugijime ujoyine *lokho,* futhi wenze *lokhu, lokho,* noma *okunye*; kungukumisa amaphiko akho (uyabo?); wazi ukuthi ufanele uwamise kanjani amaphiko akho okukholwa eZwini likaNkulunkulu, futhi untweze udede kuwo wonke lombhedo wokuxoxaxoxa lapha nokuxoxaxoxa laphaya. Ya! "Kodlula amazulu nomhlaba, kodwa iZwi laMi alisoze lehluleka."

354 Manje, cishe nginamashumi amabili enu futhi kulentambama. Manje, nina ose...osezingxoxiswaneni zangalentambama, ngani, bonani uBilly, ngoba ngicabanga ukuthi bazozama nje ukuqala ngaphambidlana kwesikhathi ngami ukuba ngibangenise bonke. Uma ngingaphumelela, ngifuna ukubathola bonke ngokungenzeka ngibathole. Futhi ngenze lokhu, hhayi ngoba...UBilly ubengakwazi lokhu, niyabo, kodwa umqondo wami ubuthatheke kakhulu emva cishe kwemibono engamashumi amabili phakathi lapho kulokhu ukusa, niyabo, kuze ku...noma ngabe kwakuyini. Kuthi nje ukukufaka e...NoBilly uthe, "Yini ungaphumi bese uthatha okuncane...Uziphumuze, uphume, bese uphendula eminye yemibuzo lapho."

Ngase ngithi, "UMfowethu Neville unomlayezo wakhe."

Wathi, "Ngizohamba ngimtshele." Wajikela ngale.

UMfowethu Neville wathi, "Woza!" Ngakho manje-ke, ngasukuma ngase ngiphumela lapha. Nabanye babo ulindele lentambama. Ngiyaxolisa nginihlalise lapha kwaze kwaba ngelokuqala nqo, kodwa ngizoba yi...ngiqagele ngizofanele ngisuke ngaphambi kwakusasa, ngakho ukuba ngiqhubeke ngibuyele eArizona futhi.

355 Khumbulani, iNkosi ithanda, ngesikhathi esilandelayo ngibuya, ngifuna ukushumayela ngokuthi, kini, nge... nginikhombise emBhalweni okuqondile komshado nesahlukaniso. Lokhu...Futhi manje...Bese-ke, nje ngikuyeke ku...Kwendlale ngendlela ngempela okuyiyo, khona-ke nizokubona kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke. Ngakho kuze kube ngalesosikhathi, yimani isibindi; iNkosi inibusise kakhulu ngempela. Singasukuma na? [Kunikezwa isiprofetho sivela enenekazini ebandleni—Umhl.] Ayibongwe iNkosi.

> Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda, (Niyamthanda
> na?)
> Ngoba Wang'thanda kuqala,
> Wang'thengel'insindiso
> Emthini waseKalvari.

356 NiyaMthanda na? Manje, asixhawulane nomunye nomunye, sisacula futhi.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda,
Ngoba Wang'thanda kuqala,
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

357 O, lokho akumangalisi na? O, he! UBilly ubefuna ngimemezele, ukuthi emva kwesibusiso, unezwi afuna ukulisho kinina bantu lapha ofuna lezozingxoxiswano zangasese. Niyabo? Ufuna ukuhlangana nani emizuzwini embalwa nje. Kodwa ngiyezwa khona manje, umzuzwana wokukhonza nje. Lezi . . . Anithandi ukuMkhonza ngoMoya na?

Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

358 O akumangalisi na? O, ngi—ngiyaMthanda. Enhliziyweni yami ngiyaMthanda, uma ngiyazi inhliziyo yami. Ngikholwa ukuthi niyakwenza nani. Ngakho sisonke singabantwana baKhe. Siyathandana. Manje, ngeke ngaMthanda ngaphandle kokuthanda nina. Futhi uma ngithi ngiyaMthanda futhi nginganithandi nina, iBhayibheli lathi ngingumqambi manga. Niyabo? Futhi uma ngi . . . Uma nifuna uku—uma benifuna ukungithanda noma nithande umndeni wami . . . Ukukhetha bekungukuthi, yikuphi engifuna nikwenze, nithande mina noma nithande umndeni wami; thandani umndeni wami. Ngingaqoka ukuba nithande uBilly Paul kunoma nithande mina. Uma kufika kulolohlobo lwamanqamu, ngingaqoka ukuba nikwenze. Ngifuna ningilalele, ngoba uBilly akasuye umfundisi. Kodwa ngifuna ningilalele, enginitshela khona; kodwa uma . . . uma nifuna ukuthanda umuntu othize, bathandeni ngempela, nithi, "Ngifuna phakathi kokuthi ngithande nina noma uBilly," thandani uBilly. Niyabo? UNkulunkulu uzwa ngendlela efanayo ngathi. Futhi singeke . . . Khona-ke ngiyazi ukuthi ningeke namthanda uBilly ngaphandle kokuthanda mina, ngoba uyinxenye yami. Niyabo? Ngakho ngeke ngamthanda uNkulunkulu ngaphandle kokuthanda nina, ngoba niyinxenye kaNkulunkulu. Futhi siyathandana. O, ngicabanga ukuthi kumangalisa kakhulu. Anicabangi yini ukuthi amaculo ayinto enhle emva kokuba sinalezi, siphendula lezizinto, lapho okusibeka khona ekusontekeni na? Mm, mm, o kuyikho ngempela.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda,
Ngoba Wang'thanda kuqala,
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

O, bayovela empumalanga nase . . .

